

IKHWEZI

IKHWEZI

Lilungiswe lakhishwa Isigodhlo
 seLocal Health Commission, Natal,
 195, Longmarket Street, PIETERMARITZBURG.

INCWADI KUBAFUNDI BETHU

Ngalenyanga abahleli benu baya-
 ziphumuza kabazukulunga nokulinga
 ukuloba amazwi ajwayelekile abahleli.

Okunye okukhulu okubangela
 lokho yingoba izindaba ezivela
 ezigodini ziningi ngangoba isikhala sethu sinciphile. Siyababonga abalobeli bethu ngomsebenzi abawenzayo besiqoqela izindaba lezi. Lingeke liphele Ikhwezi bengelkho. Sikhumbuza abafundi bethu ukuthi NOMA NGUBANI angabangumlobeli weIkhwezi. Ongakwenza wukusilobela ngomqondo wakho ngokubonayo endaweni yakini noma usixoxele ngezinto ezenzeka endaweni yakini. Ungaqiniseka ukuthi noma yini oyixoxayo uma izwana nomoya wobuhlobo eliqhuba ngawo Ikhwezi iyocindezelwa. Mhlawumbe incwadi yakho ingase iphembe ingxoxo enkulu ekhuthazayo kubafundi bezinhla zethu likhule Ikhwezi.

Akenilinge pheta ngenyanga ezayo?

Abenu bempela,

ABAHLELI.

AMAXOXO EKHWEZI

KUMASONTO asandukudlula uSomkanda wenza iseluleko esihle ngokutshalwa kwemithi eAshdown nakwezinye izindawo e Edendale.

Sekuqaliwe ukuba kwenziwe imincintiswano yezingadi eAshdown mhlawumbe nakwezinye izindawo. UBusikakabusiso isikhathi esihle sokutshala izinto njengoba sazi ngakho kungase kumiwe kuze kudlule izinyanga ezimbili. Lokho kuzonika abaququzelela lomncintiswano ithuba lokuba bathole izithombo nezimbhali. Bacele futhi imali eyobayimiklomelo. Sethemba ukuthi izicelo zabo ziyophumelela imali ibeningi ukuze imiklomelo ibemkhulu.

Sobuya sinitshele ngalomncintiswano uma sekuvela okusha.

* * *

Ziyanda izihlobo seKhwazi ngalenyanga samukela uMrs. E. A. Fearnhead phakathi kwezihlobo zethu. UNkk. Fearnhead usikhuthaze ngamazwi amahle thina be-Ikhwezi wabuya futhi wanikela ngomqondo kulona Ikhwezi. Yisikhathi eside uNkk. Fearnhead eyilungu lesiGungu sePietermaritzburg African Guides Association. Yena nmyeni wakhe bayaziwa kakhulu eThawini ngokukhuthalela izinto eziyinhlalakahle yabantu.

* * * * *

UKUTHI IPietermaritzburg African Club yagubha umkhosi wayo wokuphela kweminyaka emibili ngomhla ka May 18, 1951, kukhona abantu abamnyama abangama 60 lomkhosi wagujelwa eAfrican Restaurant?

LeClub isekelwa ngabe Pietermaritzburg African Welfare Society uSihlalo wesiGungu esiququzelela umsebenzi nguMn. L. B. Msimang.

Kwabalukhuni kakhulu ukumisa leCluba mhla iqalwayo ngoba kwabalukhuni ngalesosikhathi ukuthola indlu yeClub. Kodwa emuva kwesikhathi kwatholakala ngesihle iHolo encane yakwa St. Peter's okwahlanganelwa kuyona bonke olwesiBili ngenyanga, Yaphembeka iClub.

Yonke lenkathi yeminyaka emibili kuyahlanganwa kabili ngenyanga kudlalwe imidlalo yasendlini, nokuhlabelela nokuxoxa nokuzwa izinkulumo, nemibukiso yamafilimu nokunye. Kuyathokozisa ukuthi ngayo yonke lenkathi uyachuma umsebenzi weClub nabezayo emibuthanweni yayo basazinikele. Lokho kukhomba ukusebenza ngokuzinikela kwabaququzeleli.

IAfrican Welfare Society seyigale isikhwama sokwakha eyethemba ngaso ukuzakhela indlu yayo yeClub ngesikhathi esizayo. Kuyikhuthazile iClub ukuba ivunyelwe ngabeUmgungundhlovu Co-operative Society, Limited, ukuvuma nendlu yabo yeAfrican Restaurant ngawolwesiHlanu abathile isetshenziswe yiClub ngesihle. Lokho kwenza ukuba iClub ibenomhlangano kanye ngesonto kuthi ngelinya isonto ngolwesibili ihlanganele kwaSt. Peter eholweni encane ngolwesiHlanu olulandelayo ihlanganele eAfrican Restaurant. Umkhosi wokuqalwa kweClub wabe uyinto enkulu empilweni yayo ihlanganele eAfrican Restaurant.

Bayacelwa bonke abantu abathan-dayo ukuza emihlanganweni yeClub.

* * *

UKUTHI OPhethe uMnyango wemiSebenzi usawubambile umthetho wezisebenzi ukuze abantu bavunyelwe ukwakha izindlu zabantu ezihlosiwe eMlazi Mission Reserve?

* * *

UKUTHI kade kukhona umdlalo omkhulu wokuhlabelela eThekwini? Wasungulwa ngabe Durban Rotary besizwa yizinhlangano eziningi, wabayimpumelelo enkulu ngangoba kucatshangwa ukuba wenziwe minyaka yonke. Abaququzeleli bethemba ukuthi ngesikhathi esizayo lomkhosi uzomumatha nezinye izinto ezinhle.

* * *

UKUTHI "isigaba sokuqala sesi-bhedlela senkomponi yaseWelkom okungesabantu esabiza ngokwakhiwa izif750,000 eFree State saqala ukusebenza ekuqaleni kukaMarch?" (Sibonga lendaba kwabe Race Relations News.)

* * * * *

OKUZAYO

UKHETHO LWAMABHODI ASEEDEN-DALE NELASECLERMONT.

NGALEZINYANGA ezidlule kade kuxoxwa kabanzi kulo Ikhwezi ngama Advisory Boards eKhomishani ukuthi amele abantu noma qha.

Kakusezinsuku ukuba NOMA WUBANI onelungelo aziphakamisele igama lalowo afuna amele ukhetho kulama-Bhodi anabili yase Edendale neyase-Clermont nomayena uqobo efuna ukukhethwa.

Amaphepha okuphakamisa amagama alabo abazokhothwa ngomteto angatholakala kubaBhali bezindawo zika Khomishani eClermont (kwabase-Clermont) noma kuMbhali eHovisi elikhulu leKhomishani ku 195, Longmarket Street, (kwabaseEdendale). Bawagcwalise bese bewanika bona labo abawathatha kubona ngolwesiThathu emini, JUNE 20, 1951.

Uma amagama amisiswe engaphezu wezikhundla ukhetho lube ngo-Mgqibelo, July 14, phakathi kuka 11 emini no 4 ntambama emaHovisi eKhomishani eClermont noma ema-hovisi eKhomishani eEdendale.

Nantoke ithuba lakho lokumela ukhetho ubeneqiniso ukuthi umqondo wakho uvele kwiAdvisory Boards.

Nantoke ithuba lokukhetha lowo enimbona efanele ukunikhulumela.

* * * * *

IMALI YOKUBOLEKISA EKWAKHENI
IZINDLU.

(Ekuphenduleni umbuzo omayelana nemali ebolekiwayo yokwakha izindlu owavela ezinhleni zethu ze-Ikhwezi likaApril uMn. G. Taylor osebenza kwa Khomishani usilobele lencwadi emfushane, ecacisa ukuthi isebenza kanjani lendlela yokubolekisa nokuthi usizo nobulukhuni bayo kunjani. ABAHLELI.)

Ekhwezini elisanda kuphuma kwavela izwi lokuthi iKhomishani inayo imali yokubolekisa ekwakheni izindlu. Kubonakala ukhona ukungabaza kwabanye mayelana nale mali ngifisake ukukugeda lokho ukungabaza.

Udaba lwezindlu luneminyaka eminingi lusemqoka phambi kwezwe lemalike yokubolekisa iqonde ukulwa ngendlala ethile nokuncipha okwandayo kwezindlu.

Ngemali ebekwe ecaleni ukubhekana nodaba lwezindlu uHulumeni unikeza abeKhomishani yokwakha izindlu nehlolayo amasu okwakha ezi-Fundeni zaseKoloni, Freyistata, Transvaal nase Natal kwisiFunda sakhona (esebenza ngeBhodi ebhekene nokwakha izindlu eNatal). Lemali isethsensiswa yilemikhandlu ukuba iboleke abantu abathile imali ukuba bakhe izindlu zemali encane ezivunye ngawoKopeletsheni nabanye ababusa abantu.

Ukubolekisa ngalemali kusekwe ngenibandela yomthetho othiwa Housing Act (1920) waguqulwa kuseweleke kubakhona okuthile okufanele kwenziwe ngabaBusi labo uma kufika izicelo zokubolekwa imali sibekwa ngumuntu lowo, efuna ukwakha indlu. Umbusi wabantu (siso lapha iKhomishani) kufanele azi ngeqiniso ukuthi lomuntu obolekayo imali uneTayitele leFrehold kulowomhlabathi afuna ukwakha kuwona. Lomhlaba nendlu leyo azoyakha akuBhonde kuKhomishani abambise ngakho aze asibuyise sonke isikweledu.

Kufanele futhi uMbusi azanelise ukuthi umuntu obolekayo kanayo indlu emfaneleyo eyakhiweyo ahla kuyona. Lokhu kwenzelwa ukuba obolekayo angazenzeli imali ukuba athi enayo enye indlu aboleke. Onjalo kabolekwa imali. (Qaphela ukuthi iKhomishani kayisho ukuthi indlu yodaka yindlu efanele umuntu ngakho ke umuntu onendlu yodaka kavinjelwe ukuboleka imali. Kodwa iKhomishani izothi kayidilize umuntu obolekayo indlu leyo yodaka uma

seyakhiwe indlu ekahle.)

Isicelo sokubolekwa imali kasi-vunywa uma ukuyibuyisa kwakho zonke izinyanga kuzokweqa ngama 25% imali oyihola ngenyanga. Isikha-thi enqunyelwe sona ngci imali ebolekwayo ngama 30 eminyaka nen-zalo ikhokhwa ngendlala ye 3 $\frac{1}{2}$ % ngonyaka. (Imali ngenyanga zonke engabuyisa imali engama £100 ebolekiwe ngo 3 $\frac{1}{2}$ % ngonyaka ngeminyaka engama 30 yi9/1d. Isibalo lesi sizokwenza uzibonele ukuthi ungakhokha malini nyanga zonke ubuyisa imali oyibolekile.)

Okusahlupha ababolekayo imali wukusweleka kwabakhi abafanele. Abakhi babelungu babiza imali engaphezu kwamandla abaningi abangesibo abelungu abafuna ukubolekwa imali. Kwenziwa imizamo eminingi yokuthola umakhi ofanele omnyama.

Kufanele ukuba umakhi abenemali eyanele ukumisa isiseko sendlu ngoba iqala lapho ukube imali ayinikwe obolekayo. Uzinge enikwa imali umakhi ngezigaba uma esakhe isiseko, wakha anafasitele, nobude bezindonga nalapho eseqeda. Kufanele umsebenzi wesakhiwo sakhe ubemuhle ngempela. Lokhu kufanele ngoba iKhomishani imelwe ukuba iqiniseke ukuthi indlu leyo iyohlala ikahle kuze kuphele iminyaka engama 30 inkathi yokubuyiselwa kwemali eyabolekwa.

Uma abafundi befuna okunye okumayelana nokubolekwa imali mababonane noMbhalali wesiGodi sakubo kukho balobele uMbhalali we-Khomishani, Secretary, Local Health Commission, P. O. Box 416, Pietermaritzburg.

Ngingakaqedi kufanele ngigcizelele ekuthini ukuze iphumelele lenhloso yokuboleka umuntu ngamunye imali ezindaweni eziphethwe yiKhomishani kufanele kutholwe umakhi ofanele. Ozokwenza lokho okuyogculisa iKhomishani imali ayoyibiza abayobanamandla abantu ezindaweni zeKhomishani ukuyithwala.

Uma kungase kuzwakale ukuthi angatholwaphi umakhi onjalo kungabongeka.

G. Y. TAYLOR.

* * * * *

EDENDALE.

USOMKANDA ngalenyange usithu-mele inqwaba yezindaba ngezihloko ozahlukeneyo. Sizibeka phambi kwenu ngamazwi akhe.

Isikole Sezikhundlwa saseAshdown.

"Kwenziwe umsebenzi oncomekayo eAshdown. Abanye abazali nedlangezana labahlobo abamhlophe base-Mgungundhlovu kwa Toc H bahlangana ngo April bakha indlwana ngezingodo zezintingo ukuphephela abantwana baseAshdown. Umsebenzi waqedwa ngonoya omuhle wokubambisana abawubonga abantu bakhona e-Ashdown. Abahlanganisa abantu laba kwabanye babo ngawo Banumzana Sellers, Pople, Thusi noMsimang, esibabongayo."

* * *

Ashdown Ratepayers' Association.

"EMhlanganweni wabantu ngezinyanga ezimbili ezidiule abantu base-Ashdown bakha inhlango yamaRatepayers. Abaphethe izikhundla ngawo Mn. N. Mnyandu (USihlalo) noMn. Jali (uMbhalali) basizwa yisi-Gungu sabantu abahlanu. Kwethembeka ukuthi lenhlango isebenza neAdvisory Board izolungisa iququzelele konke okwenziwa eAshdown."

* * *

Ikilnika Ensha.

"Yavulwa ngoJune i leKilnika ensha. Konke nje kwayo lendlu sengathi kuthi "mpilo". Kusewubudididi ngoba phela kusafikwa kodwa kuzobuya kulunge. Ngicela abakithi ukuba una beseKilnika bangalokothi babambe udonga ngezandla ukuze phela luhlale luhlebo."

* * *

Imidlalo Yezikole ka May 24.

"Ngo May 24 ngo 9 ekuseni zonke izikole zaseEdendale zahlangana enkundleni yebhola yaseEdendale zoyohlanganyela imidlalo. Kwaqalwa ngo 10 ekuseni owokugcina ngo Fayifi seliyangomutsha wendoda. Imidlalo yabe inihle kuneyanyakenye noma phela ukuphathwa kwayo kwabe kungagculisi. Noma yabe ingekho iniklonelo izingane zanjabula zafa."

* * *

Umhlangano wabazali.

Ngaye uMay 24 kwahlangana umhlangano wonyaka wabazali bonke eBhodwe eMgungundhlovu wabamuhle kakhulu. Iningi kungabantu base-Edendale. Kuhle lokho ngoba uhlupho lwabantwana sengathi lubhedlile eEdendale kunasezindaweni ezakhelene nayo.

* * *

"Udaba lwokuqala olwashukwa-WUKUVULWA KWAMATHUBA EMISEBENZI EZINDAWENI ZETHU. Zaxoxwa nezinye kodwa kwakhonjwa ukuthi kawakho amathuba anele alabo abanemisebenzi nemizamo ethile yabo."

* * *

Ipikiniki eDamini Nagle Dam : May 31.

"IKomidi yemidlalo nezenhlalakahle yeAdvisory Board yase Edendale yaququzelela lombuthano futhi owabamuhle kakhulu ngo May 31.

Idlanzana lezinsizwa nezintombi lasuka eMgungundhlovu ngebhasi kaKopeletsheni ngo 8 ekuseni lafika eDamini ngo 9.30.

UNKk. Q. S. B. Msimang washiya amasemenshisi othakwe ngenyama yenkukhu bandla, nesitofu sePlinasi nokunye, wakushiya kuvulande kuphakathi kukabhasikidi, kwasala eMgungundhlovu. Nanguyake umyeni wakhe esehla enyuka eya ngapha nangaphaya ecele iqashana lapha lenyama, ecela laphaya iwolinji, nalaphaya ecela iqanda - nangu phela umaqumbana wakhe ukhohlwe wukudla ekhaya! Cha, uthe esezule ngempela okaMsimang ehanba ekhangeza kubahlobo abeqembu lakhe ayehelezi nalo lathola ukudla okuningi kunabanye. kuyabonakala ukuthi ukukhohlwa kukabhasikidi ekhaya kakumlambisanga neze nalabo ayenabo.

Bathe sebebuya befika eMakethe ngo Kwata Sikisi nangu uBhasikidi usahlezi khona lapho emkhohlwe khona uNkk. Msimang usakuthwele konke ukudla okuphakathi. Pho, bathi siyobuza bani sithini, bazitika bonke labo ababevela eDamini. Wazibonele okukhulu nawo uBhasikidi. Woma nkwe ubhasikidi, bewushanelile abantwana babantu, basesula imilomo.

Nampa ababeye eDamini (bazitika kubhasikidi!)

Abaesifazana : D. Zondi, Q. Msimang, I. Zondi, O. Msomi, P. Mncube, M. H. Mngadi, H. Smith, F. Mazibuko, S.

Masongwa, B. Msoni, S. Mkize, K. Hlatswayo, M. Makaya, G. Msimang, V. Radebe, G. Ndhlovu, F. Ndhlovu, E. Mtherbu, I. Msoni, M. Sosibo.

Abesilisa : G. Mdunyelwa, J. Ndzeleni, L. Mthetho, R. Tsokeane, A. Mngadi, S. Putsoana, R. Mdebuka, V. Ntombela, S. Mkize, S. Nduli, E. Msimang, G. Msimang, M. Mdhlalose.

Sibonga iAdvisory Board baku-Kopeletsheni waseMgungundhlovu ikakhulu kuDilayiva wethu wempela uMn. Stone."

* * *

Ukuncintisana Ngemidlalo Yekhili-kithi neRugby.

"Ngenyanga ezayo izikole zobe zisavaliwe", kuloba uSomkanda, "nasoke isikhathi sokuba siqale ukufundisa awothisha nabafundayo lemidlalo emibili. Nganaholide abafana abaningi kabenzi lutho ngakho sicela othisha balobe uluhlulwanagama abafana abangathanda ukufunda eminye yalemidlalo bawanike iSocial Worker yeKhomishani eKilini. Zingakavalwa izikole zizothumela kuzona ipheshana sizazisa isikhathi nendawo lapho siyohlanga khona emhlanganweni."

* * *

HOWICK WEST

Kuyabongeka ukusabela kwe-sigodi lesi esicelweni sethu sezindaba. Siyababonga abalobeli bethu laba ngezindaba zabo ezimunethe okuningi.

* * *

Noma engekho osebenza umsebenzi wobuHealth Assistant uyakhula umsebenzi eClinic bayanda abantu abeza khona. Izisebenzi zibheke ukuba afike ozophatha lomsebenzi wobuHealth Assistant.

* * *

IClub labesifazana liyaqhubeka nokunitha kwalo nezinye izinto. Umlobeli wethu uthi, "Cishe kuyoyonke ingosi wufica abesifazana benze okuncane kwokunitha nokuthunga. Kodwa phela ningakhohlwa ukuthi kuyabanda lapha, nhlawumbe yikho-nje abantu besebenza kangaka".

* * *

Ngo May 12 iUnion Jacks Football Club yayinomhlangano wonyaka emahovisi eKhomishani. USihlalo wathi umbiko wababala imali uyameluleka ngokuthile naye uyakuvuma. Kwase kumiswa ikomidi encane ukwakha imithetho imamathe nemibandela ebekwe ngobala izimali. Abakhethwa ngalonyaka :

Patrons : Banumzana Hoffenburg, Kalia, R. A. Matthews, R. Thakurdin, R. R. Trickett.

President : Miss M. A. Alexander.
vice-President : Mr. Alfred Cele.
Chairman : Rev. J. S. Dunn.
vice-Chairman : Mr. Jeffrey Zondi.
Secretary : Mr. P. Mpungose.
Assistant Secretary : Mr. Gilbert Zondi.

Captain : Mr. Jeffrey Zondi.
vice-Captain : Mr. Thomas Ross.
Amadeligeti ku Howick Association: Banumzana David Ngubane, France Ross.
Amalungu esiGungu : USihlalo, Umbhali, USikhwama nabaNumzana France Ross no Jeffrey Zondi.

* * *

Ngo May 27 uMn. noNkk. John Walstroom baseLot 16 Dale bebetokoza nezihlobo. Babephehlelela ingane yabo yentombazana kuMfundisi J. S. Dunn.

* * *

Sazisa izihlobo zethu ezilapha nangaphandle kwalendawo ukuthi siyajabula ukwamukela isihlobo sethu esidala uNkk. Mdhlamza lapha eHowick West. UNkk. Mdhlamza owasishiya ukuyoshada uzobuyela emsebenzini wakhe woku-fundisa esikoleni sezingane ezincane esiphansi kwabeMfundo sjobelelwe kwesikhulu iHowick Government Native School. Sethemba ukuthi nKk. Mdhlamza uzothola ukuthokoza okumfanele kulendawo yakithi.

* * *

Ngalenyanga edlulile lapha eHowick West sibingelela abantu abasha abafike kwaMn. noNkk. France Ross nakuMn. noNkk. David van Wyk baseQuail abaphiwe abantwana. Umlobeli wethu uyabuza ukuthi bazoghamba kanjani izinto sezibiza kangaka-nje?

IClub yaseHowick West yemiFino isazabalazile noma izithelo zisani-iphile okwamanje. Kodwa isafuna bajoyine abaningi ukuze iqhubekele phambili.

* * *

IKhonsathi yenxubevange kade iseHowick Cinema Hall ngeSonto May 27 kugwele amandiya nabelungu abakhulu baseHowick. Yabe iqonde ukusiza AwoVulindlela banaScout anandiya.

* * *

Umlobeli wethu uthi iDeli lakwaBlackwood elinikeza abantu ubisi selibatshelile abangama-Khasimende alo ukuthi selizoyeka. Njengoba aboMnyango weMpilo bakwa-Khomishani kabayivumeli enye i-Deli ithengise ngobisi siyesaba sengathi izingane zethu zizohlu-pheka. Abanye abakhileyo bathi ndaba lolu aluyekelwe kuKhomishani engase yenze isu elifana nelaseEdendale.

* * *

AMANZI sengathi kukuphela kwe-ndaba okuxoxwa ngayo eHowick West ngalezinsuku. Wonke umlobeli wethu uyayithinta abonge nokubona sengathi asezotholakala njalo. Omunye wabalobeli bethu uthi aboMnyango weNjinyela kufanele babongwe Sethemba ukuthi kuyofka isikhathi loMnyango unabange ngesigxobo sikaThelelefoninogesi izinto ezidingekayo.

* * *

Abuye athi futhi, wethemba ukuthi Ikhomishani izonisa imithetho yokuba izimotho nokunye kungadluli ngejubane emigwaqweni yaseHowick West. Abazali bayakhala ngawodilayiva abanganakile bejahile abacishe balimaza izingane zabo emigwaqweni.

WASCHBANK

ABAHLELI bayambonga futhi "UThath' ufaki' esakeni" ngezindaba zonke lezi zaseWaschbank. Sicaphuna kuzona : Uthi,

"Ekuboneni kwami Ikhwezi kalifinyeleli kuyoyonke imizi ngoba sengathi manene anaphepha athunyelwayo lapha. Kungakho lingaziwa khale ngabantu. Ikhwezi kufanele lifundwe kabanzi kuna-lokhu kwandiswe isibalo asalo. Abemabili athunyelwe eTholeni, Hlathikhulu, Lyell Meran nase Maria Raschitz omakhelwane laba bazi ngesikwenzayo lapha kwa Khomishani. Phela izindawo lezi ziphakathi neWaschbank noma zingekho phansi kukaKhomishani.

* * *

Emhlanganweni wonyaka wama Roses Football Club ngomhla ka April 24 kwaMn. S. V. Ntuli kwakhethwa laba nonyaka:-

PresidentPaulos Ntuli
vice-President...Phineas Mbhense
Secretary.....Theo. B.Mthembu
Asst. Secretary..Cable Guliwe
Treasurer.....S. V. Ntuli
Club Manager.....Joseph Marhwa

Amadeligethi kuWaschbank & District Football Association : Abanumzana Joseph Marhwa, Theo. B. Mthembu, P. J. Mathunjwa, Cable Guliwe.

Amalungu esiGungu: Abanumzana Joseph Marhwa, S. V. Ntuli, Petros Marhwa, O. Oliphant, Derrick Dladla, James Mlambo no H. Nkosi.

* * *

Nampa abakhethiwe ukuhola iClub ensha yama Hungry Lions aseWaschbank.

President.....J. D. Khoza
vice-President...Willie Gweje Khoza
Secretary.....Joseph Dhlamini
Asst. Secretary..Bax Mtinkulu
Treasurer.....Elijah Nhlan-
gothi

Amadeligethi kuWaschbank & District African Football Association: Abanunzana J. D. Khoza no Bax Mtinkulu.

* * *

Unkosazana Beatrice Alice Khoza osebenza eThekwini kodwa kubo kuseWaschbank wake wahlala izinsukwana lapha. UNkosazana Khoza wabeze ngesifo sikamalume wakhe umufi John Khoza owalondolozwa ngoApril 28. Usebuyele emsebenzini.

* * *

UMgqibelo womhla kaApril 5 intaka yabe yeneke amaphiko. Izulu ligudubele ilanga lilunguza kancane umoya ushaya emkantsheni wendoda kwabe kusha imidlalo yebhola phakathi kwezikole zaseWaschbank nezingomakhelwane. Kudlala izikole ziyisithupha, Waschbank Government School, Lyell Meran, Hlathikhulu, Maria Raschitz, Wesselsnek neTholeni. Yaphela imidlalo ukuhlabana kwazo kume kanje:

P.W.D.L. Points.

Tholeni	5	4	1	0	9
Maria Raschitz	5	4	1	0	9

	P.W.D.L.	Points
Hlathikhulu	5 2 1 2	5
Waschbank Govt.		
School	5 1 2 2	4
Wesselsnek	5 0 2 3	2
Lyell Meran	5 0 0 5	8

Yayinihle yona inidlalo noma phela kungenziwa okungcono kuna-lokho. Kufanele abafana bafundiswa ngenpela ukuze babeyizingcweti. Badlale ibhola ngezindlela zalo zonke zobungcweti bafunde nokulishaya ngamakanda. Kukuphele ukubhamuza-nje ibhola libhekephezulu. Ukudibula kakusizi ngaphandle kwezizathu ezithile nje ngoba nibona ingcweti yebhola u-Stanley Matthews odlalela iBlackpool neNgilandi ku outside-right.

Nansi iLoga yabadlali baka W. & D. A. F. A. amaClub asenyakatho neNatal nemidlalo esiyidlaliwe:

	P.W.D.L.	Points
Burnside (Roses)	2 2 0 0	4
Waschbank Roses	4 2 0 2	4
By-Products	3 1 0 2	2
Northern Stars	2 1 0 1	2
Hungry Lions	1 0 0 1	0

Noma loSosesheni esemusha kubonakala ubungcono obukhulu. Sethemba ukuthi azobanangingi amaClub ajoyinayo. Ngizwa kuthiwa ikhona eseyijoyine amaHungry Lions aseWesselsnek. Kuyofanela aguqule amanye igama lawo ukuze kungadidizelisi.

Ngifisa ukuqondisa awoNompempe nawogoalkeeper kunthetho No. 12 isigaba 4, othi: "Uma udalala njengogoalkeeper, uphethe ibhola (ukuthi uhambe izinyathelo ezingaphezu kwezine uyiphethe ibhola ungayishayi phansi) wobekwa icala enidlala nabo banikwe ifree-kick lapho ukwenze khona-lokho". Sengike ngababona ogoalkeeper bethatha izinyathelo eziyi 6 bengayishayi phansi ibhola. Uma nephula lomthetho enidlala nabo banikwa ifree kick. Khumbula ukuthi igoli kalingeniswa yifree-kick enjalo ngaphandle kwokuba ibhola isuke koyikhahlelayo ithintwe ngomunye kuqala walabo abavinbile. Lomthetho ngu No. 13.

Awonompempe nabafuna ukubayibona nababhali bamaClub nababonane no Bax Mtinkulu uma befuna ukufunda ngemithetho yebhola. Uzimisele ukuxoxa nabo ngalemithetho ukuze kulunge isimo semidlalo.

uMn. Hoosen Saleh Mall wakwa Mall & Sons (Pty.), Ltd., owaziwa ngokuthi 'H.S.' onebhizinisi lapha nguyena owasungula umdlalo webhola ngomhla kaMay 31. Wanikeza ngebhola elisha nezicathulo zebhola nehembe ukuba kudlalelwe ngamaClub alapha, Roses, Northern Stars ne Hungry Lions. Kwabakugcwele abantu egrawundini ensha yamandiya bebukela. Kodlalwa ngePoint system.

Kwaqala amaRoses nama Hungry Lions indwebe iphethwe nguShorder Ameen. Umdlalo uhlwabusile, amaHungry Lions eza nayo ngempela kuthe sekuzophunyulwa uSkururu icentre yamaHungry Lions yashaya umshosha phansi 1 - 0. Zabuyelana amaRoses alinga ukuvala uSweet Sugar umholi wamaRoses walifaka elakhe ngekhandu uThath' ufak' esakeni wasala ebambe umoya. Yaphela nge draw (1 - 1).

* * *

Kwalandela amaRoses namaNorthern Stars. Nayo ilukhuni immandi. Adlula amaRoses ngo 3 odumayo efakwe ngu Sweet Sugar, noSpringbok noStutu. Kwalandela amaHungry Lions namaNorthern Stars. Umdlalo ushisa phansi amaHungry Lions asinda ngegoli elilodwa angenela ifiyineli nama Roses.

Zadumelana lezi kwabanda esitezi, Misisi. Adlula ngoludumayo amaRoses ngamagoli angu 7.

	P.W.D.L.	Points
Waschbank Roses	3 2 0 0	5
Hungry Lions	3 1 1 1	3
Northern Stars	2 0 0 2	0

Abanqobi amaRoses anikwa ibhola izicathulo zebhola zanikwa uSweet Sugar Tom Dhlamini icentre yamaRoses ihembe lanikwa uThath' ufak' esakeni ngemidlalo emihle yabo. Banikwa ngu H.S. kwashaywa ihlonbe.

UH. S. uyayikhuthaza imidlalo ngezindebe zakhe.

* * *

Imiklomelo yazikole zidlalela i-Basket Ball eWaschbank ngo May 24:

	P.W.D.L.	Points
<u>HIGHER PRIMARY:</u>		
Waschbank	4 3 0 1	6
Tholeni	4 1 0 3	2
Maria Ratschitz	4 4 0 0	8
Inkunzi	4 2 0 4	4
Hlathikhulu	4 0 0 4	0

LOWER PRIMARY: P.W.D.L. Points

Ladysmith	9 8 0 1	16
Waschbank	9 7 0 2	14
Ruigtefontein	8 6 0 2	12
Tholeni	8 3 0 5	6
Hlathikhulu	8 4 0 4	8
Inkuzi	8 3 0 5	6
Spandikrom	8 0 0 8	0
Lyell Meran	8 4 0 4	8
Maria Ratschitz	8 6 0 2	12

Esigabeni esingenhla iMaria Ratschitz yawina indebe ngamaphoyinti ngezansi balingana u-Ladysmith ne Waschbank ngamaphoyinti.

Kubikwe khona lapha ukuthi kwadlalwa imidlalo yebhola lapha. Kuyabonakala ukuthi amaClub amabili Tholeni ne Maria Ratschitz balingana ngamaphoyinti. Badlala futhi ngomhla ka May 24. Waza waphela umdlalo kungekho score. Baphinda futhi amaminithi angu 30 nakhonaphinde lingene ndawo kwafuneka indebe bayibambisane ngaleseason.

* * *

Sibingelela laba phakathi kwethu awothisha baseWaschbank Government African School: Misses A. Ntsibankulu, A. Sibisi, A. Sithole noMiss H. C. Ntsele e-Ruigtefontein African Government School.

* * *

Siyadabuka ngokufa kukaMn. Amos "Kenya" Khoza owabesebenza kwaKhomishani wasesebenza ezitini. Wafa kabi uKhoza. Watholwa elenga ogongolweni ngaphansi kwaphahla lwendlu yakhe ekuseni ngo May 16 iminyaka emithathu emuva kwokufa kukanina. Ushiya udadewabo kuphela. Siyamzwela kulolusizi.

* * *

Umn. T. P. Mngadi uNobhalana omkhulu weKhomishani usahlabe ikhefu lenyanga. Indawo yakhe isabanjwe nguMn. Tom Dhlamini (Sweet Sugar). Umn. Dhlamini wathola iMatrie eMariannhill uthi uyawuthanda lonsebenzi wokuzukuzana nezinkinga zengqondo.

CLERMONT

Useushiyle umsebenzi we Commission uMnu. H. H. Kumalo kuyo lenyanga okuthe abasebenza naye bamenzela isipho sokubonisa

inhlonipho abebenayo kuye bamupha usiba lokubhala kanye nepensele yomsizi.

Simfisela okuhle kodwa kumsebenzi asezwenza.

* * *

Sibingelela ngokukhulu ukuthokoza awo Mnu. E. Ngobese noMongi M. Mbanjwa abasanda kungena kumsebenzi weCommission. Sibafisela okuhle kodwa nentokozo kulomsebenzi.

* * *

Clermont Advisory Board.

Umuzi uyaziswa ukuthi ukhetho lwamalungu eClermont Advisory Board olohanjiswa ngamaphepha evoti loba ngomhla ka 14 ku July, 1951, phakathi kuka 11 emini enkulu kuze kube u 5 ntambama e-Hovisini le Local Health Commission.

Izikhala ezogcwaliswa ilezi:-

Amalungu	awu 3	amele	Umvuzane
"	" 2	"	Ungeni
"	" 4	"	iCentral
"	" 3	"	Undunduma

Sukumani-ke nisekele lowo enifuna animele esigodini sakini.

* * *

Ukuganga okungcolile.

Umpompi wamanzi ku Main Avenue usuze walungiswa kabili esontweni lilinye. Ngaloko usuze kwakhishwa kuze kuvele lesigangi. Lomnakalo wenziwa umuntu obezama ukususa ivalve ngokufaka ucingo kuyo.

Ubulima obufana nalobu boku-limaza ngalendlela budumaza iziphathi-mandhla ezisebenze kangaka ukusondezela abantu amanzi ngoba bewafuna, zachitha imali enengi. Ukubona imizamo engaka eyenziwe yonakaliswa ngalendlela kukhombisa songathi abantu kabakubongi, sebebona ukuthi kuhle baphazamise.

Sibona ngempela ukuthi munye lomuntu uma bengebabile owenza lokuganga okungcole kangaka. Ziyethemba iziphathi-mandhla ukuthi umuzi uzokuzama ukuba bavele labantu abagange kangaka. Kakho umuntu onomqondo ongalandela ukuba kufakwe ompompi abasha okuzothi kusukwa nje bebelinyazwa futhi. Ukwenza njalo ku ukukhwelisa izindleko phezu kwezak-

hamuzi zase Clermont.

-Siyethemba ukuthi lothi liphuma iIkhwezi kulenyanga ezayo sobe sibika ukuthi lomonakalo usuphelile eClermont.

* * *

UMHLANGANO WONYAKA WE-CLERMONT WOMEN'S CLUB.

(Sibonga uNkk. Mseleku ngalendaba yomhlango wonyake weClub.-
ABAHLELI.)

"Umhlango wonyaka wesibili we-Club yabesafazana baseClermont wahlanganela ekilini ngo April 5 ngo 10 ekuseni. Kukuhle kudelile. Kwaphuzwa okumtoto okwathokozelelwa ngamalungu angu 23. Kwabe kulindele abaningi kunalokhuya ngoba ayesakazwe ngempela amaSekula.

IClub yamiswa ngo May 1949. Noma encwadini kukhona amalungu amaningi kodwa wonke unyaka habangu 10 abakhona emhlanganweni. Kodwa labo basebenza ngempela benza izingubo ezingama 60. Izindwangu zokuthunga nokunitha zithengiswa yiClub ngamanani aphantsi kwavela izikweledu ezimbi Kwezinye ezathungwayo ngamajezi amahle kakhulu ezishosha zaseEmuseni.

Umthetho oseke iClub wayunywa emuva kwokulungiswa kancane.

Abaphethe izikhundla ngalonyaka:

Miss M. A. Alexander..uSihlalo
Mrs. E. Manqele.....uMbhali
Sister M. Bilsborough.uSikhwama
Mrs. G. Mseleku.....uMququzeleli
Mrs. Seitisho)
Mrs. S. Ngcobo)
Mrs. P. Kunalo) yiKomidi
(Ofundisayo)
Mrs. E. Mthethwa)

USihlalo wawubonga umsebenzi ka-Mrs. Manqele wonyaka. Umsebenzi olukhuni wokuqoqa izikweledu akhiphe amarisidi abheke izindwangu ezikhishiwe nezibuyile. USihlalo wabonga uNkk. Mseleku owabefundisa kuqala ngokukhuthalela kwakhe umsebenzi weClub. Wethemba ukuthi usizo lukaMrs. Mseleku bazoluthola futhi ngalonyaka ngoba wawakhuthaza kakhulu amalungu.

Kwakhulunywa kakhulu ngokungezi kwabaningi emihlanganweni yeClub kwanqunywa ukuba makuqalwe izifunde eziqondile zokuthunga nokunitha kuthi njelo ngesonto umsebenzi lowo uboniswe ngezigaba zawo. Kwanqunywa futhi ukuba analungu axoxe

ngokuwaphethe emakhaya angase axoxe abonisane ngakho. IClub ifuna ukulingisa amaphephandaba athile anezingosi zabesifazana lapho beshiyelana kuzona imiqondo kuphendule abanye.

Ngalonyaka iClub izozamela izindlela zokuthunga nokunitha ngemiboniswa nangezingxoxo kathathu ngenyanga. Ngalandlela ilungu ngalinye lize liyiqede ingubo eliyithungayo.

Kwethenjwa ukuqalisa ukupheka ngaleyondlela kodwa iClub yeswele ikhishi.

* * * * *

UYATHANDA UKWAZIWA NJENGOMQHUBI WEMOTHO OKWAZI KAHLE NA?

ISIGABA SESIBILI

Isigaba sethu sesibili kulendaba sigxile emaphuzwini okuthi unalo yini ulwazi oluphelele lwemishini yemotho yakho ukuba uyinakekele kahle uyiqhuba ngokufanele.

Ungase uzibuze ukuthi lusizo luni lolwazi ngemishini yemotho, ubuze ukuthi amaGalaji nabasebenzi abazaziyo izimotho enzani kanti, wena ubone ukuthi uma lisekhona ithuba lokuba uma ihlupha imotho uyuyise khona kakusekho okunye ofanele ukwenze.

Ngiphendula ngokuthi njengoba kufanele noma kanjani ukuba khambe imotho ibenosici semishini yayo uma wena ungazi lutho ngayo kungaze kudale unonakalo omkhulu kuyona uma kungalungiswa kwenze futhi ungakwazi ukuyiqhuba kahle imotho.

Uyokwazi ngani ngengozi uma ungayihlinzeki ngokwazi ukuthi isukaphi? Okubangela inishini iphele wukuqhuba ngejubane, nokuphenduka emakhoneni ngejubane nokumisa imotho ngamandla..uma ubona ingozi.

Kusobala ukuthi ungeke uye olwandle ngesikebhe esivuzayo ungazi lutho ngokuhamba olwandle futhi ungeke ukhwele intaba ungazi lutho ngayo futhi ungahambi noyaziyo. Pho, ukwenzelani ukuzilengisela ingozi ngokuqhuba imotho engase ibenesici esithile, ingozi leyo ekubhekile njalo uma uhamba ngemotho enjalo? Ukuze uyibone ingozi yokugijimisa kakhulu imotho akengikutshela ukuthi

uma ugijima ngo 60 miles ngeAwa, into evamile ezimothweni zamanje uhamba amaFidi angu 88 ngeSecond. Kungeke kukuthathe isikhathi eside ungaphumanga endleleni ngemotho yakho noma ungene engozini ungazelele okungabangelwa yikhona futhi ukuba imotho yakho ingagculisi kahle enishinini yayo.

Ngaphandle kwengozi-nje yodwa nemali iyaphuna esikhwameni sakho. Kufanele ngempela inakekelwe imotha ngoba iyinto enezindleko ezinkulu ukuze wonge anathaya namafutha nezinsimbi zayo. Uma uvumela isici esincane sihlale singalungiswa uzibangela ukuba sidale izindleko ezinkulu sesilungiswa. Kufanele sisebenzise isaga lapha esithi, "Umthentuhlaba usamila".

AwoMekhanika basebenza ukubheka umonakalo omkhulu nokufana okumele okungaqondakali, ngakho kakuswelekile nawe wazi konke ngemotho kodwa kufanele ukwazi ukuba uzithole uzilungise izici zayo ezincane.

Ungamangala namuhla uma ubona abaghubi abadala bezimotho abaya kolalela izinkulumo ngokuphathwa kwezimotho ukuthasisela ekwazini kwabo.

Ukuze kuthiwe uyakwazi ngempela ukuqhuba kufanele wenze lokhu:-

(1) Ukuzinge uyihlola njalo imotho yakho.

Ubheka amafutha ayo ufake amasha, ufake ugilisi ubheke umoya kumathaya, nokuguga kwawo, ubheke amabhatheri, nokufaka amafutha amasha kwezinye izingosi zayo. Kukhona incwajana onikwayona ecacisa ngohlobo lonke lwemotho. Umenzi wayo uyakwazi okuyifanele akutshela khona kuleyencwajana. Ungamangala uma uzwa ukuthi bangaki abangazihluphi-nje nokufunda.

(2) Okubheke ukuba kwenziwe yimotho.

Umgabheki ukuba imotho encane yenze okunganziwa ngenkulu ungasebenzisi imotho umsebenzi ofanele wenziwe yilorry. Sebenzisa ama-Giya uma idonsa kanzima, enzelwa lokho. Kufanele wazi uma imotho yakho seyithwele yeqa, noma seyishisa kakhulu noma iNjini yayo ifudumele noma yahluleka ukukwenza ofuna ikwenze.

(3) Izindawo Zayo ezigugayo.

Kufanele uzazi izinsimbi zayo

eziguga masinyane nalezo ezifuna njalo ulokhu uzohlola. Ezimbalwa zazo ngamathaya, amabhuleki, anaking-pins, okubopha isondo lokuqhuba, namatie-Rods, amashackles nokunye.

(4) Okuvamise ukuhlupha nendlela Ongakuthola ngayo.

Njengodokotela ezibona ezinye izifo ezakubheka-nje nawe kufanele wenze njalo ngemotho yakho. Ngigondise ezicini zayo ezincane. Ukhumbule ukuthi kuyoyonke into emhlaboni izazi zibhekana nokugondene nazo ngqo. Ungeke ulisebenzise ihashi eligulayo nesinye isilwane ezinjalo nasemothweni yakho yenze njalo.

Uma imotho ingasuki ngendlela efanele ungaqedi amabhatheri ulinga ukuyihambisa ngenkani. Bheka ukuthi wanele yini upetilolo, nokuthi izintambo zikagesi ziyakhonjiswa yini enawashini ukuthi ugesi ukhona kumabhatheri; wenze njalo uze udele ngokwazi kwakho. Uma wahluleka bizake isazi sayo. Ukuyinakekela imotho yakho nokuyejwayela kuyokwenza uzibone izici zayo ezininingana ezincane, uvinbele ukulimala kwayo okukhulu ngokuzilungisa.

Ngamafushane kufanele wazi ukuthi:-

(a) Ngenxa yokuguga okungalingani kufanele anathaya ashinshwe izindawo zawo emuva kwamamayela ayizi 3,000 ngoba uma ungakwenzi lokho impilo yawo ibancane kakhulu. Kufanele onke amathaya afuthwe ngokwanele ngomoya ngoba uma engafuthiwe kahle kuyawagugisa. Ithaya elihle netshubhu kulahlekelwa ngumoya ongama 2 lbs. ngesonto ngakho hlola anathaya akho emuva kwezinsuku ezine njalo. Amasondo nawo adinga ukuhlolwa emuva kwamamayela angama 5,000.

(b) Amabhatheri empeleni kufanele agwaliswe kanye ngesonto uma kubanda, kodwa ehlobo uphindaphinde. Ungayisusi imotho izibane ezinkulu zivutha ngoba kulimaza amabhatheri akho.

(c) Zonke izinsinjana zika gesi zifuna ukuhlolwa njalo ikakhu u idistributor efuna ukuhlolwa njalo ezihlokweni zayo.

(d) Amaplugs kufanele ashinshwe emuva kwamamayela ayilo,000 ngoba umlildwana okuwona uvamise ukuphola emuva kwesikhathi leso.

(e) Amafutha enjini kufanele

ashinshwe usebenzise uhlobo olufanele, emuva kwamamayela ayil,000 nebhokisi legiya namanye amafutha emuva kwamamayela 10,000 okungenani. Wukonga kwobulima uma ungakwenzi lokhu. Bheka njalo ukusebenza kwamafutha ngokubheka isimo samafutha uhlale njalo uyigcwalise ngesilinganiso sayo ngamafutha.

(f) Uma ibhuleki lize lishone onyaweni amatishi amabili ingemi imotho hlola isimo salo.

(g) Upende wemotho kavikelwe ngamafutha opholishi. Amafutha endlela netiyela nokunye kususe ngophalafini oxutshiwe namanzi kunganamatheli. Ungeke uhlale upende emothweni uma uyishiya elangeni nemabetheni ebusuku.

(h) Susa amafutha nokunye ukungcola ezihlalweni ngokugeza masinyane ngensipho ethambile bese wesula ngopholishi we wax. Uma ungakususi ukungcola kuyanamathele.

(i) Uma imotho inalokho okucwenga amafutha kususe njalo emuva kwamamayela angu 8,000 ngoba uma seyicineni iyingozi enkulu kakhulu. Kungcono ingekho.

(j) Uzinge uyivula imotho laphaya emlonyeni ephusa ngawo ukubheka inzi ka nokuthomba ukususe. Ukwenze njalo emuva kwezinyanga eziyisithupha.

Ukuntula isikhala kuyangenqabela ukwandisa ngokuloba ngamanye amaphuzu, kodwa ngithi kwanele lokhu esengikushilo ukuba ubone ukuthi umqhubo okuthiwa ngumqhubi ngempela nganjani.

UNGUYE WENA NA ?

* * * * *

EZAMASCOOTS NAMAGUIDES

AMAXOXO NGAMASCOOTS IV.....ngu
"Akela".

Kuleliphepha lanamuhla kukhona okuqondene nesiScout esithiwa First Class Scout.

IMITHI. IsiScout sempela kufanele sikwazi ukuyibona siyisho ngamagama imithi ejwayelekile engama 12 nezinyoni eziyisithupha. Nanti uluhla lwemithi : Oak, Elm, Ash, Beech, Hourse Chestnut, Sycamore, Lime, Pine, Poplar, Willow, Fir, Birch, Alder, Larch,

Walnut, Yew, Jacaranda, Marula, Umkhakhasi, Umsinsi, Umdoni, Syringa, Cape Chestnut, Kufanele sikwazi ukuwubona umuthi siwazi igama lawo noma yingasiphi isikhathi sonyaka. Umuthi ongabonwa ngamagatsha awo ehlobo kakulula ukuwazi ebusika amagatsha engasekho. Kodwa ebusika kukhona amahlanvana amancane ongawabona nezithelo zinamathele kuwona.

AmaScouts alulekwa ukuba aboleke kumaPublic Libraries incwadi ethiwa "Wayside and Woodland Trees" (Steps)

Funda ukuyazi lemithi:-

Ebusika : Ngesimo somuthi, nokumila kwawo, nombala wawo, nokunye nezimbali zawo ebusika, nokubonakala kwawo, nokubonakala kwegxolo lawo, nokubakhona kwezithelo emhlabathini eduze kwomuthi.

Entwasahlobo : Ngokubonakala kwamagqabi, ngesimo somuthi uma sewunamahlamvu nangezimbali. (Qaphela ukuthi imithi eminingi iveza izimbali ngaphambi kwama qabunga.)

Ehlobo : Ngezithelo zayo namahlamvu asevuthiwe nokubukeka kwomuthi.

Ekwindla : Ngezithelo ezindala ngamaqabunga awileyo (uma kungumuthi owisa amahlamvu) ngegxolo.

Imithi imiswa ngezigaba zokuthi ngesuka amagxolo noma ehlala iluhlaza. Ehlala iluhlaza kayiwalahli ouke amaqabunga ayo ngasikhathi sinye kodwa ilokhu iwalahla ngezikhathi zawo kodwa kusale iqabunga elithile emthini mhlawumbe iminyaka eminingi.

* * * * *

INDABA KA LAZARUS SIGOLA

(Sibonga lendaba kwabe "News of the Month".)

ULazarus Sigola wabakhe emzini waseLuvuvu. Enenkosikazi abahlezi kahle nayo benezingane ezimbili enye isencane impela. behlezi ngokuthokoza. Esebenzela uLoliwe wase Rhodesia kwaBulawayo. Umlungu wakhe enazisa ngokusebenza kwakhe kahle ethembelile ekhuthelwazwa wakhuluma ngaye kw'Ophethe uMnyango wezitimela kwaHulumeni. Wethembisa naye ukuyenyusa imali yeholo likaLazarus kwaphelela ukutokoza kwakhe.

Wathi uLazarus kumkakhe, "Uyabonake manje sengizokwazi ukuzi-

kuyona nawodokotela abangasisiza. Kukhona USister eKilnika osiza abesifazana abagulayo kakufanele abesifazana besabe ukuya nabo. Kakho ocindezelwe ukuya eKilnika kakubizwa mali. Nabaguliswa wukufa okubi belashwa ngesihle esibhedlela uma befuna. Uma umuntu eficwa enaso isifo lesi kodwa ekho mbisa ukuthi unodokotela wakhe omelaphayo kacindzelwa ukuhlala esibhedlela."

UPortia watshela umakhothi wakubo ngezinto azibona eKilnika laseGoli. "Ngabona izinto ezibuhlungu engingeke ngazikhohlwa. Kukhona amadoda azama ngemithi yabantu enqaba ukuya eKilnika amanye awo ubuso budliwe baphela yisifo abanye befe amathambo abanye sebeyizinyonga. Kwakwedlula ucoko. Okubuhlungu kunakho konke wukuthi izingane eziningi zazalwa zinakho ukufa lokho."

Waqhubeka wathi uPortia, "kuyinto emangalisayo kimina ukuba abesifazana babantu bakuthande ukuya kumaKilnika okubelethisa nawabantwana kulelilokishi kodwa abesilisa bakithi nathi uqobo sesabe ukuya eKilnika elisivikela ebuhlungwini nasekufeni nasekuhlanyeni. Kakufanele kwesatshwe ukwelashwa. Uma umuntu ezizwa ukuthi uyagula kaye eKilnika leV.D. kuhlolwe igazi lakhe uma kusweleke elashwe kuyothiwa kazi-buyele ngelanga elithile. Uma egula kakhulu angayiswa esibhedlela se V.D. izinsukwana kuya ngokujula kwesifo egazini.

Odokotela eKilnika sebeneminyaka eminingi bekuhlola ukufa lokhu nezindlela ezingcono zokukwelapha sebesebenzisa namuhla amasu amangalisayo ngokwelapha masinyane isifo lesi. Kungase kwenzeke namuhla umuntu ukuba anikwe umuthi abuye abuye emsebenzini ngosuku lolo. Emazweni amakhulu aseMelika naseNgilandi abantu kabesabi ukukhuluma ngezinto ezinje ngoba kuyaziwa ukuthi eyona ndlela yokusindisa abantu ukuba bafe baphele yisifo lesi yikuba kubulawe sona isifo uqobo kungafi abantu. Lokho kungenziwa ngokuthatha izeluleko nosizo lwaseV.D. Kilnika nesibhedlela sakhona."

Wasethi uPortia : "Sengiyanhamba manje kodwa ungakukhohlwa engakutshela khona. Ngisebenze kalukhuni ngizifundisa nokufunda ngezinto ezenzeka emhlabeni. Ngithi kuwena Lucy namuhla hongani amaKilnika abantu aphethwe

ngawoDokotela nawoSister abafisa ukunilondela impilo yenu nokuthokoza kwenu bantu abamnyama. Ngaphezu kwakho konke nongani nge mpela amaKilnika alokukufa okubi kwedolobha, ukufa okwesane kayo kulolonke izwe kodwa okwelaphekayo uma kusheshisiwe."

* * *

KWAYISWA yisehlo esehlala u-Lazarus Sigola.

HLAKANIPHA ulandele izeluleko zikaPortia.

* * * * *

ISAZISO ESIBALULEKILE

UKUTHATHWA KWE X-RAY
NOKUHLOLWA KWE T.B.E
EDENDALE

uDr. Dormer, uNgqongqoshe weze T.B. kuleli leNyonyana, uzobe ese Edendale ukusukela ngomhla we 9 kuse kube ngomhla we 13 ku July ukuhlola ukwanda kwe T.B. eEdendale nokufuna izindela namasu okuzinqoba lesifo esibhubhisayo.

Mangithi nje indlela ayisebenzisayo kayinabo ubuhlungu neze futhi kayimphathi kabi umuntu. Uma kuthathwa imfanekiso we X-Ray umuntu kahlutshuliswa.

Nizokhumbala ukuthi sekuke kwahlolwa lapha eMgungundlovu nyakenye kwi Agricultural Show.

Kuqondwe ukuba kuthathwe imifanekiso ye X-Ray yamaviyo amanengana eEdendale. Loku kusho ukuthi iviyo labesifazane, lamadoda, labantwana besikole nelezin-gane.

Abe Local Health Commission abangeni kabafuni lelithuba lokuba nabo bahlolwe libedlule. Nabo bobebahlolwa.

Kobuye kwaziswe kahle ngombobho okhulumayo lapho inqola yomshini we X-Ray womakhona nezikhathi oyobe ingazo kuleyo ndawo.

* * * * *

I S A Z I S O

IKHWEZI liceliwe ukwazisa ukuthi iAgent emele imiBuso engaphandle kwelNyunyani izo-hambela ePietermaritzburg kusukela kuJuly 4 kuya kuJuly 9 ukuzoqoqa intela kuBesuthu naBetshwana namaZwazi.

Abantu balemiBuso bayaziswa ukuthi kuyohlangu omkhulu umhlango wabo EMakethe yase-Edendale ngeSonto July 8 ngo 11 ekuseni. Siceliwe futhi ukubazisa abaqoqa intela bayohlala kwaMn. MOSELI FESI, DLABA HALT, DAMBUZA STORE, EDENDALE, nge nkathi omele olemiBuso engakahambi..kusukela kuJuly 4 kuya kuJuly 9.

* * * * *

JOYINA I

EDENDALE BENEVOLENT SOCIETY
ISIZA IZIMPHABANGA NEZINGA
ZESIKOLO EZISWELE

IGAMA :

IKELI :


ISIPHO : £ : : .

IMALI YOBULUNGU NGONYAKA ul/-.

Tumela lefoma ku :

Mnu. E. S. B. Msimang,
Secretary,
Edendale Benevolent Society,
B. 6, Ashdown,
P. 6. PLESSISLAER.

* * * * *



Prepared and published by the
Head office of the Local Health
Commission, Natal, 195, Long-
market Street, Pietermaritzburg.

A LETTER TO OUR READERS

Very frequently an editor has the subject for his editorial presented to him on a plate by some item, which appears in his paper. That is what has happened to us this month and although the subject isn't a very pleasant one we are grateful to our correspondents for presenting it to us.

Last month we printed a short item on Vandalism at Clermont, the previous month the Engineer mentioned the destruction of trees at Ashdown and this month one of our Howick West correspondents has quite a lot to say about destructive interference with the water supply in his Area.

Vandalism is a thing which is common to almost all societies and it is a very difficult thing to understand. There always seem to be people about who are prepared to go to some pains to deface statues or buildings or such things, or even perhaps to destroy them. Nobody ever seems to know why any one should want to act like this - certainly it isn't a particularly brave or risky thing to do because the chances of being caught are so small.

Well, if this sort of thing is difficult to understand how much more difficult is it to comprehend acts of vandalism which

react, it not against the person who does them, then at least against his community.

It is probably quite true that in Commission Areas some of these acts are perpetrated by idle, irresponsible people not themselves living in the areas concerned, but it seems certain that many of these things are done by area residents who themselves benefit from these services.

Even though we may not be able to appreciate the vandals motives it is in our interests to see that he doesn't cause us or our neighbours and friends to suffer unnecessary discomfort. The only way to do that is to convince him that it isn't really worth his while to carry on with his "tricks".

Punishment may act as a deterrent in a limited number of cases but the odds are that as soon as he thinks nobody is watching a person of this kind will do the same thing again "just to get his own back".

The most effective way of putting a stop to these things is surely the way suggested by our correspondent - that is by what might, perhaps, be called "social" punishment. It is to attach such a stigma to acts of this kind and to make disapproval of them so strong within the community, that it isn't worth anyone's while to do them.

That appears to be the most effective way of dealing with such behaviour and it is a method within

the grasp of each and every community. It isn't easy and the community itself must be convinced of the wrongness of the Act. But we are sure that the vast majority of our area residents are not in agreement with such acts and that they are able and willing to bring them to an end.

Yours faithfully,

THE EDITORS.

* * * * *

DID YOU KNOW ?

THAT the graduation address at the South African Native College, Fort Hare, was delivered for the first time by an African, Professor D. D. T. Jabavu, a former member of the College's teaching staff. He advised the graduates to live in direct touch with their own people. In that way they would learn at first hand how to use their higher education for the uplift of their people.

(With acknowledgments to "Race Relations News".)

* * *

THAT the last official duty performed by the Retiring Bishop of Natal was to lay the foundation of the new Anglican Mission Church at Edendale. A brief account of this event appears elsewhere in this issue.

* * * * *

COMMISSION AFFAIRS.

In the Public Health Areas of the Commission, Immunisation Services are provided to a varying extent. Perhaps some of you do not fully understand the purpose of these services.

By immunisation we mean preparing a person's body against infection from a certain germ, so that, should the person come in contact with another person suffering from that disease, he will either not catch the disease, or

else will only contract the disease in a mild manner, probably not even making him ill enough to leave his work for a day.

The diseases for which these protective measures are provided, are Smallpox, Typhoid Fever (a severe disease of the bowel), Diphtheria (a serious disease of the throat, often causing death in children) and Whooping Cough.

You are all familiar with the procedure of vaccination against Smallpox, and it is hoped that none of you are still un-vaccinated!

Children can be vaccinated early in life (in fact from when they are only several months old), but they should be vaccinated when they go to school, and once again when they leave school.

The protection against Smallpox lasts about seven years, so when there is an outbreak of the disease, everyone, young and old, should be vaccinated, for, after all, nobody wants to be disfigured or killed by this horrible disease, which can spread like a grass fire!

To prevent Diphtheria, three injections have to be given at intervals of several weeks. Each injection produces a greater resistance to the disease.

Usually, only the first injection produces a fever and a feeling of slight illness, and this may put you off bringing your children again. Do not let this happen. After all, the worst is over.

Diphtheria is uncommon in adults, but the children do need the protection.

Typhoid Fever, a disease mainly spread by dirty water, poor sanitation, unclean habits, contaminated food and flies, is prevented by general cleanliness, and also by immunisation. The latter requires two injections at intervals of a fortnight, and needs to be renewed each year by one injection. Again, the first injection is often the only one causing any discomfort.

* * *

Howick West Milk Supply.

In last month's Ikhwezi one of our correspondents expressed fears about the future of Howick West's

milk supply. We have made enquiries and are glad to say that we find these fears to be quite groundless. There is no possibility of the present milk supply being cut off nor is there likely to be any reduction in the amount of milk supplied.

* * * * *

IKHWEZI JOTTINGS.

Two months ago Ikhwezi had the sad experience of having to say good-bye to the person largely responsible for his birth and particularly his growth during his first fifteen months - one might almost say his "Fairy Godmother". We mean, of course, Miss Lee. Well, this month all of us have the very real pleasure of welcoming Miss Lee back to the service of the Commission. Seeing that Ikhwezi continues along the "straight and narrow" will, we are sure, constitute a fair slice of that "service". We hope to see Miss Lee back "in print" next month.

* * *

The Editors must apologise to the publishers of "News of the Month", who are the Bulawayo Native Administration Department. The "Story of Lazarus Sigola" which appeared in Ikhwezi last month was taken from the "News of the Month", but we omitted to acknowledge this source in the English part of Ikhwezi.

* * *

Last month we published a special Notice announcing the proposed visit of a T.B. Unit, under Dr. Dormer, to Edendale. Unfortunately, just after Ikhwezi had been sent out for distribution another message came through cancelling the visit. By that time it was too late for us to announce this cancellation. We are sorry about this "false alarm" but the T. B. Unit is due to visit the Area sometime - so watch out for a further announcement in Ikhwezi.

* * * * *

HERE AND THERE

EDENDALE

"Sister Watson who is in charge of the Grey's Hospital staff at the Edendale Clinic, went on her 48 days vacation leave as from the 1st July. While she will be sadly missed it is hoped that her rest will prove beneficial to her."

* * *

"At the beginning of this month Mr. E. S. B. Msimang, the social worker, returned to the Area after an absence of a month. During that time his absence was strongly felt by his colleagues as well as by the rank and file of the Edendale community. He is exceedingly popular in the Area, being everything one would like a Social Worker to be."

* * *

"Bitterly cold weather marked the end of June and Edendale as well as other places shivered under a sub-zero temperature. The Rand is situated at a much higher altitude than this part of our Garden Colony, of course, and Mr. Msimang states that while up there he experienced unprecedentedly frosty mornings and severe nights. No wonder he did not hesitate to drain his purse to the dregs to buy himself a very expensive pair of winter gloves!"

* * *

"Interested Racegoers at Edendale have the Durban July Handicap as their sole topic of conversation. Overhearing their conversations one cannot help realising the fact that they are all counting their chickens long before they have hatched by anticipating the large sums of money that they hope to collect from the Course."

* * *

"The closing of the schools takes away from us a number of friends - teachers who go away for their holidays. Fortunately the gap is being filled by the return

of students from outside colleges. We welcome them very warmly and hope they will enjoy a real holiday and build up their energies for the harder struggle next term. Among these students are the following who are taking matriculation at various colleges: Miss Ruby Khumalo (Inanda Seminary), Mr. T. Gcabashe (Mariannhill) and Mr. S. Kweyama (Mariannhill).

* * *

"Mr. V. Gcabashe, a medical student from the Witwatersrand University, is at home with his parents the Rev. and Mrs. Gcabashe."

* * *

UKUTHI inkulumbo enkulu mhla kubekwa iminyezane kulabo abathole imfundo yeziqu eFort Hare kwa-kuqala ukuba ikhulunywe ngum-Afrika uProfessor D. D. T. Jabavu, owake wabangomunye wabafundisa khona lapho. Weluleka abaphumelele ukuba basondele eduze kwabantu bakubo. Ngaleyondlela bayokwazi ukusebenzisa imfundo yabo ephakeme ekuphakamiseni abantu bakubo. (Sibonga i "Race Relations News" ngalendaba.)

* * *

UKUTHI isenzo sokugcina somsebenzi wakhe kwenziwa nguMbhishophu waseNatal kwaba wukubeka Itshe leGumbi lemdlule yeSonto ensha eEdendale. Sithe qaphuqaphu ngalo udaba lolo kulona leli iphepha.

* * * * *

AMAXOXO E IKHWEZI

Ngezinyanga ezimbili ezidlulile kwalidabukisa Ikhwezi ukuvalelisa omunye walabo okungathiwa yibona abaphemba Ikhwezi bali-khulisa belitotobisa ngenkathi elukhuni yezinyangazokuqala ezingama 15.....lowo singathi-nje "ngumzali" walo. Sisho uNkosazana Lee. Ngalenyanga sonke siyathokoza kakhulu ukuba abuye futhi uNkosazana Lee emsebenzini we-Khomishani simamukele futhi phakathi kwethu. Njengoba nalo phela Ikhwezi litotoba khona lapho ebulukhunini siyethemba ukuthi kuseyiwona weminye yemisebenzi azoyenza uNkosazana Lee. Sethemba ukumbona uNkosazana Lee ezinhleni zethu ngenyanga ezayo.

* * *

AbaHleli bayaxolisa kubashicileli bephephandaba elithiwa "News of the Month" abanguNdaba zaBantu wakwa Kopeletsheni wakwaBulawayo. Indaba ka Lazarus Sigola eyaphuma eKhezini lenyanga edlulile sayithatha kulona iphepha lelo, kodwa sakhohlwa ukubonga labo a esayithatha kubona ngesiNgisi.

* * *

Ngenyanga edlulile saveza umbiko osobala ngokuhambela kwesigaba sabeT.B. abahamba nomshini phansi kukaDr. Dormer lapha e-Edendale. Sadabuka ngoba kwathi sesicindezele Ikhwezi samukela omunye umbiko singasekho isikhathi sokuba siwukhiphe ezinhleni zethu. Siyadabuka ngalombiko owabe ungaginile ngoba wabuye wahlenliswa kodwa sethemba ukuthi umshini lwo opopola iT.B. uyobuya uhambele lapha kithi, okwamanje hlalani niqaphile ezinhleni zeIkhwezi.

* * *

Ukuvikela Izifo.

Ezindaweni eziphethwe yiKhomishani kwenziwa imizamo yokuvikela abantu ezifweni. Mhlawumbe abanye benu kabakwazi kahle konke lokho.

Ngokuvikela sisho ukulungisa umzimba womuntu ukuba ukwazi ukungangenwa yisifo esilethwa yigciwane egazini lakhe, okuye kubangele ukuba uma lowomuntu engenwe yisifo uma esondelana nabanye abathele ngokufa kwakhe, mhlawumbe kumngene ukufa kuhambe naye engalele phansi.

Izifo ezivikela ngalendlela yingxobongo, ezesisu nezomphimbo ezivame ukubulala nokukhohlalela.

Nikwejwayele okwenziwa ngengxobongo ukujova esethemba ukuthi nonke senajova.

Abantwana bangajovwa besebancane impela besenezinyanga eziyingcosane zobudala, bajovwe umabesesi-koleni bajove noma sebeyeka isikole.

Isivikelo sokujoja ingxobongo sihlala isikhathi seminyaka eyi7, ngakho uma kubheduka isifo leso kufanele wonke uwonke nongakanani ajove ngoba kakho ofuna ukuboliswa umzimba wakhe yisifo lesi ngoba sihamba okwomlilo womlalane.

Ukuvimbele isifo sompimbo kufanele ujoje kathathu emuva njalo kwamasondo athile. Uma ujoja lokho kwenza igazi lakho likwazi ukusivika isifo kesi.

Kuvame ukuba umjovo wokuqala ukubangele imfiva kubesigathi ungenwe ngumkhuhlane, yilokho okwenza abanye abazali bangabe besabaketha futhi abantwana babo.

Kakuvamile ukufa lokho kwabadaka, kodwa izingane kusweleke zivikelwe.

IThyphoid Fever ukufa kwesisu kuvamise ukwandiswa ngukuphuza amanzi angcolile nokuhlala eduze kwezindawo ezingcolile nokuhlala wena ungcolile nokudla kwakho kuhlala endaweni engcolile kuvikelwa ngokuba umuntu ahlale ehlanzekile nangokujova. Uma ujova kabili phakathi kwamasono amabili. Bese kuthi njalo ekupheleni kwo-nyaka ujoye futhi. Nakhona lapha uma uqala ukujova kuba-sengathi kawu philile kahle.

* * *

Isandaba Zekhomishani Ubisi
eHowick West.

Ngenyanga edlule umlobeli we-Ikhwezi waveza ukungabaza kwokuthi bangase bangalutholi kahle ubisi kulendawo. Sabuza kwabaziyo ngalokho, okusijabulisayo namuhla uma simtshela ukuthi kakuswelekile abenevuso neze. Ubisi lolu abalutholayo kaluzukuphela futhi luzohlala lunjengoba lunjalo namuhla.

* * * * *

EDENDALE

"USister Watson ophethe isitafu sakwaGrey's Hospital esise-Kliniki yaseEdendale usahlabe ikhefu lezinsuku ezingama 48 kusukela ekuqaleni kukaJuly. Simfisela ukuphumula okumnandi noma sizomkhumbula kakhulu."

* * *

"Ekuqaleni kwalenyanga uMn. E. S. B. Msimang, iSocial Worker wabuya lapha ekhaya emuva kwokuhamba inyanga. Besibonakala ngempela isikhala sakhe njengoba kade engekho-nje kulabo asebenza nabo nakulona uquqaba lwabantu abakhile kulendawo. Phela yindoda enogazi kubantu bonke ngoba uyikho konke okufanele isocial worker ibeyikhona."

* * *

"Wathi ephela uJune amakhaza ayeshaya emkantsheni wendoda lapha eEdendale nakwezinye izindawo ezabe zigumbha-nje ngamakhaza. Lena emaphethelweni eGoli kuyindawo ephakeme kunalena yakithi,

uMn. Msimang uthi ngenkathi ekhona lapho wezwa amakhaza ekuseni naku-sihlwa aqeda uthando kumuntu. Kakumangalisi ukuba wagoqoza isikhwama sakhe semali wazithengela amaglavuzi esazandleni emali eshisiwe, usilwane sansondo."

* * *

"Amaphanta alapha eEdendale aye-ngasalali nguJuly Handicap, sekuyiyona ndaba egudwini. Kepha uma sibeza bekhumla sasibona-nje ukuthi babebala amachwane osesemaqandeni uma bezethembisa umnotho abayowuthola ngoJuly eSigodini."

* * *

"Ukuvalwa kwezikole kusihambela nezihlobo zethu eziningi othisha abayakophumula. Kodwa kubayinhlanya ngoba isikhala sabo sivalwa ngokubuya kwabafundayo ezikoleni ezinkulu. Siyababingelela ngomoya omuhle kakhulu laba sibafisela nabo ukuphumula okumnandi bahlu melele amandla abo ukuze babhekane nezifundo ekungeneni kwezikole. Kulaba abafundayo laba bafundela umatriculation ezikoleni ezithile: Miss Ruby Khumalo (Inanda Seminary), Mr. T. Gcabashe (Mariannhill), Mr. S. Kweyama (Mariannhill)."

* * *

"Umn. V. Gcabashe ofundela ubudokotela eGoli usahlabe ikhefu nabazali bakhe uMfundisi noNkk. Gcabashe."

* * *

"Sengathi sekukhala ibhungezi eEdendale njengoba iKliniki yakhona seyisukile yaya ePlessislaer."

* * *

"Zizokhala izinsimbi zomshado eEdendale ngomhla ka July 21 mhla kuboshwa ifindo loshado kaMiss Eunice Audrey Maurine Nkosi wakhona noMn. Tinkie Tiger wasethekwini."

* * *

"Bayanda abesiGaba sikaSt. John's Ambulance lapha. Ezinye zezingane zesikole zalapha ziya-funda ngoSizo Lwokuqala siyababongela laba abaphumelele kahle kakhulu: Makhosazana Faith Mbambo, Eunice Msimang, Maggie Mkize, Gladys Mkize, Rose Dube, Margaret Hlubi."

* * *

"UMiss Mishal Koffie, ofundisa iDomestic Science eBenoni usahlabe ikhefu ekhaya noyise. UBaba lona kasaphili noze kahle ngalezizinsuku, okubangela azingezombona njalo uNdakazi lona."

* * *

"Usuku lukaJune 30 lukude ukukhohlakala lapha kithi. UBaba Ohloniphekayo uDr. L. N. Fisher uMbhisophu waseSheshi osezophumula wayebeka Itshe leGumbi lendlu ensha yeSonto lase St. Martin's, eEdendale. Kubuthene abantu abaningi abaziwayo eEdendale nabangesibona bakhona."

* * *

"Siyadabuka ukwazisa abafundi beIkhwezi ukuthi uMiss Williams usewuyekile insebenzi weKhomishani. Thina abanyama sithi kabavanile abafana naye. Ngenkathi enfushane elapha wazenzela ugazi kuye wonke umuntu waseEdendale. Ukudabuka kwethu ngokuhamba kwakhe kusenza simfisele ngezinhliziyokuhle kodwa. GKUMHLOPHE, MISS WILLIAMS."

* * *

(Isihlobo esisithumele lezin-daba sicele ukuba siligodile igama laso. Siyavuna, kodwa siyambonga ngezindaba zakhe ezihlaba umxhwele. Ikakhulu ngoba uzilobe ngesikhathi esincane kakhulu. Kuyathokozisa ukwazi ukuthi kukhona abalobeli abavuthiwe lapha esigodini lesi...ABAHLELI.)

* * * * *

AnaCluba okunungazana abesifazana baseEdendale nezigodi zayo.

Siyambonga uNkk. E. E. Hlubi

ngalendaba emnandi eyenzeka eEdendale ngezinsukwana ezidlulile.

"Amacluba lawa angenhla ahlangana enza umkhosana wokubungazana ntabama eGeorgetown ngo June 20, 1951," kuloba uNkk. Hlubi. "Kwakuhlangene amacluba seGeorgetown, Macibise, Ashdown neSiyam okuthokoza ngaleyontabama nokuzijabulisa ngemidlalo bathole imiklomelo emincane."

Mhla kuniswa usuku lolu kwamiswa iKomiti encane yomuntu ngamunye weClub ngayinye. Labake bebaNe uNkosikazi Kheswa, waseAshdown, Nkk. Magubane, Siyamu, Nkk. Ndhlovu waseMacibise noNkk. Hlubi waseGeorgetown, uNkk. Hlubi uMbhaleni wenhlalano yonke wakhethwa ukuba abengumemi walombuthano.

Kwathi ngo 2 ekhanda wasekulufe konke wawavula umhlangano uNkk. Hlubi. Ngeamazwi amafushane wabingelela bonke abakhona wagcizelela ukuthi inibuthano enjelenosizo kubo bonke. Wathi kuyinto enhle kakhulu ukubona abesifazana abaningi kangaka behlangene ngawonyobegonde ukuzithokozisa. Wathi wethemba ukuthi mhla behlangana futhi bayophelela bonke abanganalungu.

UNkosazana Williams uMbhaleni onkhulu wamaClubs abesifazana emele iKhomishani naye wathi qaphu amazwi adla ngokubamandi. Wabafisela bonke abesifazana inpumelelo wakhombisa ukuthi imidlalo iyinto enkulu nokuthi ukubungazana kungabayinto enkulu ezimpilweni zabantu.

Imidlalo eyabe idlalwa (1) Umjaho weMalithi, (2) Umjaho wezambane, (3) Umdlalo wokugagela, (4) Umdlalo wokugijima. UMiss Sigwilli wayekhona ezoJaja imiklomelo yabiwa ngalendlela:-

UNkk. Sibisi wathola umklomelo wamarkinobho nokotini emdlalwokugijima.

UNkk. Ndhlovu wathola umklomelo wasiPenethu ibrooch emdlalweni wokugagela.

UNkk. Khaula wathola inklomelo wezinkinobho emdlalweni wokugijima uNkk. Sibisi wathola umklomelo we tape nezipenethu emdlalweni wonjaho wezambane.

Kuthe emuva kwemidlalo uNkk. Molife, umququzeli weClub yaseGeorgetown waletha itiyenamakhokhe benoNkk. Dhlamini, iphini likaSikhwama wamaClubs onke ehlangane.

Kwathi emuva kwokuphunga kwani-

kezwa imiklomelo abawinile basha-
yelwa ihlombe abahlulekile kwa-
thiwa "bangalahli ithemba". Kwa-
thiwa uzomenyezela omunye umkhosi
ofana nawo lona masinyane kube-
khona imiklomelo eminingi. Ka-
kungabazeki ukuthi imidlalo yaba
nempumelelo ngempela futhi iqhu-
tshwa ngonoya omuhle wobuhlobo.

Ukuphuthula uNkk. Mpanza wa-
hola umhlango ngomkhuleko woku-
Bonga.

CLERMONT

Kuyasidabukisa ukuba singazith-
oli izindaba zaseClermont ngalenyan-
ga. Kuvamise ukuba zithunyelwe
nguMn. Freeman kepha ubambekile
ngalezizinsuku kanaso neze isikha-
thi. Yingako sicela ukuba ku-
vele abalobeli baseClermont. Sag-
cizelela ngenyanga edlulile sathi
Noma Wubani angaba ngumlobeli we-
Ikhwezi. Bakhona abantu eCler-
mont abangaloba izindaba ezizwaka-
layo ukuze ingasali emuva iCler-
mont uma ezinye izindawo ziletha
izindaba zazo ngezinkani zemali
yekhanda. NANSO INSELELA CLER-
MONT.

HOWICK WEST

Nazi ezabalobeli bethu besi-
Godi lesi zidla ngekubamandi nje-
ngayizolo.

"Kuyakhuthaza ukubona abeNjini-
yela nezinye izazi zilungisa
ukuba sithole amanzi lapha. Ka-
kusekude siwathole kahle amanzi.

* * *

"Ngenyanga edlule kwabikwa
ukuthi uNkk. Ndhlamza ubuyile
ekuhlaleni ikhefu useyafundisa.
Empeleni uNkk, Ndhlamza wayebam-
bele uNkosazana Msomi owayehlabe
ikhefu. Usebuyile uNkosazana
Msomi. Uqale ukufundisa eGood
Shepherd School ekuqaleni kwonyaka
kodwa wayeka ephuthuma unina
ogulayo. Usengcono unina uNkosa-
zana Msomi ubonga ithuba lokuyo-
bheka umuntu owamhlulisa naye
eseyingane. Ngenkathi engeko
isikole sethu sibenothisha aba-
lingana nobude besikhathi engekho..
beshinshana kuso.

* * *

"Umn. noNkk. Michael Bhungane
bandiselwe umuzi wabo ngengane yom-
fana ngoJune 8. Siyababongela.
UNkk. Bhungane ngomunye wawothi-
sha abayisithupha ababamba esi-
koleni saseGood Shepherd esahambile
okaMsomi. "

* * *

"UNkosazana Martha Mokhele use-
yafundisa esikoleni saseHowick
Government School. Ngudadewabo
kaNkk. Bhungane. Okuhle kodwa
Nkosazana Mokhele."

* * *

"Umkhuba wokwonela phansi
izinto ukhona nalapha udlangile
Kuke kwenzeka ukuba amanzi anga-
tholakali kahle empompini ngenhla
kukalayini wesitimela. Ikhoni-
shani yamisa ithangi lamanzi lapho
ukuze amanzi angene kulona athola-
kale kahle kubantu. Namuhla uma
ubheka ithangi leli ungathi livela
empini eKorea. Balihlasele nge-
zimbazo naninani. Abanye basinize
bafake amabhakede abo phakathi
bakhe amanzi bese bebeke amabhakede
phezu kwompompi ukuba bethwale kah-
le. Umpompi bandla nawo use uh-
lephuke ikhanjana lawo wethwesa a-
bantu amabhakede. Amanzi achithe-
kele phansi. Omunye umonakalo
ngokulimaza amathumbu amanzi nemim-
pompi. Kuvamise ukwenziwa yizi-
dakwa lokho, kungesibona nabantu
balapha.

Kufanele bazi abantu ukuthi aman-
zi lawa asiza bona uqobo, uma un-
pompi waphukile amanzi avalwe.
bahlupheka bonke abantu. Kufanele
bonke abantu babazingele labo aba-
dlala ngamanzi abo."

* * *

"Abasenga ezimithiyo bathi uMn.
Petros Mpungose uMabhalane emaho-
visi eKhomishani lapha uzoshaywa
ngumoya ngoJuly. Kodwa njengo
Mprofithi u Samuel ngizwa ezindle-
beni zami kuncenceza izinsimbi
zomshado kulelikhefu lakhe. Una
kunjalo ngibafisela okuhle nonkakhe."

* * *

"Sibingelela uMn. noNkk. Madikwa.
UMn. Madikwa yiHealth Assistant en-
sha lapha. Okwamanje usathubele-

za efuna umkhondo womsebenzi wakhe kulendawo. Simfisela okuhle emsebenzini wakhe. Sethemba ukuthi ukubakhona kwakhe kuzoyiphaphamisa indawo yakithi. Bobabili noNkosikazi ngabantu abathanda abantu.

* * *

"Ezilandelayo zithi besiqinisele uma sisola ukuhlaba ikhefu kukaMpungose ngoba sizwa ukuthi uzothi ehlaba ikhefu lelo abelungiselela umshado wakhe noGladys Sijabulile Dhlamini waseSwazini of undisa kwaMacibise School. Okuhle nezi-
lokotho ezinhle kini nobabili.

* * *

"Kuzwakala ukuthi selokhu efikile uMn. Mdikwe umi ngezinyawo LoMn. ophuma eMadadiyela umsebenzi sewungamanxe entanyeni. EKlinika ngo lwesiHlanu June 22, kwakugcwele abantu belinganiswa ne180 basebenza kwaza kwashaya uSikisi ntambama. Kuhle ukubona abantu abaningi kangaka beza eKlinika kukhombisa ukuqhubeka phambili. Uma kuhanba kanje kuzofuneka ugesi."

* * *

"Siyakhula isibalo sabajoyina iClub lemfino lalapha. Kuhle ukubona abantu bayikhuthaza into enosizo efana nalena yokubambisana!"

* * *

"Sizwelama noMn. France Ross ogulelwa nginkakhe owabelothena kabuhlungu. Kwanga angalulama nasinyane."

* * *

WASCHBANK.

"Ngazo izinsukwana lezi umuzi kaMn. noNkk. Eric Ntuli wabe ug-cwele yizihlobo nabangane bezogubha umkhosi wokuzalwa kwendodana yabo eyodwa uCyril Eric Siphon Ntuli owaboneminyaka emine yobudala ngoJune 5. UMn. Ntuli nguthisha esikoleni kwaHlathikhulu Native Government School kodwa

uhlala eWaschbank. Kwaqhelelwa ematafuleni ngo 1. Kwababekhona nampabanye Mr. no Mrs. P. J. Mathunjwa, Mr. noMrs. Mathunjwa (adadala), Mr. noMrs. T. P. Mngadi, Mr. noMrs. S. V. Ntuli, Mr. noMrs. Jerry Dhlamini, Mr. noMrs. Jacob Vere, Mesdames J. Malinga, M. Thwala (Hlathikhulu), Miss M. S. Ntsibankulu, Messrs. Paulus Ntuli. Frederick Ntuli, Paolus Sibiya (Vryheid), A. Shabangu, P. J. Nkosi Bax. Mtinkulu, Willie Lajika Khoza."

* * *

"Kwabe kubuthenwe esikoleni saseRuigtefontein eholweni yaso ngomhla ka June 9 kudanswa. Abashabazitika ngezinhlobo zonke zemidanso beshayelwa izinsimbi ngabase Ladysmith amaRhythm Clouds abaphethwe nguMn. E. Butelezi. Ngosuku olulandelayo ngo 2 ntambama abashayi laba bathokozisa abadala ngezingoma ezimnandi bajabuliswa abadala ngowayebetha isigubhu nomshayi wetilongo ebasele phezu phahleni sengathi ufuna ukuludilizela phansi."

* * *

"Umdlalo wokugcina we First Round webhola wadlalwa ngoJune 17 kuma Hungry Lions namaWinter Roses. Ushisa ekhaleni. AmaRoses anenaphoyinti amane enomdhalo owoedwa ozayoazidela amathambo ukuze athathe indebe ka 'H.C.' nganaphoyinti Kuyilapho namaLions ezimisele ukuba alingane ngama phoyinti ukugayofinyelela kwomafayineli. Umdlalo ashisa kusuka uze uyophela, kungaziwa umbhanshi ukujiya. Kwagala sengathi amaRoses azosobozela kuma Lions. Kanti kakunjalo. u-British Empire iout left no Zond' amakhaladi icentre forward balinga ukulifaka kodwa phinde. UBritish Empire wakhuzwa izikhathi eziningi nguReferee ngokudlala kabi kwaza kwasebenza umthetho No. 12 isigaba 0, kodwa wenqaba ukuthobela unompomp. Umdlalo waphela kusasele amanithi athile lingangenanga ndawo."

P.W.L.D. Points.

Winter Roses	4	2	1	1	5
Waschbank Roses	4	2	2	0	4
Rovers	4	2	2	0	4
Northern Stars	4	2	2	0	4
Hungry Lions	4	1	2	1	3

Umdhalo owadlala ngoJune 17, Northern Lights 2, Hungry Lions 3."

"NgoJune 24 amaWaschbank Roses ahambela eElandslaagte (Emalahleni) ukuyongcweka namaRangers.. Ahlulwa amaRoses ngo 4 - 1. Endlalweni wangaphambili wawo lamaclubs e-Waschbank amaRangers ahlulwa ngo 4 - 3 ngamaRoses.

* * *

"Ngenkathi yezinyanga eziyi-sithupha ezidlulile kwaphenjwa umbuthano wokubungazana ngemidlalo nokuhlabelela nemidanso nokunye uma kuvalwe izikole. Leliqembu laziwa ngokuthi Waschbank Young People's Association. Bavanise nokwenza amakhonsathi.

Injongo wukuziphaphanisa bathuthuke badale nomoya wokuzwana kuzizwe zonke. Nampa abaholi benhlangano:

Sihlalo Mr. Isaiah Luvuno
Iphini lakhe Mr. Eliakin Kubheka
Umbhali Miss Elizabeth Ndaba
Iphini lakhe Miss Beatrice Mshibe
Usikhwama Miss Eunice Ntombeni

AbeKomidi Messrs. Tom Dhalamini, Cecil Zondi, Lloyd Zondi. "

* * *

"Ukubanda kwezulu kudale izingozi eziningi kubantu zezimbawula ezingeniswa ezindlini kusihlwa. Kuvanise abesifazana kulezingozi izingubo zabo zibambe unlilo nezingane zithelwe ngamanzi abilayo.

Yingozi enkulu yabantu bakithi lena umusi wembawula endlini. Bangingi osubathathile abantu. Ningayivika lengozi ngokuvula phezu endlini noma izimbobo phezu ukuzo umusi uphume.

* * *

"UMn. T. P. Mngadi uMabhalane omkhulu kwaKhonishani lapha useqalile futhi ukusebenza. Ngenkathi ephumule uMn. Mngadi uhambe yonke indawo. Wayofika nase-Thekwini naseMgungundhlovu nase-Koloni.

* * *

"UMn. Bernard Zondi, B.Sc. (Hygiene) osebenza kuMnyango we-

Mpilo eClairwood uke wathi qu lapha ekupheleni kwesonto leliya ezobona unina nabafowabo abafika bevela ezikoleni."

* * *

"UNurse Royal Lindane Mabaso ofundela ubuNurse eKing Edward VIII Hospital, Durban, ube, aoha ekupheleni kwelidlule ezobona umzala wakhe uMn. Zondi.

* * *

"Babuyile ezikoleni laba Miss Gladys Khumalo, Gardens, Monica Mazibuko, Gordon Memorial, Rose Msimang, Prisca Dhlamini, Nongoma. Gertie Mshibe, Maritzburg, Constance Mtombeni, Eunice Mtombeni, Lilian Zwane, Mavis Madela. Elizabeth Ndaba, Virginia Ngidi, Alexia Mvelase, Mabel Kubheka. Messrs. Isaiah Luvuno, Vryheid, James Nyawo, Vryheid, W. F. Madela, Ken Zwane, Eliakim Kubheka, Worthington Msimang, Cecil Zondi, Felix Dube, Mitchell Dube, Andrew Khoza, Jethro Mbatha, Dennis Hlatshwayo, Vincent Mbatha, H. Kunene, Fortesque Malinga.

Labake bahanbile baya kwezinye izindawo : Messrs. P. H. Gcabashe, Kingsley, Cable Guliwe, J. J. J. Madela, Goodwin Mthembu, Indaleni. Misses M. A. Sibankulu, A, Sithole, C. Sibisi."

* * *

"AmaClubs emi kanje ku Second Round ye T. P. Mngadi Cup :

	P.W.L.D. Points.				
Rovers	2	1	0	1	3
Young Tigers	1	0	0	1	1
Waschbank Roses	1	0	1	0	0
Winter Roses	1	1	0	0	2
Northern Stars	0	0	0	0	0
Hungry Lions	1	0	1	0	0 "

* * * * *

KUVALILISWA UMN. G.J.B. NGUBANE.

(Lendaba siyithunyelwe nguMn. Alfred Shangase, iphini lika Mbhali we Maritzburg Bantu Football Association. ABAHLELI.)

"Ikhansele yeMaritzburg Bantu Football Association yaba nomkhosi omuhle ngoMay 29, 1951, eAfrican Restaurant, eMgungundhlovu kuvalleliswa uMn. G. J. B. Ngubane owabenguMbhali walelibandla iminyaka emibili nesigamu. Ngaleyonkathi enguMbhali futhi weNatal Bantu Football Association.

Ubenguthisha eCaluza Government School iminyaka eyishumi ephethe imidalo yezingane esogodini sase-Edendale. Esondelene neKomithi yemidlalo nezokubungazana yakwa-Khomishani.

Kwakukhona ngaphandle kwezikhulu zikaSosesheni abafundisi noMn. Ngubane noMn. A. B. Majola, UMbhali woMgungundhlovu Co-op. Trading Society owabe yisihambeli esihloniphekile. UMn. J. A. Zulu, uMaqhuzu we M.B.F.A. enguSihlalo.

Waqala ngokuthi ukusuka kuka-Mn. Ngubane kuzoyilimaza iSosesheni kodwa wathi wethemba ukuthi uyakuphenba iGatsha layo ePaulpietersburg. Umn. Ngubane ushinshelwe khona ukuba abeyiqhude lesikole sakwaNdabambi Government School.

UMn. Majola wabonga uMn. Ngubane ngokucophelela emsebenzini wakhe nokwethembeka kwakhe kuSosesheni wabongela nokuba iqhubeka iSosesheni. Wathi wethemba ukuthi nalapho eya khona uMn. Ngubane woyikhonzela iSosesheni ngukuphenba igatsha. Wethemba ukuthi uyakuthatha indawo kaMn. Ngubane uyoqala lapho eshiye khona. Wanfisela okuhle nempumelelo lapho eya khona.

Zakhuluma nezikhulu zikaSosesheni nabafundisi noMn. Ngubane kwase eMlandela uMageba ngeziphoh.

Eziphuma kwi M.B.F.A. £5/5/-
Eziphuma kwi M.B.F.A. iwashi legolide lephakathe elibiza £8/12/6.

Eziphuma kuMn. J. A. Zulu nezinye izikhulu Usiba loku-loba iFawandeni.

Eziphuma ku M. M. Mabida amaphakethe amathathu ezinsingo zeGillette zokuphuca.

Eziphuma ku J. F. Kumalo iFawandeni kanye nePeniselo kuhlezi ndawonye esikwameni sakho.

Eziphuma ku P. Nene amankimishi etiy ephelile.

UMongameli we M.B.F.A. wacela uMn. Ngubane ukuba akaphefumule naye.

UMn. Ngubane wathi uyadabuka ngoba isikhathi sesifikile sokuba ahlukane nabo akade esondelene nabo namaclub ayakade emsekele ankhuthaza ukuba asebenze kahle umsebenzi. Wabonga ukumvalelisa kwabo ngendlela efudumele neyokumfisela okuhle. Wabonga nalabo abanikele imali ukuze aphiwe izipho ezinje.

Uthe eseqedile uMn. Ngubane kwaphungwa omakhekhe ku-Mn. Jas. M. Sikhosana, uMeneja waseAfrican Restaurant noyiphini likaMongameli weM.B.F.A.

Umkhosi omuhle waphethwa ngo-Nkosi Sikelela iAfrika noGod Save the King.

Abaningi bamphелеkezelela uMn. Ngubane bayombeka esiteshini bam-bona ehamba nohazane lunuka naye."

* * * * *

EZAMASCOUTS ANAMAGUIDES
ngu AKELA.

Ngalenyanga isiScout zesigaba esiphambili sizothola amaxoxo ngezinyoni.

IZINYONI.

Kukhona izigaba eziyisihlanu zezilwane ezinomgogodla, ofishi, amaselesele, izinyoka, izinyoni, nezinye, izilwane ezifana nomuntu. Izinyoni yizilwane ezinezimpawu lezi.

1. Ziyakwazi ukuzwa ukuhamba kwomoya.
2. Ziyakwazi ukundiza.
3. Umzimba wazo wembozwe yizimpaphe.
4. Amalungu azo angaphambili enziwe ukuba abenganaphiko (kulezo ezindizayo) noma zigijine (kulezo ezigijinayo).
5. Amalungu azo angemuva enziwe ukuba zigxumagxume, zihlambe, sihlale enithini, zihambe zigijime.
6. Inhloko yincane iyimbulunga umzimba uyimbulungana, ukuba ihambisane nomoya.
7. Amaphuphu aphuma emaqandeni.

IZIMPAPHE.

Zivimbela ukuba zingamuncwa ukufudumala uma zindiza. Izimpaphe ziyashesha ukukhipha amanzi, ubobheka isikhukazi simi emvuloni

unzimba ugebele ecaleni ukuba amanzi ehle. Izimpaphe zihlezi ngendlela ethile ezimpikweni ukuba zindize emsileni ukuba ziziphendule ngawo, nokuba inyoni indize iyeke anaphiko. Yehlu-kile inibala kwezensikazi nezen-duna yezimpaphe. Induna inezimpaphe ezinhle ukwedlula insikazi, eingazinhle zensikazi zenza i ukuvikela isidleke ngokuba singa-bonakali uma ihlezi kusona.

UKUHLALA EMITHINI.

Bheka ngemuva kwesandla sakho. Unyakazise, iminwe, sengathi udlala upiyane, uzobona ukuthi inyakaziswa yimisipha. Uma inyoni ihlala egatsheni iyagoba imisipha yenze imilenze inama-thele egatsheni lomuthi. Ukuba isuke egatsheni inyoni iqala ngokuphakamisa umzimba ngokwelula imilenze. Mhlawumbe sewake wabona ukuthi kulukhuni kangakanani ukususa isikhukazi sihlezi emthini uma sekumnyama uma se ihlezi.

UKUNDIZA.

Mhlawumbe usakhumbula ukuthi i-Turkey elasala mhla kukaKhisinusi ukuthi imisipha enyakazisa amaphiko alo inamathelephi. Imisipha eqinile isunduza amaphiko abheke phanzi kodwa kusengathi ayaphambilana, isino sephiko si-fana nezandla ezifumbethwe. Uma iphiko lidonseka phansi lizenze into eyiqhubela phambili. Kwenze inyoni iye phambili naphezulu. Umoya uyisekele inyoni uma indoza. Lokhu kwenze inyoni ihambe iqonde kodwa yohla kancane ibuye yenyuke kancane.

Ukuzisiza okundizeni ezinye izinyoni zinomoya emethanjeni amade omzimba kukhona isikhwama somoya ezenze umzimba ubelula ukuze indize kahle. Ibisivikelo futhi sokuphefumula ukuze ikwazi ukunyakaza ngamandla.

Khetha izinyoni eziyisithupha eziwayelelekele ofuna ukufunda ngazo uzilonde abhukwini lazo. Kukhona lapho ungathola khona ngazo kodwa kulinge ukuzibongla wena izinyoni lezo.

INKINYANKENYA.



1. Iphi indawo yokufundela ethiwa "Gilwell Park"?
2. (a) Umkhosi wesil2 wonyaka wamaScouts wabe ugujwaphi?
(b) Usuku owagujwa ngalo yiluphi?
3. Mangaki amazwe ayenabakhulumeli kumhlangothi wezizwe zonke?
4. Yisho amazwe amukelwa abhalwa yisiGungu sezwe Lonke?
5. Ngubani uwaloba incwadi ethiwa Patrol Leader Handbook?

* * * * *

UYAFUNA UKWAZIWA NJENGOMQHUBI WEMOTHO OKWAZIYO NGEMPELA NA?

ISIGABA III.

Izincwadi zokuqala ezimbili ngaloludaba ezimayelana nokuqondene nokuqhuba ngengqondo nokwazi ngezinsimbi zemotho, zaqeda indina ende kakhulu, empeleni zakuhleka obala konke okuyimikhwazi yomqhubi wangempela wemotho.

Kakusekho okunye okungashiwo ngaphandle kwokubuyekeza lokho esakusho. Wena ake uzihlale wena njengomqhubi uhlole izenzo zakho uzibone ukuthi kulaphi lapho wahlu-leka khona.

Kusobala ukuthi sonke singeze sibengabamabhizinisi abanempumelelo, nabadlali nabanokwazi okuthile, kusobalake ukuthi ngeke

sonke sibengabaghubi bempela bezi-motho. Kodwa singalinga ngamandla ethu onke okukugwema konke okukhomba okungayizingcweti kwethu.

Abantu bahlukene kakhulu ngezimilo, nangenizamo nanganandla ngangokuba kungebe yinto yokuhla-kanipha ukuba sicabange ukuthi umuntu emunye angabayisibonelo esihle ngezinhlangothi zonke zokuba nginqhubi wempela wemotho ngakho konke. Uma wena unokwazi kwemishini yemotho, kwandise ukwazi kwakho, beseke uqinisa nge-mpela ulinge ukwazi lokho osilela kukhona.

Kulula-nje ukulandela imithetho yakho. Njengoba sonke siyathanda ukwaziwa singabalisa nezintombi ezethembekile qhubekake ufise ukuba waziwe wethembekile nase kuqhubeni imotho yakho. Qhuba imotho ng kihlonipha njalo, uba-bonelele abanye abasemigwaqweni noma bengobani, noma behamba ngezinyawo noma behamba ngezi-motho nabo. Kakusiyona into elukhuni nesindayo uma ngemvelo unomoya omuhle kwabanye.

Uma uhamba ngemotho nezihlono zakho noma nomuzi wakho uzizwe umnandi egazini ubokwazi ukuthi sewuya khona ekwazini ukubangunqhubi okwaziyo kahle.

Uma bekuncoma ngokuqhuba kwakho nokugcina kwakho imotho yakho, bemangala beyibona ibukeka kahle phezu kwobudala bayo, kufana nokuthi uyalinciphisa ngempela ibanga elikuyisa osinweni sokuba ngumqhubi wempela wemotho. Yiphathe imotho yakho njengengane ethandekayo.

Uma bekubabaza ngokugcina imotho yakho ngaphandle kwe zindleko ezinkulu wonge imali ngokuzilungisela yona kwokuncane kwayo okudinga ihambe kahle yazi ukuthi sewufinyele ebangeni lelo okade ugaqele kulona.

Akengikukhumbuze ukuthi ku-yinto enhle ukuzibona iziphonsiso zakho ulinge ukuzilungisa kunokuba ucabange ukuthi kawusadingi kwazi lutho olunye. Umqhubi omuhle uyazibona lapho engaphelele ngakhona alinge impela ukuba kungabiyingozi lokho kwabanye.

Ngakhoke, noma ungeke ubenazo zonke izimpawu zokuba wumqhubi owazi ngempela ukubangaba ngengoba sishilo ezindabeni ezimbili esiqale ngazo, uma ukwazo ukuzisola, uma ulinga ukulwandisa ulwazi lwakho nokuhla anipha nokuqhuba

ngokucophelela unakho kukuwena okungakwenza umqhubi wempela emuva kwesikhathi. KANGINGA-BAZI UKUTHI UYAZAMA.

* * * * *

(uMiss Alexander olobe lendaba uyaziwa kahle ngabafundi bethu Wake walilobela Ikhwezi kuqala. Siyambonga ngokusilobela kwakhe. Sengathi ukuphumula kwakhe kube wukuphumula esebenza kodwa sethenba ukuthi wakuthokozela ukuphola kwakhe eKomani nokuthi izingane zakhona zathokoza kakhulu ngaye. ABAHLELI.)

INDAWO YESIVIKELO EQUEENSTOWN

Ngenkathi ngihlabe ikhefu lami ngoMay ngahambela lendawo eQueens-town ephethwe ngabe Christmas Stamp Fund phansi kwesu labo lama-Khaya Akhanyayo.

Lendawo yesivikelo ekuqondile wukusiza izingane eziphakathi kweminyaka emibili nengamashumi nantathu ezabe zisondelene nabantu abaguliswa yiT.B. LeliKhaya elinabantwana abangama 200 ngelabantwana baBantu namaKhaladi kanti iKhaya lapha eMgungundhlovu ngelabantwana babelungu abamandiya baya eFOSA Settlement eduze kweTheku.

IKhaya laseQueenstown likude nedolobha amamayela amabili igceke lakhona libanzi lihle, izingane zinendawo ebanzi yokudlala. Izindlu zinkulu nendlu yokudlela ebanzi enamakhishi amahle anakho konke nezindlu zokulala nezikole ezimbili ezinye zaBantu ezinye zamakhaladi.

Ngafika ngingalindiwe ngesikhathi sokudla libanda kabi izulu ngafika izingane zidla ukudla okumnandi kwasemini. Ngadabuka ukuba ngase ngizilungiselele ukuya kwenye indawo ngiyokudla khona kangakwazi kuzwa ukudla kwezingane okwabe kubukeka kuletha amathe emlonyeni. Ukudla kuyistew esishisayo nemifino kwelandela isobho nesinkwa nebhotele. Izingane ziyazilandela ekhishini ukudla kwazo zibuye ziphindwe noma kangakanani uma zingakeneli.

Kwangihlaba umxhwele ukubona umoya endlini yokudlela ngenkathi yokudla nokuzwana phakathi kwa-

kwabelungu abaphethe nabasizi babo abangesibo abelungu.

Abafana bevathe izikhindi zi-kaKhaki namahembe amantombazana afake izingubo zeprint namajezi. Zonke izingubo lezi bazinikwa khona eKhaya lelo uma zifika izingane kulona noma zifika nezingubo zazo zinikwa abazali izingubo zazo. Uma seziphuma eKhaya izingane zinikwe izingubo zokwevatha.

Izindawo eziphansi kukaKhomishani zabe zinezingane lapha ezingama 50 ezinhlanu zivela eEdendale ezinye zivela eClermont. Kwangijabulisa ukubona isimo sezingane zaseEdendale ngoba kwathi mhla ngizikhwelisa esitimeleni eMgungundhlovu zabe zizacile zinciphe izisu abafana namantombazana, kodwa kuthe mhla lokho ngizibona lapho kuleliKhaya ngabona iziqethevu-nje zabafana namantombazana bephile kahle kakhulu. Bajabula ukubona ovela ngakubo bajabula ukwazi ukuthi izithombe engabathatha zona ngiyozikhombisa abazali babo.

Izindlu zokulala zahlukaniswe ngamakamelwana okulala kuwona izingane eziyishumi noma 12. Ingane enombhede wayo nendawo yokufaka izinto zayo nenye enkudlwana yezingubo. Ophethe ngamunye ulala endlini ngayinye yokulala. Phansi lepha kufakwe okwenza indlu ithokomale ikhangeke.

Indlu esondelene neyokulala ngeyokugezela enobhavu omkhulu sengathi yichibi elincane lokuhlamba namanzi afudumele nabandayo.

Ukwazi kweKhomishani kufundisa ukuthi emuva kwokuba izingane zise eQueenstown iminyaka emibili zibuyela emakhaya siphile kahle zithokoza ziziphethe kahle.

Ngineqiniso lokuthi abanye babafundi bangathanda ukwazi ukuthi bangazilungisela kanjani izingane zabo ukuba zamukelwe kuleliKhaya laseQueenstown kuyinjongo yethu ukukhuthaza labo akade behlezi eduze kwabaguliswa yiT.B. ukuba balithole ithuba leli. Uma unesihlobo noma nengane ofisa ukuba iye eQueenstown okufanele ukwenze yikubonana namaSocial Workers ima kuseClermont Umhambeli wezeMpilo. Uma ingane seyivunyiwe abeChristmas Stamp Fund bakhokha zonke izindleko zengane ukuhamba iya eQueenstown nompheleli omdala.

IKhaya lesiVikelo lihanjelwa

njalo nguDokotela futhi uMatron walo nguNesi ofundisiwe oneminyaka eminingi ewenza umsebenzi lowo.

Ngenkathi yomsebenzi wami we-Social Work sengibone amaKhaya amaningi ezingane zabelungu nezingasibo abelungu kodwa ambalwa angijabulisa angethembisa okuhle njengeKhaya laseQueenstown lesiVikelo.

M. A. ALEXANDER.

* * * * *

UMCINTISWANO WEKHWEZI WEZINGADI

Ngezinyanga ezimbili nezintathu ezidlulile besilokhu sixoxa ngokungase kwenziwe ngomncintiswano wezingadi esogodini sase Edendale ikakhulu eAshdown. Kusukela mhla lokho sekubuye kwavela okunye okucacisa ngalomncintiswano noma isimo sokugcina singakagondakali kodwa abafundi bethu abathandayo sizobacacisela okungase kudingeke bakwenze.

Kuzoqalwa ngokuba kwenziwe e-Ashdown ngoba yilapho kwavela khona lomqondo. Futhike izingadi zaseAshdown zicishe zilingane ngakho zingahlolwa kahle. Uma abangaphandle kwaseAshdown befuna nabo ukungena umncintiswano ungase wenabele nakubona.

Imbewu yizitshalo zemifino nezezimbali nezotshani nezemithi ingatholwa kuMn. Bradfield emaHovisi akwaKhomishani. Futhi angabeluleka abafuna izeluleko. Imbewu kayikabikho ngakho kakuswelekile niyicele okwamanje nizwe ngelkhwezi uma seyikhona. Zonke izithombo niyozithola ngesihle.

Kuqondwe ukuba abahloli bezingadi bangahloli kuphela izingadi zabo kodwa bahlole nedawo leyo engaphambi kwezindlu zabo ngaphambili ebhekene nomgwaqo eyabe ingaba yinxenye yendawo yabo uma izindawo zabo zenabela emgwaqweni.

Kuyonikezwa amaqhuzu ngakho konke kwengadi. Silinganisa kanje:

Imiklomela eyishumi	ngemithi emihle.
"	ngengadi yezi-
"	mbali.
"	ngengadi yemi-
	fino (Imbewu
	yemifino itho-

Imiklomela eyishumi lakala njalo
kwaPoyinandi.)
ngendawo epha-
kathi nothango
neomncele
" ngothango oluhle
Imiklomelo eyi20 ngobuhle ben-
dawo ukulun-
giswa kwayo
" ngokubukeka
ngaphandle kwe-
ndlu
Imiklomelo eyishumi ngezindlela
nezitebhisi
nokunye.

Siyalinganisa-nje ukuthi kun-
gase kuhlolwe kanjani kulomncin-
tswana.

Imiklomelo yonikezwa ngalen-
dlela

£5. Ophume kuqala
£3. Ophume isibili
£2. Ophume isithathu

Una imali itholakala iyobami-
ningi ibemikhulu imiklomelo.

Kuqondwe ukuba izithombo zi-
tholakale ngo August noma ngo
September kuhlolwe ngo January
seziqhakazile izimbali.

Umn. Bradfield ugqizelela
ukuthi abafuna ukungena kulomnci-
ntswana mabaqale manje balungise
izingadi zabo ukutshala imithi
nezithombo emigodini abayimbayo
manje. Una kukhona utshani ne-
zibi kubutheni nenze ngakho um-
quba ngokukubeka inqwabe noma
nikufake emigodini enizotshala
kuyona imithi. Qalani ukulungi-
selela manje.

Abangenayo mabathumele kuba-
hleli belkhwezi masinyane bawa-
lobe acace amagama abo namakheli
abo noma baqondise kuMn. Cook
eAshdown.

Bikelani izihlobo nomakhelwane
ngalomncintswana nibancenge ban-
gene nabo ukuze ube yinto enhle
ngempela eyokufanela ukuthola
imiklomelo.

* * * * *

ZIMNANDI NGOKUPHINDWA

NGEMINYAKA EMIBILI

Iyathuthuka iHowick West
"Osemva uphambili". Ngibonga
inqubela phambili yeHowick West.

Indawo eyaziwa njengendawo ephansi
embi edelekile yesixavathi lapho
imbazo kuyinduku igazi endodeni
nakumfazi lifana nezinyembezi en-
goneni. Kodwa namhlanje zinci
phile kakhulu lezo zinto.

Sinezindlu manje ezincono
ezakhiwe ngokomthetho wempilo
angikhulumi phela ngezindlu za-
khona ezincane zinhle ngokuphelele-
yo. Siphuza siwashe ngamanzi af-
anelekile ungeke wesabe ukuthatha
ingubo zomlungu uzoziwashela ekhaya.

Singene sithe shi ekudleni imi-
fino yesilungu kanti kuleminyakana
engaphambili besithi ikhabishi
ukudla kwa Mandiya Ayinamhlanje
zingene izifundiswa kwa "Joji"
Howick West.

Ukuze uqonde isibonelo esihle
somuzi ofanelekile ofuna impilo
enhle ukuze ubeke umuzi wo Mfundi-
si J. S. Dunn eceleni komgwaqo edu-
ze nesikolo sabantwana abancane
Akumifino izinhlobonhlobo ubeka
wenele; zitshalwe ngomthetho
omuhle zivanjanangevanjana indin-
yanya ezahlukeneyo. Ubeka wenele
kuluhlaza cwe ungeke usho ubakuse-
busika.

Akungane phela kuyaduma azinkulu
simanga zonke ingane ezihanjis-
wa ku Howick West Clinic ziyancon-
ywa nobaphi zibukeka ziphilile.
Kanti omina benzani ufumanisa
behlaba bekhu phuka baya nitha
phela amajezi abantwana nezigqoko
ingathi nalowo uthi ngifuna umn-
tanami agqoke eze wool wulu zodwa.

Ungesabi ukuvakashela eHowick
West nezimoto zingena emabaleni
manje imigwaqo zincwebelele
sidla o"Icecream" sifunda amaphe-
phandaba sihleli ubone ufumanisa
iphepha nezindaba zalo ezimnandi.

Iyaqhubeka iHowick West Basobo
unganyathelwa mzomkhulu Howick.

* * * * *

IZIMPENDULO ZENKINYANKINYA.

1. England.
2. (a) Norway. (b) August 1949.
3. Amazwe angama 42.
4. Indiya, Pakistan ne Burma.
5. John Thurman.

* * * * *

IZINDABA EZIFIKE SESIVALA

U wabiwa kwa ma-ground (amagceke ebhola) ePlessislaer.

Khona manje-nje sibona sekufika uhla (schedule) olukhombisa ukwabiwa kwama-ground ePlessislaer (eSeklandi) okuzoqhutshwa ngalo emavikini amahlanu noma ayisithupha ezayo. Esikhathini esizayo iKhwezi liyomemezela uhlelo lwenyanga zonke oluyokhombisa ukuthi yimaphi ama-club obesebenzisa ama-ground, nokuthi ngaziphi izinsuku. Futhi siyozama ukunioxela ukuthi imidlalo yamaviki-ngamaviki ihambe kanjani.

Ngomhla ka-21 July - okobe kulusuku lokuqala - kwakhiwe ingqazivele yohlelo oluyobathokozi ngokungandile abase-Edendale. Esikhundleni sama league fixtures imidlalo iyobangeyama club alapha e-Edendale. Intaka ibeke-lwe amazolo-ke, sondelani, nisekele amathimu enu, lolusuku lokuvula lube nendumezulu yomdlalo!

Ngomhla ka July 21 ama-ground abelwe iMaritzburg Bantu Football Association ama-fixture emikanjenge:-

- 2.15 p.m. : Slangspruit Home Stars v. Mountain Blues.
3.30 p.m. : Rebellions Football Club v. Georgetown Pirates.

Ukwabiwa emasontweni ambalwa alandelayo kunje:-

- Sunday, 22.7.51 : M.B. F.A.
Saturday, 28.7.51 : Maritzburg African F. Assn.
Sunday, 29.7.51 : Plessislaer Youth Club
Willow Sports Club.
Saturday, 4.8.51 : Sutherlands Tannery African Football Assn.
Sunday, 5.8.51 : Stella Football Club.
Saturday, 11.8.51 : M.B.F.A.
Sunday, 12.8.51 : M.B.F.A.
Saturday, 18.8.51 : Maritzburg African Football Assn.
Sunday, 19.8.51 : Plessislaer Youth Club
Willow Sports Club.
Saturday, 25.8.51 : Sutherlands Tannery

Saturday, 25.8.51 : Sutherlands Tannery African F.C.
Sunday, 26.8.51 : Stella F.C.

* * * * *

UNCINTISWANO LWEZINGADI ZEMIFINO OLUSUNGULWE YI-IKHWEZI.


Kusukela ekufakweni laph'ephepheni kwaloludaba sekufike izuleko ezinhle eziningi malunga nendlela engcono yokuqhuba loluncintiswano. Kasiquli ukuthi iningi la lamasu liyofakwa ekwakhiweni kwesu okuyilona sekosetshenzwa ngalo. Siyababonga labo ngokukhuthala kwabo kulolu ncintiswano esuluphembayo. - ABAHLELI.

* * * * *

With the Compliments

of

The LOCAL HEALTH COMMISSION (NATAL)



Prepared and published by the
Head Office of the Local Health
Commission, Natal, 195, Long-
market Street, Pietermaritzburg.

A LETTER TO OUR READERS

Anyone who happened to be passing through Clermont on Saturday, July 14th, might have been excused if he had stopped and asked himself "Good heavens! I wonder what on earth's going on here?" And if, on asking this aloud, he had found that everyone was too preoccupied or in too much of a hurry to answer his question he might again have been excused if he had thought that it must indeed be a very important show which involved such a large proportion of the population and kept them all hurrying in the one direction. Obviously something very worth while was going on here!

Of course he would have been right because something very worth while was happening. It was Election Day in Clermont.

This year's Clermont Advisory Board Elections have been the occasion of great activity in the Area. Prior to the election, candidates went to considerable pains to make their views known to the electorate and on the day itself the township was as busy as a marketplace. People hurried hither and thither and cars plied to and fro between outlying districts and the polling station, carrying voters. Some candidates set up tables outside the station and their agents advised any voters who had difficulty with the voting procedure.

Commission officials had managed to borrow the ballot boxes from the local Magistrate and the Returning Officer was there to see that they were properly used. The number of votes cast was a sign of the interest taken in the election and perhaps an even clearer indication was the fact that something like a hundred people waited at the polling station until after 6 p.m. to hear the results.

People who have been associated with Advisory Board elections in Commission Areas since the Boards were instituted agree that this has been the liveliest and best supported election they have attended.

Congratulations Clermont! Not only have you shown that an effective election can be held in Commission Areas and a representative Board elected, but we are sure that many people have gained very valuable experience in how an election is run. Judging from the expressions on people's faces on election day we also suspect that a great many people got a great deal of fun out of it!

Yours faithfully,

THE EDITORS.

DID YOU KNOW ?

THAT the African Women's Society recently held a grand celebration at the Sobantu Village Community Hall. It was a double event for besides being the Society's Tenth Anniversary meeting members had also just heard of its registration under the Welfare Organisations Act of 1947. The celebrations lasted from Thursday July 19th to Sunday the 22nd. Highlights were the Grand reception concert and dance held on Saturday night from 8 - 12 and an Interdenominational service held on Sunday morning.

"Ikhwezi" is taking the liberty of quoting a short history of the Society from the Souvenir Programme which some kind friend sent us.

"It was somewhere in the city in a small ironing room that we first assembled to form our Society, the initiative being taken by Mrs. E. J. Mhlongo formerly of the 'Daughters of Africa' Society. At that time we did not know the progress which was in store for us. In forming the Society we were driven by the sight of some of the most desolate scenes imaginable amongst our African Cripples, Orphans and Aged People. The Society pledged itself to take action to help these most unfortunate cases, and this became one of its main objects. Other objects are to organise African Women and to propagate social economic and educational and cultural activities. We began with only 20 active members and now have over 60."

Ikhwezi congratulates the African Women's Society on its achievements and wishes it the best of luck.

* * *

THAT the Medical Officer of Health's report for Edendale for June reported two notified cases of Diphtheria. The one was an African girl of 20 who had been residing at Ashdown. The other was a baby African boy of 19 months from Macibise. NEITHER OF THEM HAD BEEN IMMUNISED.

This gives us a good idea of the value of Immunisation. If these two young people had been immunised they need never have contracted

this disease and their parents could have been spared the awful gnawing fear which besets all of us when any of our loved ones are taken ill. It is certainly well-worth every mother's while to take these simple precautions and so ensure that she need no longer worry about her children getting those dreadful diseases which immunisation can prevent.

* * *

THAT the Rev. J. S. Dunn, writer of this month's article, is wellknown far beyond the limits of Howick West for his duties frequently take him into the surrounding districts.

Mr. Dunn, unlike most clergymen, was not ordained until fairly late in life and prior to this he had lead a very interesting and varied life. Born in the Mtonjaneni District of Zululand in 1904. John Dunn, Junior, started his education at the school at St. Paul's, Enkwenkwe, and then went on to the Lower Tugela Government Coloured School. During the 'flu epidemic of 1917/18, when he was in Standard V, his education was brought to a sudden close.

After that he worked in various places, firstly at the trade of shoemaker and later in the Lever Brothers soap factory in Durban. In 1941 he decided to take up private study and as a result of his efforts he passed his J. C. and later, with the aid of the Durban Technical College, obtained the N.S.C. This was not the end though, and the next step involved a break-up in the Dunn family. While Mr. Dunn set out for St. Peter's Theological College at Rosettenville, his wife joined St. Hilda's College at Rosboom, Ladysmith, taking a course in domestic science. In March 1949, Mr. Dunn obtained the L. Th. diploma, he was ordained a deacon in December of that year and a priest in the following year.

This was the climax to a series of remarkable successes achieved against great odds. Howick West is indeed lucky to have such a pastor and we hope that Mr. Dunn's article this month will be followed by several others in our succeeding issues.

(Some time ago there appeared in "Ilanga" a letter from Mr. S. Radebe in which he complained that he could see little evidence of the progress which the Commission was said to be bringing to Edendale. Below we publish a short article from the Medical Officer of Health in which he attempts to clear up certain misunderstandings which are evident from the letter. He has also tried to place before readers some of the advantages which he thinks the Commission has brought with it to the Areas. - Editors.)

A COMPLAINT ABOUT THE COMMISSION.

A reader is apparently unable to see any progress in the welfare of Edendale residents since the Commission took over local authority administration for the Area.

Tangible evidence is not hard to find. The chubby babies attending Child Welfare Clinics, the happy mothers, confident that ante-natal care will guard their progress; Tuberculosis Clinics and V. D. Clinics show an ever-increasing attendance.

The time devoted to basic sanitation shows its results in a lower typhoid and enteric rate and the establishment of a pure water supply further aids the progress to better health.

And of housing matters : throughout the world it has been shown that bad housing and overcrowding lead to a higher incidence of infectious disease, more particularly Tuberculosis, meningitis and respiratory diseases. The environment of such living conditions must lead to greater incidence in delinquency crime and unhappiness.

As far back as 1944, steps were taken to make the Slums Act applicable to Edendale and District, whilst the Commission acquired land for a housing scheme, intending to remove the worst structures in the Area and so bring about an improvement in conditions.

No demolitions have been carried out without alternative

housing being made available, and those structures demolished, embodied all the evils of slums. In the demolished buildings, overcrowding, dampness, lack of segregation of sexes, etc., were injurious to the residents and dangerous to health generally.

The rents in the alternative accommodation in Ashdown Native Village are a little over a pound per month, and the pride taken by the new occupants in their homes is evidenced in their attempts to provide a garden, and the general standard of cleanliness which they maintain. The expeditious payments of rents, as well, would indicate that the tenants feel under little hardship.

It has been a policy of the Commission to administer the Slums Act with the maximum degree of sympathy compatible with the prevention of disease and so step by step to progress to the Utopia of good health for all.

It would appear obvious that unrestricted building could lead only to chaos and overcrowding and nullify the hard won results of improvement in health so far achieved.

The restrictions resultant upon the replacement scheme for wattle and daub houses are not severe, but lead only to a higher standard of living, and a desire to maintain and improve conditions.

May I end by remarking that the framing of regulations is not without difficulties, but the ultimate aim must be for improvement in health and a better way of life, for, after all, disease is no respecter of persons.

* * * * *

IKHWEZI JOTTINGS

Farewell to Mr. G. SOOBIAH.

This month Mr. G. Soobiah is leaving South Africa after four years in the service of the Commission. During that time he served first in the Health Department and more recently with the Valuations Section.

Between 1942 and 1946 Mr. Soobiah served with distinction as a

Wireless Operator with both Bomber and Coastal Commands of the R. A. F. Finding that opportunities in his home town are limited, Mr. Soobiah has decided to return to England and resume his service with the R. A. F.

He is due to sail in the Winchester Castle on August 16th.

Mr. Soobiah wishes to thank all his colleagues with whom he has worked during the past few years, and particularly Dr. Seymour and those members of the Health Department with whom he worked at Edendale during the early days of his service, for making the time he spent with the Commission such a happy one.

The very best of luck to Mr. Soobiah and we hope that he will become Ikhwezi's first Foreign Correspondent!

* * *

The readers and Editors of Ikhwezi wish to extend their deepest sympathy to Mr. L. J. Hodgkiss on the recent death of his mother. Mr. Hodgkiss is well-known to Area residents as the Assistant Secretary (Areas). He is a member of the Magazine Working Committee and a staunch friend of Ikhwezi and all it stands for. We feel very deeply for him in his bereavement.

* * * * *

EDENDALE HOSPITAL

LAYING OF FOUNDATION STONE

Thursday, the 12th July, was a great day in the history of Edendale. Cars and lorries and bicycles and people on foot came from all directions to see the Administrator, Mr. Shepstone, lay the Foundation Stone of the great new hospital which is to serve the people of the Midlands of Natal.

In his address the Administrator told us how the Administration had gone to great lengths to ascertain that only the very latest and best of everything would be included in the hospital. People had been sent to Europe and to America to study developments there.

Mr. Shepstone remarked on the serious decline in the health of the African people which he had seen during his lifetime and also the change in attitude of the Africans towards modern medicine and hospitalisation. These two factors had combined to make increased hospital accommodation essential.

The first portion of the new hospital would provide accommodation for some 700 patients. When it was opened Grey's Hospital and Mayor's Walk Hospital would be largely closed to non-Europeans. However, an out-patients and casualty clearing department would be established in East Street and this would be linked by ambulance with the new hospital. In conclusion Mr. Shepstone appealed to young women to come forward and volunteer as nurses so that there need be no fear of the Hospital being understaffed at any time.

Chief Ephram Mngadi of Impolweni replied to the Administrator on behalf of the African people present and said that the hospital had come at a very opportune time. It was good to hear that it was to be only one of a number of hospitals spread throughout Natal. He said that the increased demand for beds was due to the increased population as well as other factors and concluded by saying that the hospital would be a great boon to the people of Maritzburg and the Midlands.

It was a very pleasant occasion and I think those of us who were there left with the feeling that something well worth having had come to Edendale.

* * * * *

HERE AND THERE

EDENDALE.

Emazwini akhe wasitshela ukuthi iBandla lesifunda lazama ukuthola okungcono kunakho konke kwokakha isibhedlela lesi. Izingcweti zathunyelwa phesheya ukuyofunda okuhle khona okungathasi sela esakhiweni lesi.

UMn. Shepstone wakhomba ukuthi impilo yabantu iyatetema manje kakhulu nokubuka kwabantu ngamanye amehlo usizo lwemithi nezibhedlela. Lokhu kwokubili kwabangela ukuba izibhedlela ezibanzi zidingeke kakhulu.

Inkanye yokuqala yesibhedlela iyothatha iziguli ezingama 700. Mhla savulwa izibhedlela zase-Grey's nesaseMayor's Walk kabase-yukwamukelwa kuzona abantu. Kodwa isibhedlelana sokwamukela labo abafika nsuku zonke bezobuyela futhi emakhaya sizokwakhiwa kuEast Street sihanjelwe yi-ambulense phakathi kwaso nesi-bhedlela lesi saseEdendale. Waphetha uMn. Shepstone ngokucela abesifazana abasha ukujoyina ubuNesi ukuze kungenzeki ukuba izibhedlela sintule awoNesi.

UChief Ephraim Mngadi was' Empolweni wabonga eNkosini yesi-Funda ebongela abantu wathi ukwakhiwa kwesibhedlela kufike ngesikhathi esikufanele. Kuyathokozisa ukuthi sizoba ngesinye sezibhedlela ezizosakazwa izwe lonke leli laseNatal. Wathi ukwanda kwabantu abafuna usizo lwezibhedlela kwenziwa kukwanda kwabo abantu nezinye izinto wathi siboba wusizo olukhulu isibhedlela lesi kubantu baseMgungundhlovu nabaphakathi neNatal.

Kwabe kulusuku olimnandi nenjongo enhle abanye bethu ababekapho bahamba bebonga okuhle okufikayo eEdendale.

* * * * *

AMAXOXO E IKHWEZI

Kwaleliswa uMn. G. Soobiah

Ngalenyanga uMn. G. Soobiah uyemuka kuleli laseSouth Afrika emuva kweminyaka emine esebenza kuKhomishani ezigabeni ezimbili.

Ngeminyaka 1942 no1946 uMn. Soobiah wabephethe umsebenzi wokusakaza izindaba zomoya kuzindizamshini zempi yezindiza zaseNgilandi. Ngokubona amathuba amancane ezweni lakhe lomdabu usobuyela eNgilandi ukuyojoyina zona izindiza. Wabonga bonke abamsiza bemkhuthaza emsebenzini wakhe. Nathi simfisela okuhle kodwa.

*

Bayodabuka abafundi beIkhwezi ukuzwa ukuthi uMn. Hodgkiss owaziwa kakhulu kubantu besigodi lesi eyiphini likaMbali lesiGodi, umukelwe ngunina. Yilungu le-Nomidi ebhekene nomsebenzi we-Ikhwezi futhi yisihlobo sempela beIkhwezi ezilokotho zalo. Simzwela kakhulu kulolusizi akulona.

UBUKWAZI YINI?

UKUTHI Ibandla leAfrican Women's Society belinombuthano omuhle eHolweni yaseSobantu Village. Kwakubhangqene izinto ezimbili, ukudumisa ukuphela kwonyaka weshumi selokhu labakhona lelibandla, futhi lithokozela umbiko elisanda kuwuthola wokuqiniswa kweBandla leli ngu-Hulumeni phansi kwomthetho wama-Bandla eSisa uka 1947. Umdlalo waqhutshwa izinsuku ezine kusukela ngolweSine kuze kube yiSonto July 22. Okwabasemqoka wumculo omuhle kakhulu owaqedela ngomdanso ukusukela ku 8 kusihlwa kuya ku 12 phakathi nobusuku kwaphothulwa ngeSonto ngeNkonzo enkulu yamaBandla onke.

"Ikhwezi" libona kufanele kelilande ngalelibandla ngesisusa salo elisacaphune ephepheni esilinike ngomunye umhlobo.

"Kwakusendlwaneni yokhethe khona phakathi kwomuzi lapha saqala khona ukuhlanguka ukuphambela lelibandla, uBhongoza kunguMrs. E. J. Mhlongo owabe kade eyilungu lamaDodakazi aseAfrika. Sabe singakazi ukuthi umbhanshi wobanjani ukusijiyela. Okwasiqhuba ukuba siqambe ibandla leli kwaba wukubona izimo ezibuhlungu phakathi kwezigoga zakithi, nezintandane nasebephelelwe ngamandla okuzondla. Lase lizimisela ibandla ngokuzinikela ukuba lenze konke elingakwenza ukusiza labantu. Kwaba yinhloso yalo enkulu leyo. Enye inhloso wukuhlanganisa abesifazana samaAfrika nokushumayela izindlela zokuzimisa kahle ngokwenhlalo nangokwempilo nango-kwemfundo nangokobuntu. Saqala sinamalungu awu20 namuhla asengaphezulu kuka 60."

Ikhwezi liyalibongela lelibandla lamaAfrican Women's Society ngomsebenzi walo lilifisela inhlanhla enkulu.

* * *

UKUTHI umbiko kaDokotela we-Khomishani Edendale wenyanga kaJune ubika ukuthi kubheduke isifo esibi esithathelwanayo somphimbo kubantu ababili, intombazana yomuntu ebeminyaka engame 20 eyabihlala eAshdown, nomfana womuntu onezinyanga eziyi19 ubu-

dala okwamachibise. Kakho kubona owabesejovile.

Lombiko usinika umqondo omuhle ngokusweleka kwokuba sijove. Uma babejovile laba babangeke basithole isifo lesi nabazali babo ngabe kabahlezi ovalweni olukhulu oluvama ukusibekela bonke labo abagulelwa yizihlobo zabo abazithandayo. Kuyinto enkulu efanele ukuba wonke umzali ayenze ukuvikela izifo lezi nezinye ezifana nazo ukuze angahlaleli ovalweni ngoba zikhalinywa ngoMjovo.

* * *

UKUTHI uRev. J. S. Dunn oloke udaba lwalenyanga ngumfundisi waseGood Shepherd Mission, Howick West. UMn. Dunn waziwa kakhulu nangaphandle kwemincele yase-Howick West ngoba imisebenzi yakhe imkhomba kude.

UMn. Dunn wephuza ukugcotshwa, ngaphambi kwokugcotshwa wabephile impilo yenkuthalo nokuzinsisela. Wazalwa kwazulu emtonjaneni ngo1904. Wafunda eSt. Paul's Enkwemkwe, wadlulela eLower Tugela Government Coloured School. Kuthe lapha esekustandard V imifundo yakhe yakhalinywa ngumkhuhlane omkhulu we mfuluwenza ka1918.

Emuva kwalokho wasebenza ezindaweni eziningi, wathunga izicathulo wasebenza kwaLever Brothers eThekwini ngo 1941 wazifundisa ekhaya waza waphasa uJ.C. emuva kwalokho, esizwa ngabe Durban Technical College waphasa N.S.C. Kaqeda lapho, kwalandela ukwahlukana kwomuzi wakwa Dunn.

UMn. Dunn waya kofunda eSt. Peter's Theological College e-Rosettenville inkosikazi yakhe yayofundela iDomestic Science e-St. Hilda's College, Ladysmith.

Ngo March 1949 uMn. Dunn waphasa L. Th. diploma. Wagcotshwa wayi Dikoni ngoDecember 1949 ngonyaka olandelayo wagcotshwa ubu-Pristi.

Kwayisiphetho leso emuva kwempilo yokukhandleka nokuzimisela. IHowick West inenhlalala ukuba nomfundisi onjalo. Sethemba ukuthi incwadi ka Mn. Dunn ngalenyanga izolandelwa ngezinye eziningi.

* * *

LAPHA NALAPHAYA

EDENDALE.

Usomkhanda usebuyile ekuhlalbeni ikhefu ubuya enesivinini siyamingelela ezinhleni ze-Ikhwezi. Uloba uthi:-

"OTHISHA:

Labothisha sebehambile esigodini lesi besuswa ngabemfundo bethunyelwa kwezinye isikole... uMn. G. J. B. Ngubane oye ePaulpietersburg, uMn. Mzolo oye eIndaleni, noMn. C. C. Mfeka oye eInyoni. Bonke bebengothisha abakhaliphile emsebenzini wabo. Sibafisela okuhle."

* * *

"Kwaphuma umbiko owethusa ezinhleni zeNatal Witness ngoJuly ngokuziphatha kwothisha. Sethemba ukuthi lokho kuzobethusa othisha abanganaki ukuziphatha kahle phambi kwabantu."

* * *

"IMFUNDO.

USomkhanda uthi sizwa nagabaziyo ukuthi amarates athelwa eEdendale ngonyakayizizwe zonke ayizi £3,000. Uma singathi abantu bodwa bathela £2,000 lokho kukhomba ukuthi uma singacela uHulumeni asithelise sonke ngemizi esilapha eEdendale umuzi 10/- ngonyaka kungeke yini kwenzeke ukuba sithole imfundo yenkani ezinganeni sethu? Uma lokho kuphumelela kungabangela zonke izingane zethu lonke izwe leli sithole imfundo yenjani yesihle. Uma singathela ama£2,000 yemfundo ngonyaka ngikholwa ukuthi uHulumeni wesifunda naye angelekelela ngokuthela £2,000 ongeze mhla-wumbe ngaphezulu lokho kukhombise ukuthi siyayifuna imfundo yesihle yempopo ezinganeni zethu.

Abakwaziyo ukubusa kwawoHulumeni beziFunda bazongivumela ukuthi abelungu eNatal kabakwazi ukwethwala imfundo yezingane zethu. Ukuntuleka kwezindlu zezikole nokuntuleka kwothisha kukhomba ukuthi intela yethu ka-Khandampondo kayanele. Kukhomba ukuthi kufanele ikhushulwe ukuze isisize emfundweni nasempilweni. Uma sizibona izinto ezinje kungase kwenzeke lapha eEdendale ukuba sithole imfundo yempopo neyesihle ezinganeni zethu nakulo lonke laseNatal. Liyini-nje ishumi lawosheleni

ngonyaka ukuze zonke izingane zethu zifunde. Kungangani madoda."

* * *

"IMFUNDO YABADALA.

Kuphenjwa isikole sakusihlwa eAshdown. Abafuna ukujoyina ababone uMn. B.M.J. Thusi, Principal, Ashdown School, noMn. E. S. B. Msimang, Social Worker, eKilini eEdendale. Labo asebejoyina esikoleni samaNdiya sezandla mabahlale kuze kube ngonyaka ozayo."

* * *

"ADVISORY BOARD.

Yinkathi yokhetho lena lwamalungu amaAdvisory Boards. Yinkathi phela ongakhetha ngayo indoda enomhlandla eyokwenza okuthandayo.

Yithuba lenu nina baseAshdown. Ukulokhu nasola izinto ezifanele ukubakhona nezingafanele kakuniyisi ndawo."

* * *

"IMISHADA.

Kulemizi kade kukhala izinsimbi zemishado kudliwa inyama ngezinkani Mrs. Nkosi eduze neKilini eEdendale, Mrs. Msimu, Sitebhisi, Mr. noMrs. T. M. Kanyile (Umn. Kanyile uwuphethe ngesinono umsebenzi wakhe wesitolo namaSilaha nakwaMr. noMrs. Mpungose, kwaMachibise (umshado kaPet wethu).

* * *

Kwenzenjani eAshdown? Selukho yakhiwa ngikhumbula munye kuphela umshado khona."

* * *

"IMIDLALO. IBHOLA.

Ngenyanga edlule ngafunda kulo Ikhwezi ukuthi kuzobakhona imidlalo yebhola enkundleni yebhola yasePlessislaer ekupheleni kwesonto. Ngaya khona nenkosazana eyisihlobo sami. Njengoba lashi Ikhwezi labe lishisa phansi ibhola izinto zibika okuhle okuzayo. Kangi-wazanga amaThimu ayedlala kodwa ngezwa kuthiwa yimidlalo ka-Maritzburg Bantu Football Association. Ngesonto elilandelayo

ngaya nendodana yami khona. Imidlalo emithathu yabe yenziwe ngabeAfrican Football Association. Akeniye khona ngemiGqibelo nangama-Sonto niyozithokozisa. Nogculiswa."

* * *

"IKHILIKITHI.

Kwenziwa imizamo noMn. Taylor weKhomishani ukuba afundise abathanda lomdlalo oyinkosi yemidlalo. Nikani uMn. E. S. B. Msimang amagama enu eKilini nizwe kahle ngaye."

* * *

"ABEBEYOHLABA AMAKHEFU.

Baningi abakhi baseEdendale asebebuyile ekuphumuleni kwamaholide, umlobeli wethu uthi ngabo. Umn. noNkk. A. S. Mngadi nomuzi bahambela eMdloti naseHighburg babuya bephile kahle bezimukile futhi. Kwenziwa wuku phumula kabo nokuya emshadweni eminingi mhlawumbe basitika kuyona ngezibiliboco zayo. Sethemba ukuthi ukuzimuka lokhu kwabo kungeke kubathikameze ekwenzeni kahle umsebenzi wabo abawenza njalo kahle emahovisi akwaKhomishani naseKilini."

* * *

"Umn. P. S. Zulu weChild Welfare Society wabuya ekuhlaleni ikhefu eNdlunkulu eMahashini ebukena ondile kunalokho esasithi uyobuya eyikhona. Uthi okwabangela lokhu yingoba kasitholanga kahle isikhathi sokuphumula ngoba wayehla enyuka ephethe imishado eminingi."

* * *

"IZINHLANGANO ZOKUBUNGAZANA.

Inhlangano yeAfrican Women's Society yabanomhlangano weGatsha eMuseni ngesikhashana esidlulile. Belungiselela umhlangano ababanawo kwaSobantu. Bathi kuayabethusa ukwanda kwezingane zezihlahla. Sicela abesifazana bonke baba-sekele abeAfrican Women's Society."

* * *

"Inhlangano ethiwa Edendale and District Benevolent Society yabanomhlangano woNyaka eMuseni ngoJune. Kukhona uMhloli Mn. Prezesky. Inkulamo yakhe inde ihlelwe kahle yagcizelela ukuba izingane zifundiswe lomsebenzi zisencane wokubhekela abakubo.

Wathi lokho kungenzeka uma othisha abaningi bejoyina kulenhlango ukuze bafake umoya wayo kubantwana. Ukuzisiza nokuzenzela yizinto ezenza noma wubani azethembe.

Nampa abaphonse iminikelo: Mrs. W. M. Sosibo, Mrs. E. B. Mbambo, Miss L. N. Msimang, Mr. and Mrs. A. Molife, Mr. A. Nzimande, Mrs. Msomi, Mr. A. Ngcobo, Mr. O.S. Kumalo, Mrs. Ndwandwe, Mr. and Mrs. G. Ndaba nabanye esingawatholanga kahle amagama abo.

Lenhlango ikhokhela imali yesikole saseMontebello yengane uyise ugulayo engasebenzi. Yathengela izingane izincwadi zesikole ngef3/5/6.

Ingasebenza kakhulu lenhlango uma inamalungu amaningi, Yijoyineni iEdendale & District Benevolent Society, Nanto iphepha lokujoyina emuva kwewo amakhasi lawa."

* * *

"EBHASINI.

Sithe sicindezela sabe sizwa izinsolo nokukhala kwabantu baseEdendale abahamba ngamabhasi. Kubhekene nokubekwa kweTshe le-Gumbi lesibhedlela esisha. Bathi kabamenywanga ngani kulowomkhosi? Icala sebelibhaceka kwiKhomishani. "

(Sithanda ukubachazela abantu baseEdendale ukuthi isibhedlela lesi siphansi kukaHulumeni wesi-Funda. Ukubekwa kweTshe kwenziwa yibona namalungiselelo onke aqondene nakho.)

CLERMONT.

(UMn. Freeman usithumele izindaba lezi zokhetho lwaseClermont. Kabakaveli abanye abalobeli base-Clermont kodwa sisababhekile. - ABAHLELI.)

UKHETHO LWEADVISORY BOARD YASE-CLERMONT, 1951.

Laba bakhethwa ukuba ngamalungu eAdvisory Board yaseClermont ngo-July 14, 1951.

Okwabayinto enkulu kulolukhetho wukunyakaza kwabafuna ukhetho nabasekeli babo bethwala abantu beyovota. Ziziningi izimoto ezabe zenza umsebenzi lowo.

Nabavotayo bakuthokozela ukuvota ababekhona babeyikhulu ngenkathi ka 6.15 ntambama belinde ukumenyezwa kwamagama alabo abanqobile.

Amagama abizwa nguMn. F. A. Freeman owayephetha ukhetho. Wababonga bonke abafuna ukhetho nabasekeli babo ukuba ukhetho luhambe kahle, beziphetha kahle.

Nampa abavotelwa:

Abafuna ukukhethwa: Amavoti: Ibanga-ekhutwini.

INDUNDUMA WARD :
Izikhala 3. Ubunengi bamavoti 195.

MBENSE, Albert	47	24.1%
MAJOZI, Johannes M.	43	22.1%
VILAKAZI, Daniel	32	16.4%
SHANGE, Samuel	26	13.3%
MTETWA, Ambrose	24	12.3%
MANQELE, Kenneth S.	23	11.8%

UMGENI WARD :
Izikhala 2. Ubunengi bevoti 121.

BHULOSE, Milton A.	54	44.8%
MTSHALI, Reuben S.	47	38.8%
MSIBI, Ramoth	9	7.4%
MSELEKU, Obadiah	7	5.7%
CELE, Leonard R.	4	3.3%

UMVUZANE WARD :
Izikhala 3 : Ubunengi 236.

BUTHELEZI, Frank	59	25.0%
KUNENE, Amos B.	56	23.7%
MTETWA, Herbert S.	50	21.1%
NDHLOVU, Jeremiah B.	40	17.3%
MNOMIYA, Simeon	13	5.5%
GAMA, Laimon E.S.	9	3.7%
HLONGWANE, Bullongburg S.	9	3.7%

CENTRAL :
Izikhala 4. Ubunengi bevoti 295.

MABASO, Ishmael M.	63	21.4%
MAVUNDHLA, Walter M.	46	15.6%
SITOLE, Joseph J.	42	12.2%
MNQABE, Walter B.	35	11.9%
MKWANAZI, Robert D.	35	11.9%
NDELU, Isaac D.	32	10.8%
KUBHEKA, Solomon G.	27	9.1%
DHADHLA, Samson J.	15	5.1%

* * *

"ABANTU.

UMfundisi H. P. Manaka waseGermiston noMvangeli J. Majombozi waseRandfontein babehambele uMn. noNkk. M. P. Masenya e-Clermont emuva kwomhlangano wonyaka owabe useMahlongwa.

Bobabili lababantu abakhulu bakuthokozela ukuthuthuka kwalomuzi wabantu."

HOWICK WEST.

Ngalenyanga abalobeli bethu nguMfundisi J. S. Dunn noMn. B. Madikwa siyababonga ngezindaba zabo.

I "IKILABHU LEMIFINO LASEHOWICK WEST.

Nabanye sebengenile kulomshungu ngoba babona kulokhu kudlula phambi kwomuzi wabo abantu bethwele obhasikidi bemifino siyakhula isibalo salabo asebengenile."

* * *

"ABEZE EKILINIKA.

Baningi abantu asebelubonile usizo lweKilini nika bayanda asebeza khona.

Ngesonto elaphela ngoJuly 27, 1951, nampa abafika khona:

184 abagulayo-nje.
152 bezifo ezifuna ukuvinjelwa ngomijovi ezifana noku-khohlela okuqeda amandla."

* * *

"UKUNITHA.

UNkosikazi T. Mpetwane kahlezi phansi ecela abesifazana besigodi ukuba abafundise ukunita. Kuhlanguanwa ngemi-Sombuluko nangolwesiNe ntambama egcekeni lakwaKhomishani. Kuyabanakala ukuthi yinto ethandwayo ngoba bayanda abazamayo."

* * *

"INKUBEVANGE.

Ngomhla kaJuly 22, 1951, Umpostoli Petro wayebhizi ngeBhuku lokuPhila eloba izingane ezizelweyo ezabe zibhabhathizwa: Eunice Moreen Laban, Philip Bhengu no William Welcome bebhaphthizwa nguMfundisi J. S. Dunn waseGood

Shepherd Mission. "

* * *

"Isiprofetho sethu senyanga edlulile saqiniseka. UMn. Petros Mpungose washada noMiss Gladys Sijabulile Dhlamini eSt. Mark's Church, eMgungundhlovu. Ifindo laboshwa nguMfundisi E.O. Bhengu, L.Th., esizwa ngu Rev. A. Bhengu.

Emuva kwomshado salalela izingoma ezimnandi ngamaqembu omabili sase siya kwabomakoti lapho abantu babenyathelana. Kwakudanswa kujatshulwa ngesikhathi sika Fayifi seliya ngomutsha wendoda sekufanele izimbila ziqonde emigodini yazo. Sibafisela okuhle kodwa abashadi."

* * *

"UMiss T. Mkhize ofundisa eWaschbank nodadewabo ofundisa eMgungundhlovu, sebahamba bebuyela ezikoleni zabo. Isonto Lokuqala balichitha nomfowabo eThekwini base bezohlala ekhaya eHowick West."

WASCHBANK"IMIDLALO.

Zimi kanje ezabe zidlalela iNdebe kaT. P. Mngadi:

	P.W.L.D. Points
Burnside	4 4 - - 8
Waschbank Roses	3 2 1 - 4
Rovers	3 1 1 1 3
Young Tigers	2 - - 2 2
Northern Stars	- - - - -
Hungry Lions	3 - 2 1 1 "

* * *

"Ngo July 21 amaKilabhu alapha ahanjelwa ngamaKilabhu aziwayo asenhla neNatal amaDundee Callies namaElandslaagte Rangers. Kwabe kungcwekwa-nje. Yaphela kanje imidlalo:

DUNDEE CALLIES v. HUNGRY LIONS :
umdlalo waphela nge draw lingekho igoli.

DUNDEE CALLIES v. RANGERS :
Adlula amaRangers kuma Callies ngo 4-nil.

HUNGRY LIONS v. RANGERS : Kwaba yidraw emnyama ka 1 - 1.

Lemidlalo yabe idlala enkundleni yamaNdiya okwavuma abaniniyo nayo."

* * *

"UKUBUNGAZANA.

Ukubakhona kwabafundayo bevela ezikoleni ezahlukeneyo kwa yenza nabanomhlandla indawo yakithi. Abafundayo nababefunda sebegale ibhendi ethiwa "BARRYMORE BROTHERS". Bayazama ukufunda ukubetha imitshingo yezinhlobo. Lithi lingashona uzwe imilozi iphumalapho befunda khona. Khumbulani ukuthi uma nifuna ukwethwasa ngempela kufanele niprathize njalo.

Kukhona abanye abavumi abathiswa "MERRYMARKERS". Abantu bala-pha sebeke bazizwa zombili lezin-kampani zomdanso ngo July 28 ehlo lamandiya.

Nasi isigejane samaBarrymore Brothers:

Lloyd Zondi
Cecil Zondi
Isaiah Luvuno
Tom Dhlamini
Worthington Msimang
Andrew Khoza "

* * *

"Ngobusuku bukaJuly 7 abantu balapha babenze umkhosi wokubingelela abantwana bezikole eEvansdale wonganyelwe nguMfundisi M. M. Nomvete umfundisi walapha we-Bandla lamaWeseli.

Amakwaya ahlabelela kahle kam-toti kungamaMerry-makers eliphansi kwenhlangano yaBasha baseWaschbank nelaseEvansdale Home Choir. Kuthi emuva kwomcula kukhulunywe. Nampa abaphonsa amazwana:

Mfundisi M. M. Nomvete, B.A.
Mn. Tom Dhlamini
Mn. Wesley F. Madela
Mn. J. Hlatshwayo.

Kuhlezi esihlalweni uMn. J. J. J. Madela.

Kawuvunyelwanga umdanso ngoba phela kwabe kusendlini yesonto. Umkhosi waza wavalwa ngo12.30 ebusuku."

* * *

"UMn. Tom Dhlamini owaziwa ka-khulu kulezinhla zethu owasiza e-hovisi leKhomishani ebhala ngen-kathi uMn. T. P. Mngadi esahlabe

ikhefu, usize kakhulu ekuqoqeni izindaba zeIkhwezi zase Waschbank. Mfowethu; Tom, kawazi ukuthi ngi-kubonga kangakanani ngokungisiza kwakhe ngenhliziyo enhle ngoba uma wabe ungangisizanga ngabe kangathumelanga izindaba eziningi kangaka kulona Ikhwezi. Ungadin-wa nangomuso, Lusibalukhulu."

* * *

"UMn. Albert Khoza owakhe lapha kodwa esebenza eGoli oke wavela lapha ephuthuma isifo esabe sibabazeka sendondakazi yakhe uEmily. Uthe esesekhaya uMn. Khoza yalulama indondakazi ngan-goba yathola nethuba lokushada nomnumzanaAlf. Sithole Ngomhla kaJuly 15 ngomshado weSintuUMn. Khoza usebuyele eGoli."

* * *

"UNKosazana Petronella Man-yoni waseOverport, eThekwini, usanduku hambela lapha ekupheleni kwesonto ezobona izihlobo. Ehambele uNkosikazi A. B. Dhlamini waseRuigtefontein, Waschbank."

* * *

"Umn. F. E. Mqadi obhala e-Hovisi leKhomishani kade esah-labe ikhefu usebuyile manje."

* * * * *

EZAMASCOOTS NAMAGUIDES
ngu AKELA.

IZINYONI. Iyaqhutshwa.

1. UNOGOLANTHETHE. Okuke kuthiwe yinyoni yezinyoka iyinyoni yemifula namachibi. Intambo yayo ende negobeka kalula ifike iphelele enhloko ende enomlomo oqinile njengomkhonto. Ibamba ukudla emanzini, ithi uma intanta ilale phakathi namanzi ngangoba uma ukude kubonakala intamo nenhloko yayo kuphela. Kube-songathi yinyoka, kungakho kuthiwa yinyoni yezinyoka. Izinsiba zezinyoni eziningi zigcina zithanjisiwe ngokuphuma emithanjeni ethile esesiqwini somsila. Akunjalalo kuNogolan-tethe nakoCormorants ezinganakho ukuntanta kulapho izinsiba zazo zibamanzi.

ONogolanthethe bavamise uku-hlala emagatsheni ehamba namanzi noma eziqwini semithi eseyawa bethamelisa amaphiko abo avuliwe

elangeni.

Lenyoni uma ipha amaphuphu ayo ukudla ibukeka inqaba. Kungathi iphuphu liyagwinywa ngunina kubesengathi liyashona impela emphinjeni wakhe uma lifuna ukudla akuphethe ngomlomo.

2. ILANDA. Yinyoni eyaziwayo kakhulu kulelizwe iyisihlobo sabalimi. Idla izilokazane ezincane eziyingozi ezilimweni nase-mfuyweni. Ithanda ukudla eduze nenkomo noma isilwane esifuyiwe iziloshele izilokazane ezisuka ziphazanyiswe yizinyawo zezinkomo kwenye inkathi idle wona amakhizane enkomeni. Uma seyizalela ibanezimpaphe eziningi emhlane nasekhanda.

Zibayimihlambi emikhulu emithini noma emihlangeni zixubile. Amaphuphu azo afa kakhulu ngoba avama ukupheshulwa ngumoya esidlekeni noma futhi egcuma uma ethukile.

(Isazoqhutshwa.)

* * *

Amanye amaqiniso ngamaGuides.

Ngethembisa ngenhliziyo yami yonke Ukwenza okufanele kuNkulunkulu nakuKing
Ukusiza abanye abantu zonke izikhathi
Ukuthobela umthetho wamaGuide.

Ukushaya Isaluthi.

Isandla sokudla esigqokweni, iminwe emithathu iphakeme isethembiso ezintathu.

Nophawu lwamaGuides luyafana njengeSaluthi kodwa isandla siphakama sifinyelele ehlombe kuphela. Noma ungayevathile inyunifomi nesigqoko ungakwenza.

* * *

KIM'S GAME.

Abadlali babuka izinto ezixubeneyo ezingama 20 noma 30 ubiningi iminithi lodwa bese belinga ukuzibala zonke izinto abebezibuka. Bazichaze ngokuyikhona. Uthola uphawu lunelune uma into ngayinye uyichaze kahle.

* * *

IZIMFANELO ZOMQASHI

Kayikho imithetho engiyaziyo ibeka phansi izimfanelo zomqashi noma zomninindawo. Okuvamile yikuba umqashi nomninindawo bavu melane bobabili ngesakhiwo okungesomunye kodwa kuhlezi kusona omunye.

Eqinisweni kukhona izinhlobo ezimbili zabaninizindawo : abaninizindawo abakha izindlu ukuba bazuze imali ngazo nalabo abakha izindlu ukusiza abanye kodwa bengabheke kunotha ngalokho. Laba bokugcina yilabo ababusa izindawo zabantu abafisa ukubenzela okuhle nokuzobaphilisa.

Ukuze babuyelwe ngemali yabo abayichitha abaninizindawo baye bathi umqashi kasayine phansi isivumelwano esizombus. Okusho ukuthi uma esahlezi endlini kufanele ayigcine kahle, ayilungise uma kukhona okulimele, akhokhele manzi nogesi okungekho kuma rates akwaMasipala athelwa ngumninindawo. uYenake umninindawo agcine iphandle lendlu likahle alungise okukhulu okwonakele. Ukulungisa imhlaba-thi nendawo kuvamise kwenziwe ngumqashi.

Ababusi bezindawo bona kabakwenzi lokho nabantu abaqashe izindlu zabo ngemali encane esikhundleni sokuba bazinithise ngezindlu zabo kuye kumelwe amisize umqashi ngokuthwala ezinye izindleko zendlu. Lomninindawo uvama ukuba yisisulu sabaqashi abangazihluphi ngokugcina indlu kahle.

Akesibheke umqashi nomninindawo ongumbusi (lapha kufana nomuntu onendawo yakhe) zimbili izinhlobo zabo abaqashi abakuvumayo ukwethwala izimfanelo zabo ezingathiwa ngezomthetho nezobuntu, kodwa umqashi omubi kakunaki kokubili. Nabo abaninindawo bangase bahlukaniswe kabili, uma behlangene abaninindawo ababi nabaqashi ababi indawo iphenduka amavungu.

Eqinisweni isimo sendlu sikhomba isimo somqashi nomninindawo. Indlu enhle ngaphandle isho umninindawo omuhle kanti indlu engcolile ngaphakathi isho umqashi omubi. Yindlu ethokozayo enezimpawu ezinhle nhlangotho zombili.

Umoya omuhle womqasho omuhle yimuphi? Umninindawo ongazenzisiyo unakho ukuzehlukana nomqashi omubi oyisinengiso nakubo

abagashisi abangabombuso ophethe indawo nobanga izindleko eziyize zezimali zesizwe.

Ngicabanga ukuthi imikwazi engakhomba umqashi omuhle wukuthanda indlu yakhe, nengadi yakhe nabantu akhelene nabo. Yinto enkulu ubuhlobo bokwakhelana. UMn. Leo Boyd encwadini ayiloba evela ohambweni lwakhe lwase-Melika wagcizelela umoya awubona ukhona wobuhlobo bokwakhelana eMelika.

Kungekho izintambo ezibiyele imizi ziyahlukanisa nokuhlanganyela kwabantu anasu okuzisiza ezindabi okugaba ngezababusi. Umbusi angeke enza konke. Ukubambisana kwabo kungukulungisa indawo yabo nezindlela zokuhamba phambi kwezindlu zabo noma kungumsebenzi kaKopeletsheni lowo. Izinto ezinjalo zidala ukuzimela nokuziqhenya ngendawo yenu nokuzisiza nokwonga izindleko zombuso esezingasebenza ekusizeni abantu bonke ezintweni abazidinga kakhulu.

Umqashi ogcina indlu yakhe ihlanzekile nengadi yakhe nolinga ukuvimbela isimo esibi phakathi kwomuzi uyisibonela kwomakhelwano okufanele ima nabo nenengqondo bamfuze kulokho akwenzayo. Bakwenze nabo. Lokho kudale ukuncintisana ozobedlula bonke abenendlu enhle nendawo ebukekayo. Lokhu kuyabonakala eMgungundhlovu lapho abaninizindawo betshala utshani nezimbali phandle kwezindlu zabo eminceleni kaKopeletsheni.

Akenibheke-nje ubuhle obungakhona eAshdown eEdendale uma wonke okhona engazinikela ukwenza okuhle ngezakhiwo. Imithi etshaliwe enamathunzi nezingadi ezinhle ezinotshani obuluhlaza esikhundleni sogwadule. Ikhwezi lenyanga edlule lathi kuzobakhona imiklomo yezingadi ezinhle khona. Wudobo oluhle lolo, kodwa umqashi olungilelyo uyigcina ikahle indawo yakhe noma engazukuthola lutho. Okufanele kubesemqoka kuye wonke yikuthi izenzo zabantu ngabanye noma zingabazincane zibanga abanye bafune ukuzenza nabo, zisize yonke indawo leyo ikakhulu zikhuthaze ababusi bendawo leyo ukuba bakhe izindlu ezinyofanela abantu abafuna izindawo ezinhle namathuba amahle okuphila nezingane zabo ziphile kahle ezindaweni ezikahle.

S. NEWMARK.

IZINDLU

KUYAVUNYWA yonke indawo ukuthi indawo leyo umuntu akhula kuyona ivamise ukubanotho olunamathela empilweni wakhe. Kuyamthinta ngezindlela ezithile umuntu uma umbeka esimweni esithile nenhlalo yomuntu noku-sondelene nayo kuyamenza aguku isimilo sakhe mhlawumbe sibe sihle mhlawumbe sibe. Umuntu unecala yena uqobo ngokwenza isimo esihle nesibi ahlala kusona, kodwa ukuguquka kwakhe afuse isimo sendawo ahlala kuyona kakusiyona into ayenzayo yena. Kuyazenzela-nje.

Njengoba umuthi omubi ungeke uthule izinthelo ezinhle kunjalo ingeke indawo embi ilethe okuhle kumuntu noma kubantu. Ngakho ukuze abantu bakheke kufanele bakhelwe indawo enhle yokuhlala. Ukuze abantu baphule impilo ephakeme nenhle kufanele kushayelelwe ukuba kubekhona izindlu ezinhle, ukudla okuhle, ukuphumula okuhle nempilo enhle. Kungaphela ukudingeka kwempilo enhle ima kutholakala izindlu ezinhle, nokudla okuhle nokuphumula okuhle. Impilo iyelapheka, kanti lokuya kwezindlu kuyavimbela omonakalo wempilo. Kungcono ukuvimbela kunokwelapha.

Namuhla ngifuna ukukhuluma kuqala ngokuvimbelayo : IZINDLU EZINHLE. Namuhla udaba lwezindlu ngolwomhlaba wonkenalapha eSouth Africa luthinta zonke izizwe. Bonke bayazifuna kodwa zodingakele kakhulu kulabo abangesibona abelungu ngoba imali ingekho.

Kakho ongakufuni ukuba nendlu yakhe indlu yinto enkulu kuye wonke umuntu. Yindawo lapho umuntu ephumulela khona nalapho esuka khona eyoqala usuku olusha. Indawo lapho umuntu esuka khona eyoqala umsebenzi ivama ukuba yindawo ehlela ukuhamba kwakhe nokubuka kwakhe izinto zonke izinsuku. Kakuvamile ukuthola umuntu ophile kahle ethokoza ephuma endaweni eyivungu. Nomuntu onomoya omuhle uye adonseke omoya wakhe ima ehlala endlini engenhle. Nginyaphinda ngithi umuthi obolile ungeke uthule izinthelo ezinhle. Kuloludaba kufanele ibongwe iKhomishani okuzameni ukulungisa izindlu zabantu endaweni zayo. Nakhona lapho kuningi okungenziwa okwenza ngcono izinto, Kuyabongeka imizamo leyo noma kungeyokuphuthuma-nje amakhaya empela ayo-

kwakhiwa ngezinto ezingalona udaka nezintingo notshani.

Akeziluhlole udaba lolu mayelana nemali. Endaweni yethu sinabantu abaqashile imihlabathi kubaninizindawo abangenaqiniso nenhlalo yabo, bese bakha izindlu zodaka. Bavamise ukuzithelela imali enkulu iziza lezi bangasali nalutho lokuzithuthukisa bona. Ukuze nathole imadlana nabo bese beqashisa ngezindlu lezi beseke kuvela amavungu. Isimo esinjalo sibe empilweni nasezimilweni zabantu labo. Ngenye inkathi izindlu zakhiwe ngimninindawo kwenzeke uma kunjalo ukuba intela yekamela lendlu eqashiwe libelikhulu bese wonke umuzi wendoda uhlala ekamelweni elilodwa. Yibi kabi leyonhlalo.

Emqondweni wami okungabayindlu eyakhiwe kahle ngezinto ezinhle kungabangela ikhaya elihle nokuhlala umuntu engenalo uvalo. Izindlu zemali encane zingasiza kakhulu kulesisimo uma kubhekwa njalo ukuba izindlu lezo kubengezemali elingene abahola kancane. Wonke umuntu uyafuna ukuba nendlu enhle zonke izingane ziyafuna ukukhula ezindlini ezinhle. Ngaleyondlela wonke umuthi omuhle ungathela izithelo ezinhle.

Umlobeli lona wethemba ngenhliziyo yakhe yonke ukuthi Ikhomishani isozama ngamandla ayo onke ukwakha izindlu ezinhle ezindaweni zayo, izindlu ezivumelana nemithetho yempilo, izindlu esiyofanela abantu abahola imali encane, izindlu okuyophetha ngokuba zibe ngezabo abantu. Kungalendlela lapho ububi obukhulu bungaphela, kungalendlela lapho kungafinyelelwa ezingeni eliphekeme lempilo, kungalendlela kuphela lapho izimilo zabantu bonke abahlala ezindaweni zeKhomishani zingabancono, kungalendlela kuphela lapho kungavela ukuthokoza nokwaneliswa kubantu bonke.

J. S. DUNN.

(Ikhomishani iyafisa ngempela ukwakhela abantu izindlu ezinjalo ezindaweni zayo eyaqala eSiyamu. Kwethenjwa ukuthi kuzoqhutshekwa nesu lelo kwaFraser. - ABAHLELI!)

* * * * *

UMNCINTISWANO WEIKHWEZI WEZINGADI

Siyadabuka ukuthi uma bengajoyini abaningi sizokuyeka lokhu ebesikuqondile. Ukuze sidonse abaningi abanye bathi umuntu akehliselwe ukuthelela indlu esikhundleni sokuba kwenziwe imiklomelo. Kwehliswe kanje:

Umklomelo wokuqala	£5.
"	2 £3.
"	3 £2.

Nikhumbule ukuthi lomncintiswano uyokwenziwa uma bebaningi abawungenelayo.

* * * * *

ISIMO SEMIDLALO

July 14 : Hygiene Stars 3, Sutherlands Tannery A.F.C. 3.
Kukhona abantu abangama 70 bebukeka.

July 22 :

Mountain Blues	6	Red Army A.A.	5
Coronations	2	Rebellions B.I.	1
Railway Eagles	4	Unities A.I.	1

Kukhona abantu abangama 200.

July 29 :

Plessislaer	Plessislaer	
United F.C.	1	Youth Club A 3
Mountain Willows F.C.	1	Youth Club B 7
Edendale F.C.	4	Etc. Lower Mt.
Plessislaer Y.C.		Partridge 0
	A.I.	Plessislaer Y. 5
Georgetown F.C.	0	Mt. Willows B 1
Edendale F.C.	0	Mt. Willows B 1

Kukhona abantu abangaphezu kwama 200.

* * *

UKWABIWA KWEMIDLALO EGRAWUNDINI LASEPLESSISLAER.

Aug.	
Sat. 18	P.M.B. African F. Assn.
Sun. 19	Plessislaer Youth C.
Sat. 25	Sutherlands Tannery A.F.C.
Sun. 26	Stella F.C.
Sat. 1	P.M.B. Bantu F. Assn.
Sun. 2	P.M.B. Bantu F. Assn.
Sat. 8	P.M.B. African F. Assn.
Sun. 9	Plessislaer Youth Club.
Sat. 15	Sutherlands Tannery A.F.C.
Sun. 16	Stella F.C.
Sat. 22	P.M.B. Bantu F. Assn.
Sun. 23	P.M.B. Bantu F. Assn.
Sat. 29	P.M.B. African F. Assn.
- 11 Sun. 30	Plessislaer Youth Club.

I S A Z I S O

KUFUNWA kusukela ngomhla wo-
kuqala kuSeptember, 1951, ozosiza
umbheki womuzi was'Eruseni, Eden-
dale. Inkokhelo ngenyanga £4.
Bhala uma uwufuna lomsebenzi,
ufake izincwadi ezimbili eziku-
sekelayo, uthumele kuMbhalali,
Edendale Welfare Society, O.
P. O. Box 416, PIETERMARITZBURG.

* * *

IZINCWADI EZIBALELWE IKHWEZI.

Mhleli,

Ngifisa sengathi ngingaba
nemilomo eminingi ukubonga ngayo
abamhlophe nabamnyama abenze
ukuba leNhlangothi engenhlala ye-
Bhola ithole ithuba lokudlala
egrawundini yakwaKhomishani e-
Plessislaer.

Lososesheni kade ephatheke kabi
kakhulu selukhu aphucwa igra-
wundi lokudlala lakwaLoliwe
kuEdendale Road.

Ngibonga izihlobo zethu ezim-
nyama nezimhlophe ezisilamulele.

Kwanga zingawadla isikhathi
eside amabele!

Kufanele futhi ngimbonge u-
Nkosazana Lee owenza ukuba ngi-
lazi Ikhwezi. Ngangingalazi.
Leliphepha linezindaba ezinhle
ezinandisa impilo yomuntu
zenze ukwazi kwakhe kwande nom-
qondo wakhe ujule. Lifundisa in-
qubekela-phambili nokuphucuka.
Ngimfisele impilo ende uNkosa-
zana Lee aphile kahle. Kwanga
uthando lwakhe lokuthanda abantu
bakithi lungephela lukhule naye.
Wangivula amehlo ngeIkhwezi.

Ngethemba ukuthi abaningi ba-
kithi bazolifunda leliphepha
liyafundisa lixoxe ngokufanele
ukwaziwa ngabantu.

Abantu bakithi banomkhuba
omubi wokudela izeluleko zalabo
abazi kangcono kunabo. Bazi-
dele noma bazibuke ngokuzeyisa.

Nginxusa abakithi bahambisane
nezikhathi. Sisizane, singazi-
deli izeluleko zabakithi abazi
ngcono.

Yilowo nalowo makazinikele

ekufukuleni omunye wakubo.

Owenu ngenhlonipho,

ALFRED MBANJWA.

* * * * *

ISIKHUMBUZO SIKA DR. B. W. VILAKAZI.

Kakukude mhla amaphepha abe-
lungu ebika ngomkhosi omkhulu kwi
University yaseWitwatersrand mhla
indlu yonke iduma ihalalisela
ukugaxwa iminyezane kuka Dr.
Vilakazi yobu "Doctor of
Literature".

Kuyadabukisa kithi nakuye
wonke umuntu ukuba lowo Dr. Vila-
kazi namuhla sesithi "Kasekho"
nokuba sikhulume ngesiKhumbuzelo
sakhe.

IKomidi yesiKhumbuzelo icele
kwikhansele yeUniversity ukuba
imali eqoqwe ngaleNhloso ibe
ngumklomelo weminyaka
yonke oyonikwa lowo olobe ngobu-
ngcwedi obungandile kulowonyaka
ukwenzele inkumbulo efanele
umuntu owabethanda abantu bakubo
wakakhonza ngokumqoka ngokuloba
kwakhe.

Ikhwezi lizwa ukuthi iminikelo
eYesikhumbuzo kayi gculisi ukuni-
kelwa kwayo, kuyilapho sesiphela
isikhathi sokuqoqwa kwayo.
Siveza lamazwi namuhla ngoba si-
kholwa ukuthi basekhona kubafundi
bethu abaningi bezizwe zonke aba-
futsayo ukusinikelela lesisi-
Khumenzo somAfrika odumileyo.

Ikhwezi lingayamukela imini-
kelo. Bathumele iminikelo kuba
Hleli noma bayinikeze ehovisi le-
Khomishani ngaphambi kukaSeptember
7. Abafusayo bathumele ngqo ku
Professor J. D. Krige,
Department of Bantu Studies,
P. O. Box 1525, DURBAN.

Incwajana esiyamukele namuhla
ivela ku Professor Krige ikubeka
ebala kuBantu baseNatali ukuthi
yibona ngobo okufanele baziqhenye
ngomsebenzi oyingqala ka Dr.
Vilakazi. Ithi, "Umufi Dr.
Vilakazi wabe engowase Natal
walwenzela ugazi ulimi lwesiZulu
ngokuloba kwakhe. Eyikholwa
lempela, wabengumholi omqoka
owenza okukhule akha ubuhlobo
phakathi kwezizwe. Ngumuntu
wokuqala owathola iziqu zobu-
Doctor of Literature wabengomunye

futhi wezingqalabutho ezafundisa
eUniversity Imisebenzi ka Dr. Vila-
kazi yabe ingeSizwe sonke kufa-
nele ukuba isikhumbuzo sakhe sibe
ngumnikelo ngumnikelo omkhulu
ngempela.....Ungabongela kakhulu
umnikelo omkhulu ongavela eNatal
esiFundeni sakubo Dr. Vilakazi".

Ikhwezi licela abafundi balo
bazi ukuthi kawukho umgoqowebala
ekulobeni. Lowo nalowo ophonsa
esiVibaneni sokuloba, noma yinga-
luphi ulimi, kumelwe abongwe
ngabantu bonke.

Singeke sibebakhulu sonke kodwa
sonke ngothando nokuziqhenya singa-
hlanganyela ekubabazeni abakhulu
bethu.

* * * * *

JOYINA I
EDENDALE BENEVOLENT SOCIETY
ISIZA IZIMPHABANGA NEZINGA
ZESIKOLO EZISWELE.

IGAMA :

IKELI :

ISIPHO : £ : : .

IMALI YOBULUNGU NGONYAKA...ul/-.

Tumela lefoma ku:

Mnu. E. S. B. Msimang,
Secretary,
Edendale Benevolent Society,
B. 6, Ashdown,
P. O. PLESSISLAER.

* * *

VOL. 2 No. 8

42-82828 NOV 1951

SOUTH AFRICAN
REFERENCE
LIBRARY
NATURAL HISTORY
MUSEUM
JOHANNESBURG

IKHWEZI

IKHWEZI

Prepared and published by the Head Office
of the Local Health Commission, Natal,
195, Longmarket Street, Pietermaritzburg.

A LETTER TO OUR READERS.

Ikhwezi is a happy sort of child and, on the whole, enjoys his job of taking messages to and fro between the Commission and the people. His "troubles" at Head Office have become less frequent, and he is cheered about his ever-increasing welcome in the Areas.

Nevertheless he suspects - and, we think, rightly - that the personal side of his job is being a bit neglected. He feels - and again we agree with him - that once you begin to address COMMUNITIES you are in danger of forgetting that they are made up of separate PEOPLE. In other words, he is afraid of falling into the horrible modern temptation to stress the importance of the GROUP and ignore the all-importance of the INDIVIDUAL.

True, he was born to be the child of co-operation : to be a link between governors and governed : to throw his child-weight on the side of understanding and goodwill as between class and class, group and group, race and race : to preach the possibilities of corporate uplift and the raising of a common standard. And he has tried to do his job.

But he has stumbled, now, on the important truth that underlies all effort of this kind : the truth that men and women are more - far more - than members of a race, a class, a group, and so on. They are PERSONS, in virtue of individual souls, of

varying characteristics, particular capacities, and differing temperaments and sensibilities. This being so, each one of us has something special to contribute to the life around us. And, ultimately, the nature of any human community depends upon the natures, thoughts and actions of its individuals.

It follows that those of us who long to see the betterment of our community must think in terms of raising our own standards, and improving the nature of our contribution to the common life. It follows, too, that no sort of "group approach" can be fully effective if it does not enlist the sympathy and the support of the individuals in the group. It also follows that understanding between group and group rests, ultimately, on the understanding of one person by another.

These - very briefly - are the thoughts behind Ikhwezi's fear that, in our zeal for corporate uplift, we may be overlooking the essential "personal touch". And these are the reasons why, in future, this magazine will open its pages more widely to the purely "personal" type of contribution - the poem, the story, the "joke" and so on - which will introduce us to one another as living, separate people, and not just units of a group, a race, or a Commission Area.

Yours faithfully,
THE EDITORS.

. DID YOU KNOW ?

THAT a four-day experimental course, attended by 50 Chiefs each accompanied by his induna, was held in Zululand during February. The main emphasis was on agriculture and animal husbandry, but talks on law and administration, health and the co-operative movement were also given.

* * *

THAT the sum made available in loans to local authorities for Native housing has continued to increase, being £1,534,000 in 1950, as against £1,169,000 in 1948.

* * *

THAT twelve African, two Coloured and twenty Indian students have commenced the medical course at Wentworth College.

* * *

THAT a bonus has been added to all old age, blind, war veterans and disability pensions, as from 1st April.

* * *

THAT the Edendale Welfare Society has received an allocation of £200 from the funds collected through the Natal University Rag. We understand that this sum will go towards purchasing a cinema projector which will be used in the new Edendale Community Hall.

* * * * *

COMMISSION AFFAIRS.

The Individual and His Part
in the Promotion of Public
Health.

A brief consideration of the meaning and history of Public Health will, perhaps, make it easier for the individual to see

the role he is expected to take in the promotion of health.

It is believed that Moses issued health bulletins to the Israelites and the well known Mosaic laws governing personal and community hygiene, sanitation and so on were available in written form even before the writing of the Pentateuch. These represented an attempt to control the Public Health of communities in the early times, and since then, with the advance of knowledge, the control of the Public Health has assumed great proportions.

By Public Health is meant the maintenance and promotion of the health, welfare and well being of communities, and, of course, the individuals making up the communities.

To this end a great number of written and unwritten laws have been made, and the first duty of the individual is to carry out these to the best of his ability. While such laws may appear onerous and unnecessary, one must not lose sight of the fact that they have been promulgated for the good of the community, and only after very serious consideration by those who have made a life study of all the aspects of Public Health. In South Africa, well tried methods from other countries serve as a guide, with adaptations to meet local conditions, so perhaps we are fortunate in having the results of very many years of experience behind our legislation.

Perhaps one of the most important parts the individual can play falls under the heading of Personal and Domestic Hygiene.

Whilst the liability of the individual to contract infectious diseases depends greatly on the environment, many diseases depend on personal habits and ways of living, and as to how far the rules of health and laws of nature are observed by the individual, as, after all, man is the chief source and reservoir of infection to himself

Personal hygiene is aimed mainly at the promotion of health in the individual, increasing the vital forces of the body so as to prevent the invasion of dis-

an authority and the services it provides for the communal benefit, must of necessity mean that few ratepayers can make use of its machinery for the solution of personal problems. Many an individual has been involved in non-productive expenditure, which could well have been obviated had a suitable local authority official been consulted in the first instance. Remember that officials are there also to serve you, not merely to ensure that your municipal rates are paid to to prosecute you if you don't pay them.

A few examples will illustrate what I mean by making use of your municipal officials.

I. You are contemplating the building of a permanent home which will tax your financial resources to the uttermost, and you must ensure that the expenditure of every penny put into the project is productive.

Do you consult the technical officers with a view to ascertaining whether the general layout is economical, that savings are effected by correct design, grouping of services, siting for correct aspect, and reduction of excavation costs? Or do you not mind spending more than anticipated originally on long unnecessary sewers, water connections, driveways and retaining walls?

II. You have serious illness in your family, and your income is insufficient to provide for the requisite medical attention and hospital services needed urgently.

Do you consult your medical officer to ascertain what ambulance services, hospitalisation, etc., you may expect free of charge, or what the local clinic is prepared to do for you?

III. You intend selling a portion of your land, and despite the fact that you are not certain of the legal procedure, you carry on with the transaction in the hope that all will end well.

Do you consult the Area officials to find out if the subdivision of the land you intend selling will meet with the local authority's requirements and regulations with respect to subdivision, or do you wait until the wrong procedure is completed?

Many a seller has found to his detriment that he has had to refund to the would-be purchaser money paid on a proposed sale which cannot, for various reasons, be carried to finality. You may already have spent that money and find it impossible to refund. Save your money and find out what to do first.

All such information, and much more besides, is at your disposal. Officials will be pleased to advise you, as it not only simplifies your application, but also saves the time of all concerned. Reasonable and courteous enquiries will be met by prompt service.

The operation of the Commission differs slightly from that of a normal Local Authority in that its Head Office is divorced from its Areas, most of which, however, are served by local officials. Only if you cannot get complete satisfaction from the Area officials should you call upon the Commission Head Office for action.

Try the Area officials first, they'll help you to the best of their ability. Use them and get your "rates" worth.

* * *

Maak jy gebruik van die plaaslike-bestuur masjien wat vir jou beskikbaar is?

Volgens die meerderheid van belastingbetalers is die Plaaslike Bestuur 'n verkwistende, onnodige en enigsins ontasbare skepping, bestem om swaarverdiende geld uit hul sak te pers vir verskillende doeleindes waarvan vir hulself geen bepaalde persoonlike nut afstam.

Hulle beskou dit as 'n onnodige euwel, en die dienste wat dit verrig as nie meer as wat hul toekom nie, maar vergeet dat die bestuur daar is om hulle te dien. Hulle voel dat hul veel gelukkiger en tevrede sal wees indien hulle bevry is van sy beperkende beheer. Die natuurdrif vir vryheid van daad is natuurlik, maar onder moderne stedelike omstandighede is individualisme ontoepaslik.

Gebrek aan watenskap van en belangstelling in die verrigtinge

van so 'n bestuur en die dienste wat dit vir gemeenskaplike voordeel gee, moet noodsaaklik beteken dat baie min belastingbetalers die masjien kan gebruik tot eie belang vir oplossing van persoonlike vraagstukke. Menige persone was al in onvrugbare uitgawe betrek, wat wel vermy kon word, indien geskikte plaaslike bestuur amptenare vroegtydig geraadspleeg was. Onthou dat amptenare daar is om jou te dien, en nie alleen om te verseker dat jy jou munisipale belasting betaald nie en jou te vervolg indien jy dit nie doen nie.

In Paar voorbeelde sal ophelder wat ek bedoel deur gebruikmaak van jou munisipale amptenare.

I. Jy is van voornemens om 'n vaste huis te bou, welke jou geldelike voorrade swaar sal beproef, sodat jy moet verseker dat die uitgawe van iedere oulap op die ontwerp vrugbaar sal wees.

Raadpleeg jy die werktuigkundige amptenare met die doel om vas te stel of die algemene uiteensetting ekonomies is, dat besparinge voortgebring sal word deur noukeurige ontwerp, rangskikking van dienste, ligging vir presiese gesigspunt, en vermindering van uitholling koste? Of gee jy nie om nie om meer te spandeer op onnodige lang rirole, water aansluitinge, rytoere en behou-mure as wat oorspronklik verwag was?

II. Jou familie is ernstig siek, en jou inkomste is ondoeltreffend vir die voorsiening van vereiste mediese behandeling en hospitaal dienste wat hoog nodig is.

Raadpleeg jy jou geneeskundige amptenaar om te verneem welke ambulans en siekehuis dienste vry verwag mag word, of wat die plaaslike kliniek gereed is om vir jou te doen?

III. Jy is van voornemens om 'n stuk van jou grond af te verkoop, en nieteenstaande die feit dat jy nie konfyt is met die wetlike handelwyse nie, gaan jy voort met die verkoop met die verwagting dat alles uiteindelik reg sal kom.

Raadpleeg jy die wyk-amptenare om uit te vind of die opsny

van die grond wat jy van plan is om te verkoop met die plaaslike bestuur se benodighede en bepalinge ooreenstem, of wag jy totdat die verkeerde handelwyse voltooï is?

Baie verkopers het al tot hul nadeel gevind dat hulle aan voorlopige koopers moet terugbetaal, geld wat voorgeskiet was op voorgestelde verkopinge wat nie, vir 'n verskeidenheid van redes, voltooi kan word nie. Jy mag alreeds die geld uitgegee het en dit nou onmoontlik vind om dit terug te betaal. Spaar jou geld deur eers uit te vind wat jy moet doen.

Dergelyke inligting, en veel meer is vir jou beskikbaar. Amptenare sal gretig wees om jou raad aan te bied, daar dit nie alleen jou aansoek vereenvoudig nie, maar ook almal se tyd bespaar. Redelike en hoflike versoeke sal met onmiddellike diens beantwoord word.

Die Plaaslike Gesondheidskommissie se werking verskil slegs van die van 'n gewone plaaslike bestuur daar sy hoofkantoor afgesny is van sy wyke wat ewewel bedien word deur plaaslike amptenare. Slegs as jy nie gehele bevrediging van die wyk amptenare kan kry nie, behoort jul op hoofkantoor oproep te doen vir optrede.

Probeer die wyk amptenare, hul sal jou tot die beste van hulle vermoë behulpsaam wees. Gebruik hulle, en kry waarde vir jou belastinge.

S. NEWMARK.

* * * * *

IKHWEZI JOTTINGS

Giles' Land - Housing.

In our August issue the question of a Housing Scheme for Indians on Giles' land again cropped up.

Some months ago we published a brief article explaining some of the reasons for the delay in starting this scheme, but next month, in response to this new query, we hope to publish a fuller article on the subject. -
EDITORS.

* * *

Morning Market.

A most successful morning market in aid of the National War Memorial Health Foundation was held on Saturday, August 25th. One table was entirely stocked with produce donated by members of the L. H. C. staff. The magnificent sum of £18 was realised at this table alone.

Chief credit for this great effort must go to Mrs. Potgieter, our Commission telephonist.

* * *

Ashdown Garden Competition.

Entries for this competition have been so poor that we have been forced to abandon the idea of holding it. Needless to say we have only taken this step with the deepest regret. -
EDITORS.

* * *

Some Useful Games.1. For Boys.

Divide yourselves into two equal teams. Each team forms a circle with hands clasped. One member from each team is placed in the centre of the opposing team's circle. On the word "Go!" the "captive" must try and get out of the circle in any way he can while the people making the circle must try and keep him

inside by keeping their hands firmly clasped. Whoever gets out first scores a point for his side. The next pair of captives are then put in the circle and so on until everyone has had a chance. Whichever team scores the most points wins.

*

2. For Boys and Girls.

Again divide yourselves into two equal teams. One line up as for a relay while the other forms a circle. The circle people take a tennis ball. On the word "Go!" the circle people begin to pass the ball round the circle, throwing it one to another. At the same time the other team starts a relay race to a fixed point and back. As soon as the last runner finishes he shouts out and the circle people stop passing the ball immediately. The teams then change over. Whichever team manages to pass the ball furthest, while the other team runs its relay, is the winner.

* * * * *

HERE AND THERE.EDENDALE.

Our friend "Somkanda" has sent us the following items of news:-

"We wish to express our sympathy with Nurse R. Cebekulu on the recent death of her father. Members of the Clinic staff have come to her aid and have collected some £2/13/- towards tiding her over this difficult period."

* * *

"Results of the Ashdown Advisory Board elections are:-

Elected members:

- | | |
|--------------------------|----------|
| 1. E. S. B. MSIMANG..... | 16 votes |
| 2. Nashon Myaka..... | 13 " |
| 3. Naphtali Mnyandu..... | 13 " |
| 4. Alpheus Kumalo..... | 11 " |

Unsuccessful candidates were Mr. Alpheus Ngcobo and Mr. Chamane.

* * *

Mr. F. J. Mazibuko, vice-Chairman of the Edendale and District Advisory Board, has recently been on a month's leave."

* * *

"Mr. H. S. Msimang has just returned to Edendale after accompanying Senator E. H. Brookes on a tour of his constituency."

* * *

Mr. Dookran has again sent us all the most recent news of interest to Indian readers:-

"It is good news that Ikhwezi prophesies the start of a third factory at Plessislaer. With a large reservoir of labour in the vicinity, the district hopes to encourage more Industries."

* * *

"The recent rains are very welcome, for now not only are the hills looking green but the soaring prices of vegetables will come down. Tomatoes at 1/-d a pound, Peas at 10d. a pound, and Beans at 9d. a pound are hitting the poor man's pocket."

* * *

Rate on buildings : Under normal conditions this rate can be shifted to the tenant. If it could not be shifted to the tenant, then a landlord would not get a fair return on the capital he has spent in providing the buildings. Thus, in time, landlords would stop erecting buildings and so a fall in the supply of houses would cause the people to be willing to pay a higher rental and in this way the landlord would be able to pass any increased rates on to the tenant. It may happen that this process would take a long time to work itself out. This statement, while correct in itself, would have to be modified under certain circumstances. For instance, we may have a case where the supply exceeds the demand for houses and in such a case the landlord would be willing to accept as rental just enough to cover his costs, but if any increase took place in the costs he may be obliged to bear part of those costs himself, depending on the elasticity of demand. On the other hand, when the area was rapidly expanding and there was a shortage of houses, then landlords would not be willing to build new houses unless they were sure of a fair return on their capital. Thus in such a case the rate payment would be shifted to the tenant. If the building was being used as a trading establishment, e.g. a shop, then any increase in the rates would tend to be moved to the purchasers of the commodities that the shop sells. Again the amount of the tax that can be shifted to the customers will depend on the elasticity of demand for the commodity that the shop sells, and also on the degree of competition present. If a man is in a monopolistic position he may be able to shift more of the tax to his customers than a man who is worried about the competition of his competitor.

Thus we see that, although the case has been reduced to a few simple and straightforward examples, the question of determining who actually and in fact pays the rates that are assessed depends for a proper answer on a large number of conditions which, like the elasticity of demand for a commodity, are very hard to deter-

mine.

E. J. SAYER.

* * * * *

LETTERS TO IKHWEZI

(We are pleased to publish the following letter from our friend and ex-colleague, Doreen Kambule - now, of course, Mrs. Albert Sikiti. An account of her wedding was published in Ikhwezi in August last year. We are happy that she has asked "the child" to convey her greeting to all her old friends. - EDITORS.)

Port Elizabeth.

20.9.51.

The Editor,
IKHWEZI.

Dear Sir,

Many, many thanks, my Friends.

I am acting on the words of the wise people who said "better late than never", when I write this rather belated letter. I should explain that it was my intention to express my sincere thanks and appreciation of what the Commission's officials, both European and African, did for me on my wedding day, as soon after the event as possible. But many reasons made it impossible for me to carry out my wishes.

First I had to prepare for the long, unknown journey to my future home. As I was a sort of "head" of the family I had to see that in my absence my mother and the children should be catered for.

Second, when I got to Port Elizabeth I had to meet the new situation by trying to get acquainted with it from many angles and thus time slipped slowly by. It was only when I returned home at Siyamu for my "happy event" that I felt I had not played the game with all my friends and well-wishers.

These, in spite of my seeming neglect of them in the hurry and bustle after my marriage came round again to see and wish me well. I now write to voice my

Edendale Cemetery. The flooding of the river. Rains making the road unusable. We are too poor to hire a funeral cortege to the Cemetery. We have no telephone. We still make this representation about the Cemetery which people look forward to with great hopes and faith in the Commission to fulfil its promise to them.

I was even asked to accompany a an official and point out the boundaries of the Cemetery. There are many graves there in the Commonage. We are waiting for the fulfilment of the promise given us by the Commission on this grave matter.

S. S. ZULU.

* * *

Siyamu Private Bag,
EDENDALE.

The Editor,
IKHWEZI.

What is co-operation?

Your columns are full of the word "co-operation" between the Local Authority and the people. Siyamu Ratepayers' Association was formed to co-operate with the Commission at a time when the rest of the Area of Edendale was antagonistic to the L. H. C.

Siyamu did everything in its power to teach the people to co-operate and work in harmony with the Commission. Our enemies, those who do not want any co-operation with the Commission said "we shall see what you will gain by this foolish attitude".

Now, Sir, these same people are saying, "Nanto phela iqhina likaMbethe" to Siyamu people. That is said to ridicule them because they have found great difficulties on their way.

Will you please, Sir, let us know through your columns what the Siyamu Ratepayers have gained for this effort?

They asked for the restoration of their Cemetery and were promised some action. What has been the result?

They asked for hardening of Caluza Road as in rainy weather it is difficult to negotiate by car. What has been the result?

They asked for a small bridge over the river Umsunduze which comes in floods on rainy days causing people to wait in pouring rain until the water subsides. What has been the result?

They asked for a Telephone as at night in emergencies they are helpless. What has been the result?

The funny part of the whole thing is that when Siyamu asks for something sometimes a reply is given that if it is done for them other Areas will also demand it. But Siyamu formed an Association when others were against the Commission. It is not the fault of Siyamu that it is represented in the Advisory Board where legitimate grievances are voiced. Give Siyamu what it asks for and prove that it pays to co-operate with Authority.

Nyonithwele,

D. MKABELA.

* * *

Heads of Departments have attempted to answer the questions raised by our correspondents and to explain the present position in regard to the points which have been made. We print a summary of their replies below. -
EDITORS.

Siyamu Cemetery.

Certain legal and other difficulties have delayed finalisation of the question of the re-opening of the Siyamu cemetery.

Under Ordinance 11 of 1946 when the Administrator proclaimed the Area to be used as commonage the Siyamu Cemetery was included in this area.

The question under discussion now is whether any land which has once been proclaimed as commonage by the Administrator,

can be re-allocated for other purposes by him.

A second point is the suitability of the present Siyamu site as a burial ground.

Until the legal question and the question of the suitability of the site have been decided upon no decision as to whether the cemetery should be re-opened or not can be taken.

*

Caluza Road.

The Commission has approved considerable funds for the construction of this road. The position, however, is that the road construction programme at Edendale proceeds according to a priority list approved of by the Edendale Advisory Board. It so happens that Caluza road is not a first priority and that up to the present work on important roads such as Dambuza Road has received first priority in view of the fact that this road is necessary for the construction of the water supply feed to the new Provincial Hospital at Edendale. There is, however, no doubt that in general road construction at Edendale is limited by the lack of machinery which at present consists of a single motor grader unit which has to do both maintenance and capital works. Unfortunately the machine has been out of action for several months now and this fact has seriously hampered the road construction programme.

*

Umsinduzi Foot-bridge.

With regard to this bridge the Commission has not yet approved capital funds for the project as it is awaiting an estimate of the total cost. In addition, shortage of design staff in the Engineering Department has delayed completion of the design.

A third point which has affected progress is the fact that Caluza Road, where it crosses the river, encroaches on private ground and it is a moot point whether construction of the bridge would be

an economic proposition - especially as floods only make the causeway useless for very short periods of the year.

*

Siyamu Telephone.

The question of the provision of a call-box at Siyamu was raised by a correspondent of Ikhwezi in our May issue.

At the time it was pointed out that the Commission has no control whatsoever over the supply of telephones. It is itself entirely dependent on the Department of Posts and Telegraphs for any telephones which it may require for its own use. So all the Commission can do towards installing a telephone at Siyamu is to make application to the General Post Office on behalf of the residents of Siyamu. This has been done twice within the last 18 months and the importance of providing this line has been stressed. The Commission has offered to co-operate with the postal authorities in providing a booth, light, etc. In reply to the approaches made by the Commission earlier this year the Department said that stocks of coin-boxes have been depleted for over two years and replenishment is still uncertain. Your requirement is on record for attention as soon as circumstances permit.

The Commission thereupon resolved to keep in touch with the postal authorities and to re-open the question as soon as the necessary equipment was available.

* * * * *

FOOTNOTE

THE EDENDALE ROAD.

In our last number we published a moving letter from Mr. R. Deep-laul, in which he deplored the traffic dangers of the Edendale Road and asked the Commission to interest itself in this serious matter. "It is useless," he wrote, "providing us with good water, housing, etc., if we are

to be exterminated....."

Mr. Deeplaul's complaint was tragically underlined within forty-eight hours of its publication by a fatal accident on this dreaded stretch of road, which involved the deaths of two men, shock and injury to a number of persons, and damage to two public vehicles.

The Commission feels deeply with Edendale on this matter, and has done all in its power to bring about a lessening of the road-risks by getting a speed-limit imposed and representing urgently that it shall be enforced. These precautions, however, cannot get at the real root of the trouble, which lies mainly in the nature of the road itself.

The following report, quoted by courtesy of the Natal Witness, makes it clear that the matter is engaging the urgent attention of the authorities directly concerned with this aspect of the danger:-

"Early start urged on Edendale Road.

It has been recommended to the Works Committee of the Maritzburg Municipality that the reconstruction of the portion of Edendale Road within the borough be carried out as soon as possible. The Provincial Roads Department will be requested to proceed with their section of the work as a matter of extreme urgency.

This action has been taken as a result of the fatal accident on Edendale Road on September 12th when a European bus driver was killed.

Too narrow.

The City Electrical Engineer, Mr. C. R. Halle, has reported that the tarmac on Edendale Road is too narrow for two buses and a bicycle to pass safely at the same time.

Preliminary work by the Provincial Roads Engineer on the building of a new road is well advanced, and the Engineer has recommended that the Council urge the Provincial Administration to have the work treated with the utmost priority.

Mr. Halle said he understood that the Provincial Roads Engineer was greatly concerned about the

section of Edendale Road within the borough and he believed that if the Council went ahead with this work the Provincial Roads Department might be willing to assist by lending machinery."

* * * * *

Clermont Township,
Ekuphumuleni Store,
P.O. CLERNAVILLE.

29.8.51.

The Editor,
IKHWEZI.

Sir,

Sunday, the 26th August, was reminiscent of the day the Advisory Board elections were held at Clermont when all roads led to the Local Health Commission Offices for residents to elect Advisory Board members who are to determine the future welfare of this Area's community. On the above date the roads led to the Lutheran School where Messrs. Luthuli and Msimang were the guests of honour to the Clermont branch of the Natal African National Congress.

As it is the policy of the Ikhwezi not to publish political activities, I shall abide by that policy and eliminate political aspects but report on the hints on "Self-Help" made at the meeting.

Mr. A. M. Kuzwayo, who presided, introduced the guests of honour to the audience and then called upon Mr. Luthuli to address the audience, when the latter called upon Mr. Msimang to clear the deck which he very ably did when he fascinated the audience emotionally by his call to Africans to arise and learn to help themselves and stop being dependent on other people. "Shall we," he enquired, "lie supinely on our backs, hugging the delusive phantom of hope, until our enemies (poverty and lack of self-help) bound us hand and foot to rise no more?"

Chief Luthuli, eulogising on Self-Help, said the destiny of a people depends on self-help which revolves on the four principles, namely:-

1. Education that will increase and create the people's thirst for knowledge and an impulse

to improve on the acquired knowledge.

2. Christianity that is positive in deeds and lending an emphasis to the study of the usefulness of the Church in the world as the source of civilisation, the teacher of morality and the only effective agency of law, order and peace.
3. Nationalism that will create the spirit of love of fellow-men and discard tribalism which tends to divide the African peoples.
4. Political conscientiousness which is a key foundation to a people's social and economic destiny.

Continuing, Chief Luthuli said, for Self-Help to be of any significance, Africans must learn to model their own future and this can only be done if the start is made now to train our Youth on the lines already enunciated as the future and the fate of a nation depends on the thinking of its Youth. Concluding, he reminded the audience that a horse can be taken to the river, but cannot be made to drink, likewise, success and progress will depend on the people's acceptance and usage of the foregoing principles.

Mr. Editor, the Executive of the Congress branch at Clermont wishes to convey through the medium of the Ikhwezi their profound thanks to the residents of Clermont for their response to the call extended to them to meet their leaders and while thanking them wish to mention that this is not the end but the beginning and they are earnestly urged to continue to support functions of such a useful nature with unsurpassed enthusiasm as it is where the advances of Self-Help are made and found.

H.S. MTETWA.

* * * * *

THANKS NOTICE.

Edendale Health Centre
P. O. PLESSISLAER.

3.10.51.

Dear Friends,

I wish to express my most heartfelt gratitude to all the local Clinic members who have so kindly paid their tribute towards my bereavement.

It is true that my father is deceased and I only supplicate that his call be a blessing to him by the Omnipotence - God.

Yours truly,

R.B. CEBEKULU.

Her colleagues on the Commission's Staff extend their deepest sympathy to Nurse Cebekulu in the loss of her father.

* * * * *

We also offer our sympathy to Mr. Miya in the sad loss of his mother.

* * * * *

SPORTS NEWS

1. Attached herewith are Tables for the various teams. In "Senior B there are still four matches to play.
2. Maritzburg District School Boys Annual Five-a-side Tourney 30th September, 1951; Bantu Sports Ground. The following Schools participated in the competitions - and winners were presented with trophies:-

Ashdown	Edendale	Hollingwood
Albert Falls	Henriville	Impolweni
Caluza	Howick	Ockerts Kraal
Ortman Road	Sanctuary	Slangspruit
Sobantu Village	Sweetwaters	

Final results were:-

- (1) Seniors (16 years and over) Edendale beat Ashdown 2 - 1
- (2) Juniors (15 years and under) Caluza beat Sweetwaters 3 - 0
- (3) Juvenilves (12 years and under) Sobantu Village
beat Caluza 1 -)

3. Maritzburg Inter-Race Soccer Eleven-a-side Tournament, 22nd and 23rd September, 1951.

Cassimjees Trophy.

Maritzburg District Indians beat Maritzburg Col.	1 - 2
Maritzburg Bantu beat Maritzburg County Indians	6 - 3
Maritzburg County beat Maritzburg District	2 - 1

semi-final:

Maritzburg Coloureds beat Maritzburg Africans	1 - 0
---	-------

Final. October 7th, 1951. (Bantu Sports Ground)

Maritzburg Bantu 1	Maritzburg Coloureds 2
--------------------	------------------------

4. Natal Bantu Football Association.

(a) Intertown Final , 13th October, 1951.

Maritzburg Bantu XI vs. Richmong Bantu XI at Fitzsimon's Road Bantu Sports Ground. (postponed on account of rain).

(b) Natal Championship Shield.

Rebellions (M.B.F.A.) vs. Tigers (R.B.F.A.) at Bantu Sports Ground (to be contested at an early date).

M.B.F.A. LEAGUE LOGS - SEASON 1951

SENIOR A

<u>Division I</u>	P.	W.	L.	D.	F.	A.	Points
1. Rebellions	7	5	0	2	15	7	12
2. Shamrocks	7	2	1	4	16	10	8
3. R. Eagles	7	3	2	2	9	7	8
4. S. H. Stars	7	2	2	3	8	8	7
5. G. Pirates	7	2	2	3	12	15	7
6. Natal Stars	7	1	2	4	9	12	6
7. Unities	7	2	3	2	6	11	6
8. M. Blues	7	0	5	2	9	14	2

Division II

1. Zebras	13	13	0	0	92	8	26
2. Callies	12	10	2	0	52	8	20
3. Royals	13	10	3	0	45	25	20
4. U. Tigers	12	9	2	1	51	28	19
5. Azaleas	13	6	4	3	28	24	15
6. G. Highlanders	13	6	5	2	26	39	14
7. B. Bucks	10	5	4	1	15	27	11
8. W. Roses	13	4	6	3	24	28	11
9. Kangaroos	13	5	7	1	31	50	11
10. R. Jumpers	13	4	7	2	23	28	10
11. I. H. Stars	13	3	8	2	23	30	8
12. Try-Agains	13	3	9	1	19	52	7
13. Red Army	13	1	11	1	9	42	3
14. Rainbows	12	0	11	1	15	52	1


SENIOR B

Section I

1. Rebellions	9	8	1	0	35	9	16
2. R. Jumpers	9	7	2	0	18	8	14
3. Coronation	9	6	2	1	16	4	13
4. Royals	9	5	2	2	25	11	12
5. United Tigers	8	4	4	0	12	19	8
6. Bush Bucks	9	4	5	0	15	9	8
7. R. Eagles	7	3	4	0	10	9	6
8. S. H. Stars	7	1	5	1	5	16	3
9. Azaleas	8	1	7	0	6	29	2
10. Rainbows	9	1	8	0	4	31	2

Section II

1. Shamrocks	8	8	0	0	47	6	16
2. Zebras	8	6	1	1	36	5	13
3. M. Blues	8	5	2	1	18	12	11
4. Natal Stars	6	2	1	3	10	6	7
5. Callies	8	3	4	1	11	14	7
6. Red Army	8	2	3	3	16	34	7
7. Unities	7	2	5	0	15	24	4
8. O. B. Hoppers	7	6	1	0	5	35	2
9. Hygienic Stars	8	0	7	1	6	30	1



Lilungiswe lakhishwa Isigodhlo se
Local Health Commission, Natal,
195, Longmarket Street, PIETER -
MARITZBURG.

INCWADI KUBAFUNDI BETHU

Ezinsukwini ezidlulile kwa-vela indaba ecabangisayo emaphepheni. Umlobi wabebeka umqondo wokuthi thina bamanje izinto ezingcolile sizibuka ngamehlo angethuki ngisho zingafanele. Sesizejwayele ngangoba noma sikubona kasikunaki. Waghubeka wathi okhokho bethu babethanda ukwenza izinto ezinhle ngisho ezitsheni ezisetshenziswa njalo kube kuyilapho thina bamanje sithanda ukwenza izinto ezibukeka kabi.

Kungenzeka singavumelani nalomqondo mhlawumbe sivumelane nawo bahlukene abantu ngokubuka izinto ezinhle nezimbi. Abanye babonaubuhle emshinini oyinxakanxaka, abanye babone ububibodwa kuwona. Ngokwanda kwemisebenzi emikhulu abaningi bethu sebevumele kwenabele zonke izinhlobo zezinto ezindaweni ezinhle. Olayini bezitimela, izindunduma zezindunduma zezinkompolo, izinqwaba zokungcola singakubuka kuyizinto ezingeke zingabikho, kodwa buningi obunye ububi esethweswa bona kuthiwa kungenxa yokuhubekela phambili.

Yizinto lezo thina ngabanye esingeke sizivimbele. Singasola-nje sethembe ukuthi amakhosi ayozilungisa. Zikhona kodwa ezinye eziningi ezincane esingaphebeza ngazo ububi obusondela kithina. Uma

sidla uswidi emgwaqweni silahla phansi iphepha khona lapho noma siye size sililahle entweni yezi-bi? Uma sidla iOlinji noma isinkwa ebhasini silahla phansi amakhasi namaphepha akusongile noma sikuphonse phandle efasiteni noma siye silinde size sifike ekhaya sikulahle ezaleni?

Yizinto ezincane lezi ekubukeni kwethu ukungcola nokuhlanzeka. Kodwa singalinga sonke ukuba izindlu esihlala kuzona nezingadi zethu zihlale zihlanzekile. Singawagqwiba amaphepha uma kade sidla otshanini ukuze abazohlala kubona bangafiki kungcolile. Abanye bethu bangatshala imithi nezintango nezimbali emizini yethu.

Yizindlela ezimbalwa lezi esingasiza ngazo ekuqedeni ukungcola okusizungezile. Kuyiqiniso ukuthi indawo umuntu ahlala kuyona iyasebenza esimilweni sakhe. Uma kukuhle ezimpilweni. Zethu kungavela nobuntu kuthina, nokuwelana nokubambisana ezintweni zemihla ngemihla.

ABemu

ABAHLELI.

22 OCT 1951

IMICABANGO EVELA KUABRAHAM LINCOLN

UNGEKE ulethe umnotho ngokujikezeza ukwonga.

UNGEKE uqinise abubuthaka ngokugeda amandla kwabanamandla.

UNGEKE usize amadoda anamandla ngokunukubeza amadoda amakhulu,

UNGEKE usize osebenzela izingane ngokunukubeza omholelayo.

UNGEKE ukhuthaze ubuzalwane kubantu ngokukhuthaza inzondo yobuzwe.

UNGEKE usize abampofu ngokukhitha abacebile.

UNGEKE uqinise ukuzimela ngemali eboleliwe.

UNGEKE ugweme izinkathazo ngokukhitha imali engaphezu kwoyitholayo.

UNGEKE usize abantu ngempela ngokubenzela lomho bona abangazenzela khona.

* * * * *

UBUWAZI-NJE?

UKUTHI inhlangotho yaseNatal elwa nesifo sesifuba seyinama-bheji amahle akhulu nezipenetu zokubonga umsebenzi noma okabani osenikele imali engango £2 noma ngaphezulu esikwameni sayo? Zenziwe ngesimo seHawu nesiphambano esithiwa ngesaseLorraine. Zinhlobombili, esinezinkinobho sokufakwa ezibhotsheni nesinezipenetu sokufakwa njengaso. Isiphambano esibomvu nezingalo eziphindiwe njengoba abafundi bethu bazi samukelwa ngo 1902 ukuba wuphawu lwezwe lomke lwempi ehlasela isifo sesifuba.

Isipenetu noma ibheji kungatholwa ngo Bagolweni uma ukucela kulenhlangano kwa 50/52 Club Arcade, Smith Street, Durban.

(Funda futhi "Isaziso kumasho-shozela" ekugcineni kwaleliphepha).

* * *

UKUTHI baningi abantu aseboniwe befake amabheji enhlangano yaseMgungundhlovu esiza abagulayo ngegazi labo elimuncwayo? Ukhona oseke walibona eEdendale? Kade lalikhuluma ngalendaba Ikhwezi.

* * *

UKUTHI UMeli wamajaji uMn. J. Lewin wabengomanye wabakhulumisa abaqavile emhlanganweni wabasebenzi bamaSocial Workers abangemhlophe ngo 1949? Wakhuluma izinto eziyinkelele kubantu ugobo ngokukhubeka kwabakubo. Inkulumbuso yakhe ibikwe ephepheni lenhlangano leyo ngomusa kaMn. E.S.B. Msimang, iSocial Worker yalwa khomishani Ikhwezi likwazile ukuyiveza lenkulumbuso ngokufuphi lithinta amazwi angoka kaMn. Lewin, noma sekuyisikhathi eside akhu lunywa asalumela ezindlebeni nasemiqondweni.

Okunye okuvimbela okukhubeka kwabantu kusho uMn. Lewin yibona ugobo abantu. Umuntu ofundile ujingile kenzi lutho lokuthuthukisa isizwe sakubo. Abantu kulaleli leNyunyani banamathuba emfundo angcono kunabantu bamazwe angaphandle, kodwa baqhubeka kancane kunabo. Okubangela lokho kuyini? Benzani abantu nje ngokwabo? Abantu abafundile benzani ngemfundo yabo?

Waqhubeka uMn. Lewin wathi uMbuso yinsika eyenza imisebenzi esemqoka. Kwesinye isandla iphethe ezombuso kwesinye abantu. AmaSocial Worker ayibhuloho eliphakathi kwoMbuso nabantu yivoma asebhuloho eliqinile embusweni wamanje.

Balindeni abantu? Balinde uHulumeni? Kodwa impendulo yokuthuthuka kayidho luHulumeni? Ikubona ugobo abantu abafundisiwe okufanele basebenzele abantu bakubo. Ukuthuthuka kwabantu ngokuhlala kahle wumphumela wamaphupho abantu, kungumsebenzi olungani okufanele wenziwe.

* * *

UKUTHI uMn. A. D. Lazarus (M.A., Yale University, U.S.A.) owayibeyinhloko yesikole saseGreyville Government School usekhethiwe abeyinhloko yesikole saseSastri College, Durban?

YiNdiya lokuqala elake lanikwa isikhundla esingaka kufanele amandiya aziqhenye ngemisebenzi yakhe esobala ikakhulu ngoba uMn. Lazarus ngowokuzalwa kulelizwe lase South Africa. (Race Relations News item.)

* * *

Singeke sikusho esivamise ukukusho ukuthi indaba esemqoka kuleliphepha lanamuhla "yalosthwa iqonde ngqo" eKhwezini. Empele ni siyicindezela siyithathe ephepheni elabe lilotshwe lafundelwa iKomidiyephephe izindaba ze-Mali yeAdvisory Board lifundwa nguMn. E. J. Sayer. Kithina (Esingenawo umqondo wokutheliswa) yincwadi esobala ecacileyo ngodaba olungavamile ukuqondakala kubantu abathelayo amarates nezintela siyajabula ukuyiveza.

UMn. Sayer uneziqu zobuBachelor of Commerce uyilungu lenhlangano yoNobhala bawoKopeletsheni, use-ngene kwa Khomishani ukubayiPhini likaNobhala. Udaba azinikele kulona ngoluthinta ezemali kodwa sethamba ukuthi uluzihlanganisa isikhathi eside nenhlangano. yawoVulindlela kumbangele abene-nhlanganiekulhuthalelele nokwabantu bonke-nje.

Ngelinye ilanga siyomcela hesi bone ukuthi nempela injalo yini inhliziyi yalke alobe ngodaba olunambithakayo kithina kunalolu lukuthela olunohlalwane kithina.

* * *

ISAZISO KUMASHOSHOZELA

Ohleni lwethu oluthi, "Ubuwazi-nje?" sikhulume ngezipepetu nama-bheji atholwa ngokukhokha 2/6 kukunye anikwa ulubonga umsebenzi kumalungu enhlangano yeNatal Anti-T.B. Association elwa nokufa kwesifuba asebenikele imali eyi £2 esikhwameni senhlangano.

Sikhumbuza amaShoshozela e-Khomishani ayikhulu ubuningi ukuthi iningi lethu liwafanele amabheji lawo ngoba kade sasinkela ol/8 nyanga zonke sekudlule iminyaka emibili manje.

Ningezwa kahle kuNkk. Anstey noma kuNkosazana Lee emahovisi amakhulu akwaKhomishani ukuthi nime

kanjani ebulungwini benu. Uma nimile kahle ngenkani ufagolweni ebhejini. Nilithenge. Mahle impela ngombala nangokwenziwa enza nomuntu abukeke futhi kudonsele lomsebenzi omkhulu amehlo abaningi.

Uma ulifuna loba noma uthumele ufagolweni noNkk. Anstey noma ku-Nkosazana Lee, Local Health Commission, 195, Longmarket Street, usho noma ufana ibheji noma isipehetu.

Siyabonga ukuba isigaba sika-Khomishani samashoshozela singakanciphi. Amalungu ethu, Abantu, amandiya, nabelungu babekezela ngempela kusobala ukuthi kukhona lapho bedoba khona amanye amalungu ngoba uma kuphuma abanye isikhala sabo sivalwa ngabanye.

Abaququzeleli bayabonga umsebenzi othokozisayo walesisigaba.

* * * * *

OKUQONDENE NENTELA

1. UKUQHUBEKA KWENTELA YAMARATES.

Kwasendulo-nje abantu babethela. Ezweni laseGriki endulo abantu babethela ukuze kwondliwe amabutho nemisebenzi kaHulumeni Nangezikhathi zamaRoma ayezithelisa izizwe azahlulile ukuhlangabeza izindleko zikaHulumeni. Endulo abanumzana babebathelisa abantu babo noma bathi kabasebenzele abanumzana ukuze bathole isivikelo. Kwathi ngokukhula kwamadolobha ancikene nezindlela zemisebenzi kwavela izintela zokuthelisa izimpahla namahlawulo okuhlululisa abephula leymithetho. Ukubheduka kwothuthuva lwezisebenzi kwathuthela abantu abaningi emadolobheni kula-phoke kusuka khona emadolobheni lawo nakubabusi bawo lentela yamarates esiyibona namuhla.

Njengoba amakhosi aleyonkathi ayethelisa intela yemihlabathi ngezilimo zayo kwamelwa ukuba nasemadolobheni abantu bavume ukutheliswa ngezindawo zabo nangezindla zabo.

2. IMITHETHO YAKUTHELISA.

Ngokukhula kwentela abathelisa bafuna izindlela zokubona ukuthi intela ethile ifanele na

noma kayifanele. UAdam Smith khona ezikhathini zasendulo wamisa izimiso ezithile okungabonwa ngazo ukuthi intela ifanele noma kayifanele. Nazi izimiso lezo :

- (a) Ukulingana okuthi umuntu ngamunye athele ngokufanayo ngoba phela bathola amalungelo afanayo.
- (b) Ukuginiseka okuthi umuntu ngamunye azi ngalentela nokuthi ingakanani okufanele ayithele.
- (c) Isikhathi esihle okuthi umuntu athele ngenkathi leyo emfanele yena nayilungiselele.
- (d) Ukwonga okuthi kufanele intela ibephansi ngenani. Kakuswelekile iqoqwe yinqwaba yabantu nabo uqobo abazofuna imali eningi yeholo.

Lemitheshwana ke yiyona ngqikithi yazo zonke izimo zentela. Kodwa kukhona amanye amaphuzu okusweleke achwaningwe. Lezo zingumqondo wombuso lowo ofuna intela nabantu labo abatheliswayo. Kusobala ukuthi laba bobabili bamise ukuphikisana.

Ngokufishane emqondweni we-Khomishani kusweleke intela ithelwayo yanele ukuletha imali edingekayo. Futhi intela leyo ikwazi ukuba ingenise enye imali esuka ifuneka ngezikhathi zayo. Kufanele izindleko zokubusa indawo nezokuqoqa intela zibencane ukuba kwenzekile lokho kufanele kwaziwe ukuthi ngobani okufanele batheliswe nokuthi kufanele batheliswe malini umuntu ngamunye. Kugcine ngokuba intela leyo kufanele ukuba ngevunyiwe. Ezinsukwini zakuqala umuntu ngamunye wabethela ngokufanayo kodwa namuhla imiqondo yabantu seyiguqile esikhundleni sokuba bakuvume ukuba intela ifane bagcizelele ekubeni isu lentela licindezele onothile ukuba athele edlule onganothile. Okusho ukuthi "ukuthela ngamandla onawo".

Emqondweni wabetheliswayo kukhona lokhu:

- (a) Intela mayabiwe ngesulokuthi umuntu atheliswe ngalokho akutholayo kulowo ombusayo.
- (b) Intela mayihambale phambili. Okuthi uma umuntu eqhubeka ethola imali engcono nentela yakhe ikhule.

Iningi labathelayo kalivumi ukuba umuntu ompofu athele imali enkulu ayiholayo edlule isicebi. Izigaba lezi, abampofu habacebile bafike bangavumelani ngalemiqondo.

- (c) Futhi bathi intela mayithelwe nguye wonke umuntu ingakhethi. Angabikho ongatheli;
- (d) Futhi ingahlelwa-nje ngenkani. Umuntu osesigabeni esithile kathele njengaye wonke okulesosigaba.

3. Ngaphambi kwokuba sixoxe ngentela kufanele kesicacise ngezintela ezahlukeneyo. Zonke izintela zisekwe phansi kwoLuhlu olukhomba ama nani ezindawo olukhombisa izinto ezintathu, inani lomhlabathi, inanilezakhiwo nenani lonke selihlangene. Intela ethi thela izindibilishi ezingaka kumpondo libizwa kuthiwe "ngelesiza" Intela seyihlangene yomhlabathi nezakhiwo ibizwa ithiwe "flat noma uniform rate". Intela yezimali ezahlukele zomhlabathi nezezakhiwo ithiwa "diverse noma differential rate". Inqubo ngayinye inokuhle nokubi kuyona kodwa sizokhuluma ngentela yemihlabathi neyezakhiwo.

4. INTELA YOMHLABATHI.

Intela lena uma kuhamba ngendlela ejwayelekile izothwela ngumnindawo. Kanamandla okuthi kayithelwe ngumqashi. Okusho ukuthi umhtwako wentela angeke awuthwese omunye. Umninindawo angane ubathelisa imali yarent enkulu labo abaqashile. Uma kodwa bebaningi abantu abafuna imhlabathi lowo intela ingadlulwa. Okuthi uma intela ikhona angeke abize irent enkulu ngakho ayithele yena intela yamarates umninindawo. Kuyenzeka ukuba umqashi avume ukuyithela irate okusho ukuthi uma ikhuliswa iyothelwa nguye umqashi.

INTELA YEZAKHIWO.

Ngesimo esivamile lentela ingathelwa ngumwashi. Umaithelwa nguyena imninindawo angeke abuyelwe kahle ezindlekweni azikhipa zokulungisa indawo yakhe. Ngokuhamba kwesikhathi abanikazindawo bayeke ukwakha izindlu kubangele lokho ukuncipha kwezindlu okuyokwenza abantu bazimisele ukukhokha imali enkulu ngezindlu okusho ukuthi laphoke umninindawo

intela yama rates eyenyusiwe ayidlulisele kumqashi. Kungenzeka ukuba isimo esinjalo sithathe eside isikhathi ukubakhona. Noma siyiqiniso kufanele sihlale ngenye indlela ngokuma kwesimo esithile. Kungenzeka ukuba izindlu zibeningi kunabantu abazifunayo uma kunjalo umnikazindawo angayivuma intela yendlu ngisho incane ukuba imbuyisele izindleko zakhe, kuthi uma ikhula imali yezimpahla ayethwale yena. Kwesinye isikhathi uma indawo iqhubeka izindlu zinciphe abanikazindawo bangevume ukwakha ezinye izindlu uma bengazubuyelwa yilutho ezindlekweni zabo. Esimweni esinjalo intela yamarates ingadluliselwa kumqashi. Uma indlu isetshenziswa njengesitolo uma amarates ekhushulwa isisindo sawo singathwalwa ngabathengi bokudla okuthengiswa esitolo lesa. Kuye ngokuthi impahla leyo iyofunwa ngabantu isikhathi esingakanani nokuthi sikhona yini esinye esincintisana naso. Uma umuntu esesimweni sokuqhwaga yedwa angabuyisela intela eningi kubathengi bakhe kunomuntu okhathazekayo ngokuncintisana nabanye.

Siyabonake ukuthi noma sikubeke konke lokho ngendlela elula esobala umbuzo wona othi ngubani othelayo amarates ungaphelwa kahle ezizathwini eziningi ezigxile ezimweni okulukhuni ukuzichaza nokubeka umunwe kuzona.

E. J. SAYER.

* * * * *

IZINCWADI EZIBALELWE IKHWEZI

P.O. Box 39,
MBABANE,
Swaziland.

Mnumzana,

Nginezitemde ezimbili eClermont ngiphansi kweKhomishani ngakho kufanele ningithumele njalo Ikhwezi.

Owenu,

S. S. SHEZI

(Sikwenzile ngokuthokoza okucelwa nguMn. Shezi. - Abahleli.)

* *

(Kuyasithokozisa ukuveza incwadi yomhlobo wethu nowayesebenza nathi uDoreen Kambule, manje osengumKosikazi Albert Sikiti. Sawuveza umshado wakhe eKhwezini lika August ngonyaka odlulile. Siyabonga ukuba ecele "lengane" ukuba kubeyiyona emkhonzela embongele kuzo zonke izihlobo zakhe. - ABAHLELI.)

Port Elizabeth,

20.9.51.

Umhleli,
IKHWEZI.

Mnumzana,

Ngiyabonga, zihlobo zami.

Ngenza okwashiwo ngabadala ababehlakaniphile bathi, "Ungasifulatheli isihlahla" uma ngiloba lencwadi eseyadlulwa yisikhathi eside. Kwabe kuyinjongo yami ukubonga engakwenzelwa yiKhomishani nokukuncoma eyakwenza kanye nabasebenza kuyona abamnyama nabamhlophe ngosuku lwomshado wami. Ngangiqomde ukubonga masinyane emuva kwomshado lowo. Kodwa kwenzeka okuningi okwabangela ngahluleke.

Okwokuqala ngabe ngilungeselela uhambo olude ngiya lapho ngabe ngingazi khona, njengoba nalapha ekhaya bengifana "nenkosana" kwafanela ukuba ngilungiselele ukuba noma sengihambile uMa nabantwana bakwethu basele kahle.

Okwesibili kwathi ukuba ngifinyelele ePort Elizabeth kwasweleka ngihlangabezane nesimo salapho nami ngizimisele ukusejwayela masinyane, Kuyilaphoke nesikhathi sihamba. Kuthe lapho sengibuyela ekhaya eSiyamu sengizolungiselela "usuku olukhulu" ngezwa ukuthi kangibaphathanga kahle abahlobo bami.

Kepha bona noma kwabe kusengathi ngabakhohlwa kuthe sengibuya ekhaya beza futhi bazongibona ngomoya lowo wabo wothando. Ngibonga iKhomishani nabasebenza kuyona ngabangenzela khona okuhle ngenkathi ngisebenza phakathi kwabo.

Mhla ngishada iKhomishani kanye nabasebenza kuyona bangiphisipho esihle futhi bona uqobo babakhona emshadweni wami. Lomoya ngiwuficile futhi kubona njengoba kade ngingasekhaya e-

Siyamu. Kwanga ungephele omoya onjalo. Ngenkathi ngikandlekile uyaye ungiduduze. Kungiduduze ukwazi ukuthi nginezihlobo zempela ezingifisela okuhle.

Ngethemba ukuthi amazwi ami okubonga kazukubaduma ngenxa yesikhathi esingaka esesidlulile. Ngishilo ngathi kuhle ukubonga noma isikhathi sesidlulile kunokuthula-nje.

DOREEN SIKITI.

* * *

Siyamu Private Bag.

Mhleli,

AMANGCWABA ASESIYAMU

Ngifisa ukukhuluma ngamangcwaba aseSiyamu. Inkathi ende eyadlula emuva kwokuhamba kwabakwaCaluza abantu banda lapha kwafika namaHlubi. Bebaningi abantu ngaleyonkathi kwathi ngelinye ilanga lana imvula enkulu uMsunduze wagcwala. Ngaso isikhathi leso ugcwele kwafa umuntu kwaba yinkohla ukuthi uzawungewatshwaphi ngoba nanku umfula ugcwele kungewelwe kuyiwe ngaphesheya eYideni. Kwaba wuhlupho olukhulu.

Amadoda aleyonkathi eza kuMn. John Caluza baya naye kuMfundisi babeka izikhalo zabo ngokungcwaba. KungamaTrustee labobantu. Wabewzela umfundisi. Umfundisi esebonisene nabanye ababephethe wabeka itshe elisekhona nanamuhla elikhomba imincele yamangcwaba.

Kuthe sekufika uMfundisi W. Baker abantu baseSmeroe babefuna ukungcwatshwa eSiyamu kodwa wawengqaba lokho uMfundisi ngenxa yomfula uMsunduze. Asekhona amangcwaba lawo nanamuhla. E-Smeroe kwabe kukhona abakwaHlathi, kukhona abakwaDuze nabakwaMasikane noMngenela Mtshali noGuza Mtembu nabakwaNyide nabakwaHlatshwayo. Kwathiwa akhona amangcwaba eSiyamu uma umfula ugcwele. Ngiyakhumbula ngenkathi kaMfundisi Baker ngo 1892 kwabe kungekho ukungabaza ngamangcwaba aseSiyamu.

Kwathi ngo 1943 noma emuva kancane kwokufika kwe Khomishani bawavala amangcwaba. Bakusola kakhulu lokho abantu. Baza baya nasenkantolo bengavumelani nesenzo seKhomishani sokuvala amangcwaba. Mhla siletha izikhalo

zethu kuKhomishani udaba lwamangcwaba lwabe lusemqoka. Senza konke ukuhlangabezana neKhomishani, sakha nenhlangano ethiwa Siyamu Ratepayers, sathumela abakhulumeli bethu kuAdvisory Board yakhona beyokhuluma ngawo amangcwaba sicela ukuba avulwe futhi ngazo izizathu zokugcwala kwomfula uMsunduze nesimo somgawo uCaluza Road uma kade lina.

Sabeka izizathu ezisobala ngezikhalo zethu, nangobude bendlela kuyiwa emangcwabeni aseYideni. Ukugcwala kwomfula. Nesimo somgawo uma lina. Simpofu ukuqasha imotho yezidumbu. Kasinatheleloni. Sisakhonzele udaba lwamangcwaba olusezinhliziyweni zabantu ukuba iKhomishani ibezwele kulona ngoba yabethembisa.

Ngake ngacelwa nokuba ngiyokhombisa omunye weKhomishani imincele yamangcwaba. Sikhona maningi amangcwaba laphaya akhombisa ukuthi kwabe kuyindawo yempela yamangcwaba. Silinde ukuba iKhomishani igcwalise isethembiso sayo ngalendaba.

S. S. ZULU.

* * *

Siyamu Private Bag,
EDENDALE.

Mhleli,

KUYINI UKUBAMBISANA?

Izinhla sephepha lakho zommethe igama elithi "UKubambisana" phakathi kukaKhomishani nabantu. Inhlangano ethiwa Siyamu Ratepayers' Association yaphenjwa ukubambisana neKhomishani ngenkathi iningi lesigodi saseEdendale lingafuni lutho ngeKhomishani.

Benza konke abaseSiyamu ukubambisana neKhomishani ngokufundisana ukuba basebenzelane neKhomishani ngokuzwana nokubambisana Labo ababengafuni ukubambisana neKhomishani basihleka bathi, "Soke sibone ukuthi niyotholani ngokubambisana kwenu noPoyinandi".

Namhla-nje abantu labo bathi "Nato phela iqhina likaMbete" kithina baseSiyamu. Bayasihleka ngoba nakhu kababoni ukuthi sitho leni ngokubambisana noKhomishani.

Sicela ukusitshela ukuthi thina eSiyamu sizuzeni ngokubambisana noKhomishani.

Sacela amangcwaba sethenjiswa. Umpumela uyini? Sacela ukulungiswa kwomgwaqo omkhulu ngoba uyahlupha uma lina. Umphumela uyini? Sacela ibhuloho phezu kwoMsunduze ngoba uma ugwele abantu banethwa zimvula bewulinde ubohle. Umphumela uyini? Sacela uThelelaphoni ngoba ebusuku uma kuvela isidume kude ngaphesheya. Umphumela uyini? Okufike kubeyinqaba yingoba uma abaseSiyamu becala into kuye kuthiwe nabanye bazo- yicela iSiyamu sazakhangenhlango abanye bengezani. Kaku- silona icala leSiyamu uma abanye bengafuni eRhodini bayocela abakufunayo khona. Yinikeni eku- celayo iSiyamu nikhombise ukuthi kuhle ukubambisana nabaKhulu.

Nyonithwele,

D. MKABELA.

* * *

Abaphethe imiNyango yemisebenzi yakwaKhomishani balingile ukuziphendula lezincwadi zabalobeli nokubachazela ngezihloko abakhulume ngazo. Siveza lapha izihloko zencazelo yabo.

AMANGCWABA ASESIYAMU

Kukhona amaphuzu athile asemthethweni nokunye okuzizithiyo okubambezela ukuba udaba lolu luphethwe lokuvula amangcwaba aseSiyamu. Phansi kwoMthetho Ordinance 11 ka 1946 mhla oyinhloko yesiFunda saseNatal ememezela ukuba indawo ezibayidlelo amangcwaba aseSiyamu angena ngaphakathi kwedlelo.

Inkinga ephenywayo manje yikuthi kungenzeka yini ukuba indawo eseyimenezelwe ukuba yidlelo ngoyinhloko yesiFunda ingabuyenziwe enye into nguyena futhi na.

Okwesibili yikuthi lendawo ifanele yini ibengamangcwaba. Udaba lokuthi amangcwaba lawa azovulwa futhi noma kawazukuvulwa lulinde ukuba kuqagwe lelofindo lomthetho.

UMGWAQO OMKHULU CALUZA ROAD

IKhomishani seyavuma nemaliningi yokulungisa lomgwaqo. Kodwa konke okuqondene nokwakhiwa kwemigwaqo eEdendale kuhamba nge- ndlela eyamiswa ngokuvunyelwa yBhodi ukuthi kuqalwe ngalona kugcinwe ngalona. Lomgwaqoke uCaluza Road kawubekwanga emqoka imigwaqo esemqoka esasetshenzwa manje nguDambuza Road ngoba kufanele kuqalwe ngawo ukuze kutholakale amanzi esibhedlela esisha esakhiqwayo. Kodwa kungabazeki ukuthi okuvimbela ukuba yonke imigwaqo yenziwe wukuntuleka kwemishini okwamanje mune kuphela owenza imisebenzi emibili. Nawoke sekudlule izinyanga eziningi ungasebenzi lokho kwathikameza ukulungiswa kwemigwaqo.

UTEBETEBE EMSUNDUZE.

IKhomishani kayikavumi nemali yaleliBhuloho ngoba isalinde ukuzwa ngemali seyiyonke yomsebenzi lawo. Futhi bayingcosane abaqopha imibalazwe eqondene nalomsebenzi.

Okwesithathu okuthikamezayo yikuthi lomgwaqo lapho uwela umfula khona ungena endaweni yomuntu kakukaqondakali ukuthi ukwakhiwa kukaTebetebe kungasiza yini ngoba izimvula ezinkulu zibakhona ngenkathi ensicane-nje ngonyaka.

UTHELEFONI ESIYAMU

Lwake lwavela udaba lukathelelaphoni lona eKhwezini likaMay.

Ngaleyonkathi kwathiwa iKhomishani kayinasandla odabeni lwe- thelelaphoni. Yona uqobo yethembele kwabe Posi uma ifuna uthelaphoni. Ngakhoke okungenziwa yiKhomishani ukufaka uthelaphoni eSiyamu yikuba icele kwabasePosini icelele abantu baseSiyamu. Seyikwenze izikathi ezimbili ngenkathi yezinyanga eziyi 18 ezidlelile yagcizelela ukuthi kuswelekile ukuba bawuthole uthelaphoni eSiyamu. Yazimisela iKhomishani ukubambisana nabePosi ngokwakha ibhokisi likaThelelaphoni nokufaka izibane kulona. Baphendula abasePosini bathi amabhokisi emali aphelile kakuqondakali ukuthi ayotholakala nini. Isicelo semu siyolotshwa phansi ukuze mhla

kulungile sinazise.

Ngakhoke iKhomishani yazimi-sela ukuhlala iqaphele ukuba kuthi uma abePosi sebeni kahle ibuye iyifake lendaba.

* * *

Clermont Township,
Ekuphumleni Store,
P. O. CLERNAVILLE.

29.8.51.

Mhleli,

Isondo lomhla kaAugust 26 kwabe kungusuku olwasikhumbuza olwokhetho lwamaAdvisory Boards lapha mhla abantu bephume ngezinkani beyokhetha amahovisi e-Khomishani. Ngosuku lolu kwabe kuqondwe esontweni lamaLuthela lapha uMn. Luthuli nomn. Msimang babeyokwenzelwa umkhosi yiGatsha likaCongress lasekhaya.

Ikhwezi kalizimisele ukungena ezamapolitiki ngakho ngizoloba-nje ngezinkulumo ezabe ziqondene nokusisiza kwethu.

Umn. A.M. Kuzwayo wabengusihlalo wazisa abahambeli bethu wasebiza uChief Luthuloukuba akhulume. Yenake wacela uMn. Msimang ukuba amshayelele amagceke kuqala. Waqothula uMsimang ecela abantu ukuba basukume bayeke ukuthembela kwezinye izizwe kodwa bathembe bona. Bangalibali wukulala phansi belinde ukuzosizwa ngabanye.

UChief Luthuli wakhuthaza imizamo yokuzalwa wabeka izihloko ezine:

Imfundo ezokwenza abantu balangazelele ukwazi nokuba bazithuthukise.

Inkolo enemisebenzi nokugcizelela ekubeni sibewusizo kulona iBandla lethu nokuhlolonipha imithetho yokuziphatha kahle neyehlala kahle.

Ubuzwe ukuba sithande abakithi silahle phansi ukubandululana sodwa okwahlukanisa abantu.

Ukuphaphamela ezobupolitiki okuyibona obenza abantu baziseke ngobuntu bokuzoqhubela phambili.

Waqhubeka uChief Luthuli

wathi kusweleke kubekwe isiseko kusemanje ukuze insha ikwazi ukhola isizwe ngoba sithembele kuyona ngezikhathi ezizayo. Wagci ngokuthi ihashi ungaliyisa emanzi ni kodwa ungeke ulenze liwaphuze uma lingawafuni ngakho ukuya phambili kuyogxila kubona abantu uma bezivuma izihloko lezi ezin-genhla.

Mhleli iSigungu seGatsha laseClermont sifisa ezinhleni ze-Ikhwezi ukubonga abantu base-Clermont ngokusabela kwabo kule-sisimemo sokuzobona abaholi babo. Uma sibabonga sithi yikhathi umsebenzi uqalayo. Sibacela ukuba basekele njalo imibuthano ewusizo ngoba yilapho befunda khona ukuzakha.

H. S. MTETWA.

* * * * *

Ngomusa wephephandaba lawo-Thisha siveza leNkondlo ethi, "Bazali bami, ngenzenjani?" elotshwe nguBulima Ngiyeke.

Kasimazi ukuthi ngubani lona umlobi kodwa sibanga ukuthi siyabazi ubukhulu obuqhukethwe yinkondlo. Kithina sengathi izahlu kwana lezi zimumethe umoya wenhlonipho kubazali umoya wenkolo ekubantu nokuthi ukuchwalinga kwomoya onjalo yikhona okukhomba izibilini zomlobi wenkondlo.

Kakuvamile ukuba ukuhunyushwa kwenkondlo nakho uqobo lwakho kuzishaye inkondlo ngobumnandi bakho, kodwa ukuhumusha kukaMn. Dent kugwele umoya ovunguza ezibilinini zomlobi wenkondlo omoyana onosizi olupholileyo olungahlukile kuyona inkondlo uqobo.

"BAZALI BAMI NGENZENJANI?"

Njengoba senakhile kwaNjabulo-Nkomo Ezweni lemithombo yezibusiso Eningimanzisa ngazo nsukuzonke Ningiphephisa ngamandla kaPhezukonke

Nami-nginibonga ngamandla ka-Phezukonke

Nginyenyezeleni nichachise ngemisa Ninginyenyezel' engingalenza iqhinga

Uma ngicabanga kuze-kume ingqondo.

Ngicabangana nengafezekanga imica-
bango
Imicabango yokwenza okungenzekanga
Imicabango yokwenza okungenziwanga
Imicabango yokuwongoza kwenhliziyo
Imicabango yamazwi afeketha
Imicabango yezenzo ezahlazeka
Imicabango yokwesaba okungesabeki
Yokwesaba imfeketho yokwesaba
Yokwesaba ubungekho bokwesaba
Ngizengijuluke, co, - izithukuthuku,
ngesaba.

Ngizengiqhaqhazele ngisanganiswe
yize-leze
Ngizengingenzilutho ngesaba uk-
wenza-utho
Ngihlale nemicabangwana yami ngi-
thule
Ngiwuhlab' inhlali namazwan' ami,
du
Ngigqoke nezenzwana zami, ngihlale;
Ngiphumule kanjani amehlo engi-
donsa?
Ngiphumule kanjan' izindlebe
zingikhitaza?
Ngigcine sengesaba ukungenzilutho
Ngesaba ukungenzilutho ngoba
ngingenzilutho.

Uma ngihlaselwe yilesisifo
Singidla umzimba wonke
Imizwa yami seyibuswa yiso
Sibuse ingqondo yami yokuvuka
Size-seqeke kweyokulala siyibuse
Imini nobusuku sibuse kubuseke
Sizingigqilaze singibophe - ngqi
Singimunce amandla obuqhawe
Ngibe yisiboshwa - saso ngibos-
hwe kimina;
Nginyeyazeleni,
Ngenzenjani? "

* * * * *

LAPHA NALAPHAYA

EDENDALE.

Siyambonga uSomkanda osithu-
mele izindaba ezihlaba umxhwele
ngomuzi lona wakithi "osadolo
bha". Kodwa phela udaba lwe-
zakhiwo zaseEdendale sengathi
uluthebekisele. Sikhumbula in-
kathi lapho amagquba nezigodi
zalendawo kwabe kwoniwa yizakhiwo
zamavungu. Kodwa namuhla i-
Edendale seyambethe ingubo ensha
ebukekayo yezakhiwo ezinhle.
Noma kuhanjwa ngokutotoba siwa
sivuka kodwa siyakhona. Liyofika
ilanga lapho "Idolophu" leli
lethu liyofana njengo makoti
ehlobele umyeni wakhe. - Abahleli.

Izikole.

Ngolwesine zingama 27 ku-

September indlu eyiholo yakwa
Sobantu yabe igcwele iphuphuma,
lapha emoyeni kundiza amaphimbo
amandini engoma. Phela kwabe
kuncintisana izikole ngengoma.
Kwathi emuva kwokucula kwezikole
eziningi anamaJaji esebavezile
abadle ubhedu, kwaqalwa ukunikel-
wa kwemiklomelo.

Yabe inikelwa nguMhloli Omkhulu
weMfundo yaBantu uMn. S. R. Dent
Kuhlezi eduze kwakhe oyonhloko
yedolobha laseMgungundhlovu onga-
banganaso isikhathi sokuhlala
kuze kuqedwe. Wahumusha kahle
impela uMn. Zama uSupervisor
wezikole. UNkosazana Peckham
uMholi wesigaba semfundo yasekhaya
yabesifazana nguyena owanikeza
izipho zabemithungo.

AmaJaji kwabe kungu Nkk. E.
Mdunge, Mn. A. Butelezi noMn.
B. Ngubane, UNkk. Mdunge ufundisa
esikoleni sesingane sasePlessis-
laer uMn. Ngubane useAdams Col-
lege uMn. Buthelezi useMariannhill.

Onke amakwaya awina anikwa imi-
klomelo yemifanekiso emihle
eyahlukileyo ngamanani ayo.
Nanka amakwaya adla ubhedu:

Isigaba se Secondary.

1. Impolweni.
2. Ashdown.
3. Sobantuville.

Isigaba Standard 7.

1. Sobantuville.
2. Impolweni.
3. Ashdown.

Isigaba Standards 5 no 6.

1. Caluza.
2. Edendale.
3. Albert Falls.

Isigaba Standard 4.

1. Sobantuville.
2. Maria Memorial.
3. Edendale.

Izingane Ezincane.

1. Impolweni.
2. Albert Falls.
3. Russell School.

Ezingomeni zonke ezabe zihla-
tshelelwa elithi "Ubucubu Obuhle"
lahlatshelwa kahle yizigaba
zika Standard 4 okwaphuma kuzona
elakwaSobantuville liholwa nguMn.
W. V. Ngidi.

UMn. Rees Umhloli wokuhlabelela

wahlabelelisa ikwaya yezingane ezingama 60 zezikole ezinkulu ezintathu. Abazali base Edendale babekhandene nabo lapho kwaba kuhle kwadola. Sengathi bangenza njalo kuyo yonke imikhosi eyokwenziwa eholweni labo ngonyaka ozayo.

Ongasekho.

Siyalila sonke ngokumuka kwomuntu owaziwayo lapha umufi Nkosikazi Miya ozala uMn. Miya osesebenze isikhathi eside kwaKhomishani. Siyabenzwela abantwana bakhe sibafisela ukududuzeka. UMKosikazi Miya wabegotho engahlebi ekhuluma obala. NguBuntu lobo.

Abantwana.

UMKosikazi V. Ndwandwe noMn. P. Zulu beChild Welfare Society sebeqalile ukulungiselela umkhosi wonyaka woSuku lwezingane zethu. Sethemba ukuthi nonyaka bazothola oningi imali yokusiza izingane eziyizintandane. Nikelani ngezinhliziyi zonke. Niyobikelwa usuku.

Imizi.

Sivamile ukubika ngemizi emihle ezinge ibonakala lapha. Kuhle. NgeSonto, September 30 uMn. noNkk. A.D.C. Xaba basimangalisa sonke. Umuzi wabo umusha omuhle kab ngena-nje kuwona njengokujwayelekile. Bangena ngemikhuloko, ngokuhlabelela nangedili. Kwabakuhle ngempela ngaleyontambama. Yisibonelo esihle leso. Sethemba ukuthi abasazokwakha imizi emisha bayosimema nathi mlila beyivula. Kukhuthaza nabanye ukuba benze okuhle.

Nasi iseluleko. Masincintisane. Lowo oyolandela ngokwakha indlu kazimisele ukwakha eyedlula ekaNkosikazi Xaba. Ngokwenza njalo lomuzi waseEdendale uyobangumuzi wezakhiwo ezinhle ezinhlophe aphele amavungu lawa. Phambili mfokaXaba.

Isikole Sakusihlwa. Naziizindaba ezimnandi ozivela kuMn. Thusi ophethe isikole saseAshdown uthi amanye amakhilasi asenezindlu ezinogeso. Kuzovulwa masinyane isikole sakusihlwa. Thumela igama lakho kuMn. B.M.J. Thusi noma e-Kilinka yaseEdendale kuMn. E.S. B. Msimang. Yanini kulabababansana. Nalolo ofisa ukufundisa esikoleni leso kalobele uMn. Thusi.

HOWICK WEST

Ngalenyanga sisizwe nguMn. Mpungose wakwakhomishani ngezindaba lezi.

Imidlala.

Ngenyanga kaSeptember amaUnion Jacks abanemidlalo eyingcosana. NgeSonto September 24 adlala neHowick SARMCOL umdlalo omuhle wokungcwekisana. Sesibheke abaseHowick ukuba benze izimfanelo zika Sosesheni wabo. Sekudlula isikhathi manje bengaqalo. Zikhona izindebe ezimbili zokudlalalelwa okufanele zidlalalelwe zingahlobisi-nje. Sezwa amahlebezi okuthi kuzongcwekisana amaShooting Stars ase Sobantu namaUnion Jacks khona emgungundhlovu. Sengathilwemidlalo ingabamihle.

Umphebezo.

Izintombi nezinsizwa bahlezi bebheke izinsuku zemidlalo yetennis lapha. Nginyenyeza ukuthi sesifikile isikhathi abebesilindle. Laphaya elokishilaseHowick umdlalo weTennis sewafa kodwa abanothando nokubekezela bazimisela ukuba ungafinye. Sebeqale idlanzana labadlali elithiwa SUBMARINE TENNIS CLUB. Kusihlwa ngo September 2 kwakukhona umhlangano emzini kaMn. noNkk. Finca elokishi kuzokhona ngalo udaba lolu. Bajoyina abaningi, kwakhethwa nezihlalo khona lapho kukhona umoya omuhle. Ngakho abathanda lomdlalo bazokuthola abakufunayo. Ningambona uMn. Finca emuva lwe sikole ngoba ufundisa khona. Yithuba lelu lokuba yizingcweti kulomdlalo. Kukhokhwa imali encane ngakho joyinani.

Amanzi.

May we remember, also, the message of that day's brief sermon - that, just as this new, fair building had been made possible by the goodwill and the work and contribution of all races, so only could a fair South Africa be built by the co-operation and goodwill of all.

* * *

HUMILIATING AFRICANS

I respond with pleasure to the request of the Editors to give once again a message to the readers of "Ikhwezi". I do so in the hope that it will be read especially by those young Africans who are alert, sensitive to injustice and insult, and understanding in some measure the spirit of the times.

We all know from the experience of our own lives and from the lives of others the dangers of making a child feel inferior. How much greater are the dangers when this process goes on through the lifetime of an adult man and indeed of the whole race to which he belongs. Unless that man is exceptional; the humiliations inflicted on him either crush his spirit and make him permanently accept himself as less than he is, or arouse in him bitterness and aggression and the desire to assert himself at every turn. This is one of the greatest problems of African life. It is ever present. Only the grace of God can prevent a thoughtful and sensitive African from being overwhelmed by it. Sometimes the insults are deliberately inflicted to cause pain and humiliation and to feed the ego of the man who inflicts them, himself very often an inferior specimen of his own race, anxious to reassure himself of his superiority. Often, however, the insults are not inflicted deliberately. They arise from uncritical acceptance of the racial situation as a man finds it, from insensitiveness; ignorance or lack of imagination.

Young Africans often react against this atmosphere and indeed it would be difficult for them not to do so. They see no reason why their people should always be at the bottom of every list in the country of their birth. They are not willing to accept a permanent position of inferiority.

It is to those who have feelings such as this that I would address in goodwill, and even in affection, the few words which follow. I would say to them: "You are right in not wanting yourselves and your people to be perpetually lowered. But are you free from the tendency to lower yourselves? Do you not

yourselves contribute sometimes to that very degradation of the race which you so rightly and warmly condemn when it is inflicted by others?"

Take particularly the question of family life. The illegitimacy rates in our urban and peri-urban areas are simply devastating. We all know, and all fair-minded men make allowances for, certain facts with regard to these rates. A man with any sense of justice would not want to treat as ordinary illegitimacy the results of a union which is irregular but not promiscuous or immoral. We realise that the transition from the old Zulu marriage to the modern Christian marriage is a difficult one. But no one who knows South Africa at the present day can possibly maintain that this is the sole cause of the high illegitimacy rate. It is because a large number of young Africans have lost respect for themselves and their own womenfolk. Let no man presume to fight the battle of the African people, who is a persistent and unrepentant offender in this field. He is a living lie. The application of the principle of the rights of man to Africans is not a principle which can be easily maintained by a man who accepts and even participates in the moral anarchy and breakdown of family life which we find too often in our midst. It is not sufficient to lay all the blame for this on the Government, on the Europeans, on economic factors, or on the social problems attendant upon an age of transition. The individual choice comes in, and the individual who is alert enough to realise the plight of his people should be alert enough to give leadership in this field.

Take another very different example, namely, reading. Few Africans can afford to buy books on a large scale or to have a large library of their own. But is advantage taken of such facilities as are available? There are even teachers who cannot honestly say that they have read any books other than the school textbooks for years. I hope and believe that they are in the minority, but they exist. All who wish to work for the fuller recognition of the African people must try to transform them into a reading people and must

themselves be readers.

Nations are not saved on the cheap, nor are they saved either by appeals to or denunciations of, the governing races. The rebirth of a nation must happen within the ranks of that nation and must be achieved not merely through talk but through action and sacrifice.

EDGAR H. BROOKES.

* * * * *

A MESSAGE OF THANKS

The following kind message has been received from Mr. Kirkwood, friend and contributor to Ikhwezi, friend of the late Dr. Vilakazi, and member of the Department of Bantu Studies in the University of Natal:-

"Thank you very much for your very handsome cheque for the Vilakazi Memorial Fund. The money has been forwarded to Professor Doke and I know he will be delighted to receive it. In his last letter he said that the Fund is swelling steadily.

Please give our warmest thanks to MR. E. S. B. Msimang for his kindness and to all contributors from the Commission staff. I think special thanks must be given to the African subscribers for their wonderful generosity. It is very good to know that your African friends and colleagues agree that the Fund and its purpose are thoroughly worthwhile. Please offer our thanks to Mr. Shuter and to Mrs. Lee."

We are glad that the Fund is increasing steadily, and happy that we could help.

* * * * *

SCOUTING AND GUIDING by AKELA.

Owing to lack of space, we have had to shorten "Akela's" contribution this month, but his interesting items on First Aid will

appear in a later issue of the Magazine. - Editors.)

WEATHER WISDOM.

All Scouts should be able to read the sign of the weather from nature. Here are a few indications to look out for:-

Fine weather :

Marigold blossoms open widely in the morning. Smoke from chimneys rising steadily in a straight line. Larks flying high and singing continuously when in the air. Numerous flies and beetles. Many spiders' webs in the hedgerows. Bees - they never get wet. A red sky at night. Dew or fog in the morning. Red dawn and soft clouds. Bats flying about late at night. A bright, clear moon.

Rain :

Red sky in the morning. Chimney smoke blows downwards. Donkeys braying. Low-flying swallows. Spiders idle in their webs. Cattle assembled in the corner of a field. Cattle or sheep lying lazily around for hours. Pale yellow sunset. The sun setting behind a heavy bank of cloud after fine weather.

* * *

QUIZ.

1. Who was the leader of the British contingent to the Jamboree?
2. Who is General Sir Rob Lockhart?
3. When and where will the World Rover meeting take place?
4. What will take place in Belgium in 1953?
5. Where will the 14th International Conference take place?
6. Who is the Director of the International Bureau?
7. What is the address of the Scout Shop Imperial Headquarters?
8. Who is the international Commissioner for Austria?

Our usual sports-results are not to hand, as we go to press. We are, however, most grateful to Mr. G. Y. Taylor, of the Commission's Head Office staff, for the following article on

BOXING.

Non-European personalities have been in the news recently. Joe Louis, the "Brown Bomber", former heavy weight champion of the World, was knocked out by Rocky Marciano when they clashed in New York on Friday night, the 26th October, 1951. This defeat at the hands of Marciano who cannot be considered to be in the top flight of heavy weights must cause Louis some embarrassment. Louis, who is trying to make a come-back, said after the fight that he did not know what his future plans would be. He promised to make a statement before the end of October but as this article is being written no news has been received about this boxer.

As all agree, the "Brown Bomber" in his day was one of the greatest heavy weights to step into the Ring. This is borne out by the fact that he successfully defended his World title more often than any other champion in history. He is respected by all sport-lovers not only as a great boxer but as a great sportsman. He is noted for his sportsmanship both inside and outside the Ring.

It is interesting to note that the money which Louis earned by his fists was given to found boys' clubs and to help the poor.

Jersey Joe Walcott, the old man of American heavy weight, became the heavy weight champion of the World when he knocked out his very much younger opponent, Ezzard Charles in their recent bout. I had an opportunity of seeing the round-by-round cinema record of this fight. To my mind, Charles was not at the peak of his fitness and was unlucky, I think, to be floored for the count. Jersey Joe was undoubtedly beginning to feel the strain and I am sure that had the fight gone on for another round or two Charles

would have retained his crown. I must, however, not detract from Walcott's win because there could be no doubt that he was punching very much harder than Charles when the fight ended.

Randolph Turpin and Sugar Ray Robinson had their return fight in New York recently. Readers will recall that Turpin beat Robinson on points when they fought in London earlier in the year. Turpin, by virtue of his win, became World welter weight champion. I listened to this fight on the radio and I must confess that I was thrilled when the British boxer won; for the title, prior to Turpin's win, had not been won by anyone other than an American for nearly forty years.

However, Sugar Ray regained his title when he stopped Randy Turpin in the 7th round. This fight was stopped by the referee when it became apparent that Turpin, groggy from a flurry of lefts and rights to the head, was becoming nothing more than a punch bag for Robinson. Turpin was leading on points at the time and there was adverse comment from sports writers on both sides of the Atlantic when the referee decided to stop the fight. There were only eight seconds remaining of the round and these writers contend that Turpin would have recovered sufficiently to box on after the rest period. I saw pictures of this fight and, although I have the utmost regard for Turpin's ability and physical condition, I very much doubt whether he would have survived the next round. A man can only absorb a certain amount of punishment. I therefore think that the referee was quite correct in deciding that Turpin had had enough.

I have good news for all boxing fans in the Edendale Area - Mr. Peter Brown, who is the Y.M.C.A. Social and Sports Organiser, has in mind the formation of a boxing club in Edendale. Nothing definite has, as yet, been decided on but I can assure readers that Mr. Brown will endeavour to bring his Boxing Club into being as soon as possible.

G.Y.T.

The following kindly little note accompanied the Notice which Mr. Mtinkulu has asked us to insert:-

P.O. Esikoleni,
19.10.51.

The Editor,
IKHWEZI.

Pardon,

Would you please find space in our friend the Ikhwezi and squeeze this "Mbiko" in for me, this month? I am sorry to trouble you. Please do it for me and oblige.

Yours truly,
GEO. MTINKULU.

N O T I C E

The Editor,
IKHWEZI.

Due to the life I have been living not being quite satisfactory to me, my soul was troubled. I felt small, while in reality I was an adult - advanced in years.

My children deserted me and I was left by myself. After my home had broken up and I was alone I looked round for a helper whom I found.

Some know of the things that occurred to me - I shall not give details here.

I wish to tell all who know me and my colleagues that I found a helper, and I am now married. It is now time that when I pass away, what I leave behind may not trouble those who survive.

I married Dinah Nompozolo, daughter of Masango, at Gcuwa (Butterworth).

Yours,
GEO. MTINKULU.

JOIN THE
EDENDALE BENEVOLENT SOCIETY
for
POOR AFRICANS AND NEEDY SCHOOL
CHILDREN.

NAME :

ADDRESS :

.....

DONATION : £ : : .

ANNUAL SUBSCRIPTION : 1/-d.

Send coupon to:-

Mr. E. S. B. Msimang,
Secretary,
Edendale & District Benevolent
Society,
B. 6, Ashdown,
P. O. PLESSISLAER.


* * * * *

Answers to Quiz.

1. Ken Angus.
2. He is the new Deputy Chief Scout.
3. 1953 in Switzerland.
4. Regional Jamborette for handicapped Scouts.
5. Lichtenstein.
6. Colonel Wilson.
7. 25 Buckingham Palace Road, London, S.W.1.
8. Adolf Klarer.

IMPORTANT NOTICE.

On Saturday, DECEMBER 8th, the Y. M. C. A. is planning to hold a CHILDREN'S SPORTS DAY on the George-town Market Square Sports Fields. The programme will consist of Football and Basketball matches between teams from various schools in the Area. Everyone will be most welcome so come along and bring your families and friends.



Lilungiswe lakhishwa Isigodhlo se
Local Health Commission, Natal,
195, Longmarket Street, PIETER-
MARITZBURG.

INCWADI KUBAFUNDI BETHU

Kakungabazeki ukuthi iningi labafundi beIkhwezi ukuthi sesivuliwe isikole sokufundela ubudokotela eWentworth esingesezizwe ezingemhlophe esiphansi kwe-phiko lweUniversity of Natal.

Kungase futhi kwenzeke ukuba abafundi bethu bezwa amahlebezi angesilona iqiniso ukuthi abazofundiswa esikoleni lesi bayo phakelwa imfundo ingaphansi kweyabamhlophe nokuthi iziqu eziyawunikezwa awodokotela abafundele lapho zingeke zilingane nezabamhlophe.

Kufanele ukuba kungabikho ukungaqondisisi kahle amaqiniso alendaba, ngakho Ikhwezi liyagudluka namuhla esihlalweni soku-loba ezoMhleli ukuba likwazi ukwenekela abafundi balo iqiniso lalendaba. Siveza lapha ngomuso wabeRace Relations News amazwi lawa akhulunywa nguDr. E. G. Malherbe, ophethe iUniversity of Natal aphuma kwelomhla kaOctober:-

"Kusanda kuzwakala umoya othi imfundo yobudokotela okuzo fundiswa ngayo abangemhlophe kulesikole izobamfushane futhi ingafani naleyo okufundiswa ngayo abelungu ezikoleni zase-South Africa. Konke lokhu kakusilona iqiniso. Imfundo eyotholwa ngabafundela ubudokotela eNatal iyothatha iminyaka eyisikhombisa esikhundleni seminyaka eyisithupha kwezinye izikole zawodokotela nesikhathi

amabhasari akwaHulumeni atholaka ngaso ayosebenza iminyaka eyeqile kweyisikhombisa.

Mhla siqalayo ekuqaleni kuka 1951 sakhetha abadlula abanye abangama 35 kwabebefuna ukufundiswa ubudokotela abangama 170 ukuba baqale izifundo zokuqala.

Izifundo zokuqala zihamba iminyaka emibili esikhundleni sonyaka kwezinye izikole zobudokotela ukuba kufundelwe ukwazi kwe-chemistry, physics, zoology, botany. Izizathu zalezizifundo zintathu:

(a) Abafundela ubudokotela abangesibo abelungu beza ezikoleni ezinkulu bengalungile kahle mayelana nezifundo ezinje ngoba bengawatholi kahle amathuba afana nawabelungu ezikoleni zabo. Okwenza abaningi abangesibo abelungu bahluleke ukuqeda ngonyaka wokuqala baze baziphinde izifundo. Ngakhoke tina ukuze singabahlulekisi ekupheleni kwonyaka owodwa siyazinweba izifundo ukuba zithathe iminyaka emibili ukuze bakwazi ukumumatha ukwazi okuyisiseko semfundo yokwazi.

Sekwabonakala ukuthi uma abafundayo bengakutholi kahle ukufundiswa i ifundo lezi zokuqala bavamise ukwahluleka kwezilandelayo zobudokotela.

Iningi labafundela ubudokotela namuhla baqeda imfundo yeziqubobuB.Sc. bengakangeni shiqe ezifundweni zobudokotela ngempela. Yinhle ngempela lenqubo sibuleleka abafundayo ukuba bafunde

izifundo eziningi zokwazi bengakangenani ezifundweni zobudokotela.

(b) Ngaphezu kwezifundo eziyisisekelo ezine sifuna abafundi baqede izifundo zonyaka wokuqala ezimbili zika B.A., ezifana nezilimi isiNgisi noma isiBhunu, sociology, social anthropology, noma psychology. Sekwabonakala ukuthi ukwethwasazifundweni lezi kuqala kuyinto efanele ezifundweni zobudokotela ikakhulu uma eyosibenza lapho ukwazi kunjalo kungabanosizo kuyena.

(c) Izifundo zeminyaka emibili ungakabungeneli ubudokotela ziyintende enhle kunonyaka owodwa ekukhetheni abazofundela ubudokotela esibani ka imali yokubasiza engama £200 ngonyaka ngeminyaka elandelayo. Amabhasari kaHulumeni ngeminyaka lena emibili ayi £150 ngonyaka.

IZIFUNDO ZOBUDOKOTELA ZOYEFANA NEZABELUNGU KUSUKELA PHANSI ZIYOFANA NEZILOKOTHO EZIBEKWE PHANSI NGABE SOUTH AFRICAN MEDICAL COUNCIL YEZIGU ZOBUDOKOTELA.

Uma esezitholile izigu zeM.B., Ch.B., ofundayo kusweleke abuye ahlale omunye unyaka esibhedlela engakaqali ngokwakhe ukwelapha. Ithe ku nezizwe eziningi ezingemhlophe limnontho wezifundo okungasizakalwa ngazo. Abafundayo bangafundiswa ukwelapha izifo eziphethe abamnyama nokwazi kwakuzivikela okuyinto emqoka ekufundeleni ubudokotela.

Kwakhiwa isikole sokufundela ubudokotela sencikene nesiBhedlela sakwaKhangela eThekwini sibiza ngaphezulu kwezi £200,000."

Sicela abafundi bethu uma sebewezwa amahemuhemu aqondene nalemfundo basakaze ukwazi lokhu asebekuzwile ngoDr. Malherbe.

Aberu bempela,

ABAHLELI.

* * *

UBUWAZI-NJE?

UKUTHI indaba ebkulu yalenyanga ilotshelwe nguSigele Dr. E. H. Brookes eyilobela Ikhwezi, enimazi eyisiGele sikaZulu?

Kakuswelekile nokuba simazise kinina uSigele Brookes. Waziwa kabanzi yithina ngesibindi sakhe sobukholwa nokuzinikela ekuzameleni inhlalakahle phakathi kwelizwe ezahlukeneyo kulelizwe. Unesiphiwo sokwazi ukuthi omunye umuntu ucabangani, beseke eku-bona kufanele ukubaasizise omunye kwomunye.

* * *

UKUTHI kwabonakala bengebaningi abantu abebelinde ukuhlolwa yimotho kagesi ehlola izifuba eyabe imile laphaya eMakethe e-Mgungundhlovu ngomhla kaOctober 26.

Nathi kasibanga khona isikhathi eside kodwa sabona abangu 10 noma 12 abangesibo abelungu behlabhe udwendwe ukuba bahlolwe izifuba, sabona nomhlobo wethu uAkela nabelungu abayisithupha abahlanu kubona yizisebenzi zakwaKhomishani.

Siyazi ukuthi baningi abangalitholanga ithuba lokuphuma emisebenzini bayohlolwa noma kuthatha isikhathi esincane ngempela ukuhlolwa - kodwa bakhona abanengi bangazihluphi-nje ngethuba elihle kangaka.

Kepha sizwa ukuthi kubantu abayikhulu oyedwa unesifo seT.B. IT.B. ibulala izi 20,000 zabantu yonke iminyaka kanti indlela yinye kuphela ukuba ukufa kubonwe kusasuka phansi. Yikho-nje kuhlolwa abantu abanengi kanyakanye nagalemotho ngoba kubonwa ukufa kusaqala umuntu engakaguli nakancane.

Uma nawe ungakahlolwa kulemotho - mhla wayibona ungalilahli ithuba lelo.

* * *

UKUTHI singaba ngabantu abangathokoziswa yilutho singaqhubeli phambili nangemigondo uma singakwazi ukusola izinto, kodwa kufanele ukusola kwethu kubeyiqiniso.

Kusanda kuvela incwadi kulo Ilanga LaseNatal ithi baningi abalobeli ababuzayo ukuthi i-Khomishani yaisuselani iKilini eEdendale yasondela eAshdown, befuno nokwazi ukuthi kungani i-Khomishani iqoqele ndawonye zonke izakhiwo endaweni eyodwa kude nabantu ezifana nezinkundla zemidlalo, beKilinka, neHolo. Babona ukuthi iAshdown lena yiyona ethandwa kakhulu ngoKhomishani. Engazinakile ezinye izindawo.

Bangaphendula bathini kulembuzo labobalobeli belanga?

- (1) Mhla iKhomishani ifika eEdendale yalinga ukuthenga umhlaba ukuba isebenze ekuqondile kulendawo yonke na?
- (2) Yalinga ukubonana nabanini-zindawo baseEdendale ngale-njongo?
- (3) Kabenqabanga ngalo-nje na?
- (4) Kakwaphetha ngokuba kubangelungu abavuma ukuyithengisela indawo iKhomishani?
- (5) Kakusizona lezi izindawo zabelungu iKhomishani eyavuma ukuzithenga zalwo Jackson, Ashdown, Giles nakwo Fraser?
- (6) Yicala leKhomishani uma izindawo zawo Jackson nezawo Giles zencikene neAshdown?
- (7) Kakusilona iqiniso ukuthi i-Georgetown Kilinika yabe isebenza endaweni eqashiwe kungeke kwenzeke ukuba kwakhiwe lapho indlu enkulu eyiKilini ngen-galena enhle eniyibona kwa Jackson?

Sicela abalobeli abaningi balinge ukuba babheke izinto ngeso lokubonelela uma besola iKhomishani emaphepheni.

EZIMVUSHANCE ZEIKHWEZI

SEKUSIKHANELA ukuthi lengane yethu iyathunywa kakhulu manje ukuba yethwale imikhonzo nemiyalezo yezihlobo. UNkosikazi Doreen Sikiti usanda kuloba kulona leli ebingelela ebonga izihlobo, noNurse Rachel Cebekulu ubonge kulona izihlobo zakhe ezamzwela eshonelwe nguyise namuhla ingane inezwi lika Mn. Geo. Mtinkulu.

Liyakubonga lokho Ikhwezi

ngoba lona uqobo liqonde ukuba lihlwanyele umoya wokuzwana nobuhle ukuba izihlobo zibingelelane ngalo yinto engubuhlobo obuhle libuthandayo ukubukhuthaza.

Umlobeli wezinye zezindawo zethu esimbiza ngokuthi ngu "X" wadabuka ukungaziboni ezaseWaschbank nase Clermont ngedlule. Uloba uthi kwenziwani eWaschbank naseClermont? Ngadabuka ukuba zingabikho ezalapho. Uph' u-Thath' ufak' esakeni. Vukamani thina lapha eX siyazithanda ezakho. EClermont kwathula-nje? Siyafuna ukuzwa ukuthi bona bathini.

Abahleli bayajabula ukuzwa ukuthi kwathi sebeqala ukuloba lezi kwafika ucingo lukathele-foni luvela kuThat' ufak' esakeni eWaschbank nakuMn. Seitisho e-Clermont besethembisa izindaba namuhla. Manje Ikhwezi selibheke ezivela ezindaweni ezinye ezimbili ze Khomishani. Noma linezihlobo kude emaTransvaal nase Koloni nase Rhodesia nase Swazini nase Harden Heights kodwa kalikhohlwa wukuthi okumqoka kulona yikuba lisazise ngesase Clermont, Howick West nase Waschbank nase Edendale manje sekuvela ithuba lokuba kungene ezase Albert Falls nase Ockert's Kraal.

Siyazibingelela izindawo lezi sibacela ukuyamukela ingane bayiphathe. Bahlanganyele nathi ekusakazeni omoya wokuzwana nobuhle basithumele izindaba zendawo zabo zonke izinyanga ukuze bande ubuhlobo.

UKULULAZA AMAAFRICA

Ngisabela ngokuthokoza esicelweni sabaHleli sokuba kengilobe futhi kulo Ikhwezi. Ngivuma nginethemba lokuthi kuzofundwa ikakhulu ngabasha babantu abaphapheme abangafuni ukululazwa nokweyiswa abazibonayo izikhathi zanamuhla.

Siyakwazi sonke ukuthi kuyingozi enkulu ukwenza ingane ingazethembi. Kuyinto enkulu kakhulu uma lomoya sewenabela kubantu abadala nakusona isizwe. Uma lowomuntu engaqinile lokho kumenza naye uqobo aphethe ngokuzilulaza nokuzidela kwenye inkathi kumenze zithande njalo ukuziveza ngenkani. Yinto enkulu

eyinkinga lena empilweni yama-Africa. Ihlala ikhona njalo. Ngumusa kaNkulunkulu ongenza ukuba umuntu ongamenzi kabi lomoya. Ngenye inkathi wedelelwa ngesibomu ukuze ezwe ubuhlungu alulazeke nokuba lowo omeyisayo ajabule ngesenzo sakhe. Sokuzenza mkhulu. Kwenye inkathi indelelo leyo kayenziwa ngesibomu. Ibangwayisimo sezinto esasajwayeleka kwabaningi abangasazihluphi ngaso.

Abantu abasha bavamise ukukudinwa lokho kufanele ukuba bakudinwe. Kababoni okubangela ukuba abantu bakubo bahlale njalo beyiswa ngezinye izizwe ezweni labo lomdabu. Kabafuni ukuhlala kulesosimo.

Ngiloba kulabo abezwela kanjalo ngiloba ngomoya wokuzwana nobuhle. Ngithi kubona : Nenza kahle uma ningafuni ukunyathelwa phansi nesizwe sakini kodwa nina uqobo kaninalo yini icala lokuzehlisa nina uqobo? Kakusinina ngenye ikathi enibangela ukudelwa kwesizwe sakini eningakufuni uma kwenziwa ngabanye kinina?

Akenibheke impilo yasemakhaya. Izingane zezihlala emadolobheni ziyesabeka. Siyazi ukuthi abantu abacabangayo bayakubona okunye ukubangela lokho. Umuntu ocabangayo angeke athi inzalo yabantu abahlezi ndawonye kahle noma bengathathene lokho akusole kakhulu kangakho. Siyazi ukuthi ukuguquka kwesimo sempilo yakwaZulu yokwendiselana kuza kweyesilungu yomshado ilukhuni. Kodwa owaziyo lelizwe namuhla angeke athi lokho yikhona kuphela okubangela izingane zezihlahla. Kwenziwa ngoba abanengi abasha babantu kabasasihloniphi isifazana sabo nabo uqobo. Kangayilwi impi yokukhulula abantu bakubo umuntu naye onecala lalokho. Ngoba uphila impilo yamanga. Ofunela abantu bakubo impilo enhle kakufanele kube nguyena futhi ophila impilo engagculisi kuloluhlangothi lwo-kuziphatha olubangela ukuchitheka kwemizi. Kakufanele icala lonke libekwe kuHulumeni nakubelungu noma enhlalweni elukhuni nasempilweni yesimanje. Kuthinta iziqu zethu ngabanye lowo obona ukuhlupheka kwabantu bakubo kufanele abahole kuloluhlangothi.

Nansi enye into ukufunda. Bayingcosane abamnyama abathenga izincwadi eziningi ukuba bazifunde emakhaya ngoba kulukhuni.

Kodwa bayawathatha amathuba okufunda akhona? Kukhona imbala ngisho othisha abangazifundo izincwadi ngaphandle kwezesikole abafundisa ngazo. Ngethemba ukuthi bayingcosane othisha abanjalo kodwa bakhona. Bonke abafuna ukusebenzela okuthuthukisa abantu bakubo kufanele babenze bafunde kakhulu izincwadi.

Izizwe kazisindiswa kalula futhi kazisindiswa wukukhala nokusola labo ababusayo. Ukuzalwa ngokusha kwesizwe kufanele kuphume ngaphakathi kusona kungabi ngokwemilomo kodwa kube ngokwezenzo, nokuzinikela.

EDGAR H. BROOKES.

* * * *

LAPHA NALAPHAYA

Ubuyile umhlobo wethu UThat' ufak' esakeni nezindaba ezihlwa-busile. Sethemba ukuthi ukungqubuzanakwakhe neWaschbank Roses kwabangozimakhaza njengoba nizobona ezindabeni zebhola kwelidlule lika September ekulanda lapha.

Ngomhla kaSeptember 2 kwavulwa indlu ensha yesonto eNkunzi yama-Weseli. Kwabe kukhona namanye amahlelo amaZiyoni A.M.E. namanye ukuzizimazisa umsebenzi wokuyulwa kwokuphela kwendlu yesonto kulendawo.

Umfundisi Nomvete waseWeseli wabonga uMn. Gomezulu kakhulu ngemisebenzi yakhe esizwa bangabantwana bakhe bethwala amanzi kude bewaletha esakhiweni benza udaka lwezitini wathenga nezingodo zokwakha indlu yesonto.

Nabanye abaholi bamanye amahlelo bakhuluma kanjalo nabo. Khwakhule kwadela ukubona awo-manyano bamahlelo ngamahlelo bevathe ezabo.

Amadodana kaMn. Mgomezulu ehla eGoli ezobona lokuvulwa kwendlu eyakhiwe nguyise eyakhela isizwe.

Kwacelwa umnikelo banikela ngesihle bonke. UMn. T. P. Mgadi umshayeli wabanguMbhalo Ekhona uMn. Bax Mtinkulu. Mngomezulu amabandla ngamabandla

ayabonga kakhulu umsebenzi wakho.
Ungadinwa nangomuso.

*

Ekupheleni kukaAugust kwavela
okubuhlungu kakhulu kwesifo
sikamfowabo kaFrank Maharaj.

*

Kwathaleka amaBantu Glee
Singers lapha ngomhla kaOctober
22 evela eGoli. Bajabula abantu
bezwa uMn. Nimrod Makanya ehla-
belela uHiki nomama evathe ezobu-
fundisi. Bahlabelela kahle im-
pela. Kukhona noMholi wakwa-
Khomishani uMn. L. J. Botha owa-
khuluma amazwi amahle ekhomba
ubuhle bokuzwana phakathi kwezi-
zwe zonke. Siyabonga Mnumzana.
Kwakumusha ngesiZulu esikahle uMn.
T. P. Mngadi. Kukhona nalaba
Nkk. Bertha Dlamini, Bertha
Nyauza, Xala, Makhosazana Linah
Mtembu, Sheila Dlamini, Evies
Dlamini, Andrina Sangweni, Nesta
Nxumalo, Maria Shabalala, Nel
Shabalala, abanumzana Tom Dhla-
mini, Isaiah Luvuno, Fred Ntuli,
Vincent Vere, Sonnyboy Hayward,
Willie Laduma Khoza, P. J. Mathun-
jwa, Eric Ntuli, Cassim Sahib,
Eba Sahib, Shorda Ameen, Mashawe
Mbele noBax.

* * *

UNKOSAZANA Sheila Dlamini wase-
Ruigtefontein usesebenza eFectri
yoswidi eDundee. Siyambongela.

* * *

Sibongela uMn. noNkk. P. J.
Mathunjwa ngokuphiwa indodana
ngenyanga edlulile.

* * *

Ukhetho lwamalungu eBhodi ngo-
kuphuma kukaMn. P. H. Gcabashe
nokushona kukaMnumzana J. Hlatsh-
wayo nokukaMfundisi W. Zondi
kwaba ngomhla kaAugust 25.
Ukhetho lwahamba kahle. Kwa-
hethwa Mn. M. S. Mall, usihlalo,
F. S. Maharaj iphini lakhe, Eric
Ntuli uMbali H. S. Mall iphini
lakhe, E. E. Ameen, P. J. Mathun-
jwa, Derrick Dhladhla, J. J. J.
Madelo, Joseph Marhwa, S. S.
Nyandeni.

* * *

Kuze kwathunyelwa izindaba lezi

zingakafiki ezebhola nezokuma
kweLog phezu kwemizamo yokuzith-
ola kwabe Waschbank & District
African Football Association.
Okusho ukuthi abantu kabazukwazi
okuyikhona manje. Miningi imi-
dlalo yeSecond neThird Round enga-
dlalwanga sekujoyine enye iclub
amaPlattberg Rangers kwafuneka
idlale nawo onke amaclub. Sekuya
khona ekupheleni.

Umhla kaSeptember 1 wabe
uyoba ngusuku oluhle kumantom-
bazana uma izulu kalihluphanga
lavimbela abazodlala. Abafika
badlala kahle. AbaseMaria
Raschitz, Dundee, Waschbank.
Kangitholanga ukuthi wabanjani
umbhanshi ukujiya kulemidlala.

* * *

Umdlalo wamaBurnside Roses nama-
Northern Stars wabamuhle kakhulu
ngempela kulenyanga. Kuthiwa
ungase uphindwe lomdhlo. Waphela
kanje: Roses 3, Northern Stars 1.

* * *

Ayanda amaClub phansi kweW. &
D. A. F. A. kakusekude lo Sose-
sheni afane nabanye abakhulu e-
Natal. Kodwa kabanayo iConsti-
tution okudabukisayo. Manje
amaRangers aseElands laagte ase-
joyine kuloSosesheni azodlalela
kuphela amasecond nethird rounds.
Njengoba sekungene leclub ensha
iRound yesithathu izothatha amehlo.
Ama Waschbank Roses, Winter Roses,
Rangers, Northern Lights, nama-
Young Tigers namanye aseqhabela
phambili ekudlaleni kwawo. Ama-
Hungry Lions aqhathwa namaRangers
azidlela umsobo amaRangers ngama
goli ayil4 amaHungry Lions lutho.
Ubuyile uHeleisilomo esidribula
kubemnandi. Namuhla uSosesheni
unamaclub ayisikhombisa kuFirst
Division kodwa kayinaconstitution.
Sengathi abaphethe bangakwe
lapha lokhu kungaze kudale isifo
ebholeni.

OKULANDELAYO. Sengizwa kuthiwa
seyikhona iConstitution yanikezwa
amaClub onke sibheke amanye
amaclub ajoyine ngonyaka ozayo,
Tholeni, Maria Ratchitz noHlati-
kulu. Kufanele aqale manje u-
Nobhala ukuba alungeselele ukuba
yenabele kwezinye izigodi le Sose-
sheni esiqiqhenya ngayo. Ikhule
size sibize inselele ngePick
yethu sidlalele iChampionship

Shield kaDhlomo eThekwini.

* * *

Siyajabula ukubona uMiss Royal Linda Mabaso ofundela ubuNurse kwaKhangela ulapha ekhaya. Wathatha iLivu umuva kwokuhlolwa kwakhe. Simfisela okuhle.

* * *

UMn. Tom Dlamini ucele ukuba simazisele kulabo abasha naba ncane abafisa ukuya kuPicnic eliyokuya epulazini lika Mn. H. E. Gray ngoNyuyenzi babonane naye ukuba abafunele izimoto. Ningambona uMn. Dlamini emahovisi kwaKhomishani phakathi kuka 8.30 ekuseni no4.30 ntambama ngezinsuku ekhaya eRuigtefontein ngamasonto. Nanto ithuba kwabasha ngezinhliziyi ezinsha. Sihambi sane nezikhathi. Ayotholakala amathikithi ekupheleni kukaNovember. Kobakhona nababethi bemishingo nemidlalo. Nampa eniyothola kubona amathikithi Tom Dlamini, Isaiah Luvuno, Sheila Dlamini, baseRuigtefontein no Ida Gumbi, Granby Estates, Girlie Xala, Tholeni, Baz Mtinkulu, Waschbank.

* * *

Imidlalo yebhola yangomhla ka-October 28 yaphela kanje:

Young Tigers	3	Plattberg	
		Rangers	3
Waschbank		Burnside	
Roses	-	Roses	w.o.
North Stars	1	Plattberg R.	4
Hungry Lions	1	North. Stars	3

Mhlawumbe yimidlalo yokugcina lena kasecond nothird Round sesibheke eyokugcina kuma Plattberg Rangers namaBurnside Rovers noma namaBurnside Rovers namaWaschbank Roses.

* * *

Kubonakala sengathi iTennis yiwona mdlalo onganakiwe lapha. Kwake kwakhona icluba lapha kwathi ngokuhamba kwababeyakhile kwafa konke. Kwalingwa ukuyivusa ngo 1950 bangena abasha bakhipha imali kwakhethwa izihlalo kwatholwa kwokwenza inkundla yomdlalo kodwa kuze kubemanje kusathule. Sengathi uMbali angabiza umhlangano sizwe okuyikhona.

* * *

Northern Natal African Schools Basketball Union.

Imidlalo yabe iseDundee ngo October 22 kudlalelwa indebe kanathoo V. Morar ayinikeza ngo 1951.

Iminyaka eminingi lendebe ithathwa yiSt. Lewis Bertrand ngomunye unyaka yathathwa yiDundee Government Secohdary School ngomunye yaya eMaria Ratchitz yabuyela futhi kuSt. Lewis Bertrand kwaza kwaba ngu September 21, 1951.

Imincele yemidlalo: Enyakatho neCharlestown, Paulpietersburg kuya kwaZulu. Ems. onalanga noKhahlamba naseBergville. Eningizimu Estcourt neWeenen. Empumalanga olwandle.

Izikole ezabe zidlala kulomdlalonazi:Dundee Government School, Inkamana, Charlestown.St. Lewis Bertrand, Newcastle, Rutland, Ladysmith, Hlobane, Vryheid, Maria Ratchitz, Glencoe, Utrecht, Gordon Memorial, Inyanyadu, Waschbank.

Kwaphumelela iWaschbank yathatha indebe.

* * *

Mhla kuhlangele amaWaschbank: Roses namaHungry Lions ngo September 30 kwashisa phansi kwabanda esitezi ngoba amaHungry Lions ayefuna ukungoba aziphindezele kumaRoses. Umdlalo washisa usuka phansi kwaza kwafika lapho kwangqubuzana khona uSweet Sugar wamaRoses kanye noGoli uThath' ufak' esakeni wamaLions. Wathi ugxumela ibhola uThath' ufak' esakeni kanti naye uSweet Sugar useligxumela ethi ulushaya ngekhandha. Bashayana, bafumbeka phansi baphuthunywa ngudokotela khona lapho. Umdlalo emuva kwalokho waqhubeka noma ungasashisi njengakuqala. Adlula amaRoses ngo 2 - 1. Sebesindile abadlali laba bobabili, sebeyadlala futhi. Siyabonga Dokotela.

* * *

Kwabe kumnyama inkundla yebhola mhla kaOctober 7 no 21 kuzodlala amaPlattberg Rangers namaBurnside Roses. Omabili ama-

club anamandla futhi acishe alingane ngamaphoyinti. Kwathula umoya uma selisuka. Emdlalweni wokuqala amaPlattberg ahlulwa ngo 3 - 1 kwathi mhla zibuyelana futhi ahlulwa amaRoses ngo 2 - 1. Imihle yomibili imidlalo. Emdlalweni elukhuni efana malena kuvamile kuvele ukuphikisa nokulwa nezinqumo zikaNompempe kubantu. Ungabona umdlalo ephikisana noNompempe ungazi ukuthi sekwenzeneni. Kuzofika isikhathi emidlalweni yethu lapho uNompempe eyoqala umdlalo abesephumela ngaphandle. Abuye ngoba sekuyi-Half-time. Bathi bangaqala futhi aphume bazidlalelele bodwa kuze kuphele umdlalo. Angene ngoba eseyowuvala. Kakho umuntu onobuchopho ozozifaka engozini yokudlalisa imidlalo engase imlimate afe nokufa. Namuhla ngisho oNompempe impela abayaziyo imidlalo sebemadolo-nzima ngoba bayashaywa, bakhahlelwe bafune nokugwazwa ngabadlali ngisho nayizibukeli imbala. Bakithi kanti siseyizilwane yini?

HOWICK WEST

Siyambonga uMfundisi John Dunn ngalendaba ehlwabusile yokugcotshwa kwoMbishophu omusha waseNatal.

"Olwesine October 18 kwabe kulusuku lwamanqamu eSt. Paul's eThekwini kugcotshwa uVenerable Archdeacon Thomas George Vernon Inman ukuba nguMbhisopphu wesithupha eNatal.

Inkonzo yandulelwa ngodwendwe oluyizigaba ezintathu ngasinye siholwa ngabeziPhambano. Olokuqala kungelekwaya naba fundisi namaCanons neChapter noDean noMshumayeli Canon Heywood-Harris eza ekugcineni. Olwesibili kungelikaSomqulu, Umbhisopphu ozomiswa elandelwa nguMshumayeli wakhe nabaBhishophu abasizayo ababishophu Stainton, Ferguson-Davie, uMbishophu wakwaZulu noMbishophu waseBasutoland bonke behamba naChaplains abo. Kuze udwendwe lwesithathu lweBishop-Epistoller uMbishophu waseGrahamstown neChaplain yakhe neBishop-Gospeller uMbhisopphu waseS. Rhodesia neChaplain yakhe namaServers nePrimatial Cross Bearer neArchbishop namachaplains akhe amabili ekugcineni.

Kwangenana inkonzo yesiThebe yaqhubeka yafinelela kwiNicene Creed. Kwalandela inshumayelo. Base ababishophu wakwaZulu no-waseBasutoland banikeza uMgcotshwa kuArchbishop. Wase Umgcotshwa efunga ukuthobela iArchbishop beBandla lonke elikhulu laseCape Town. Umfundisi A. H. Cross wahlabelela iLitany, wase uMgcotshwa ehlolwa ezifundweni zenkolo. Kwalandela iculo elithi, Zinhle izinyawo zabaletsha iVangeli loku-thula. Kwathi lisahlatshelelwa ababishop abasizayo benza isikokela bazungeza uMgcotshwa owaye guqe phambi kukaArchbishop kwaculwa elithi VENI CREATOR. Wase uArchbishop nabaBishop abasizayo bebeka zabo phezu kwoMgcotshwa waseke owabenguArchdeacon waseThekwini wabanguVERNON NATAL. Wanikwa iBible. Kwaghutshekwa nenkonzo yesiThebe kwaza kwaphela. Sekuphele inkonzo uArchbishop wevathisa uMbhisopphu omusha ngeMitre nangendandatho wasehla uBishop omusha ngezitebhisi eyobusisa i-Bandla. Wase eholwa nguArchbishop ngesandla ephuma naye endlini yesonto.

Kwayiwa ezitebhisini zikaCity Hall kwayothathwa khona izithombe kwabuyelwa futhi esontweni. Kwabe wukuphela njalo lokho kwenu yezinkonzo ezinezizotha ezake zabonwa eThekwini.

Kwaba yingqala lena ngoba zonke izizwe zabe zikhona nazo zakwenza ezabe zimiselwe ukukwenza kwokugoba uMbhisopphu. AmaChaplains amane ayeziza ababishop kwabe kungawendlu emnyama, ngungumlungu, kuyindiya kuyikhaladi.

* * *

Alobe futhi uMn. Dunn athi : IHowick West yomile ngempela kodwa ithemba likhona uma sibona ukusheshiswa kwethumbu lamanzi elisha. Sethemba ukukhohlwa yizinhlopheko zethu mhla lalunga.

* * *

Sekuqalwe uSunday School wabandla onke lapha wezingane zabantu nguNkosazana Msomi ofundisa lapha esizwa nguMa'am Matiwane waseHowick School. Sibafisela impumelelo kulomsebenzi. Sethemba ukuthi kuzovuka kuwona isizwe

esisha. Kufanele abazali bawuse-
kele lomzamo bangayeki izingane
zizule emigagweni zidlala amada-
yisi. uSunday School uqala ngo
2 ntambama onke amasonto.

* * *

Ezinyeke izindaba zaseHowick
West ziphuma kumlobeli wethu uMn.
Mpungose. Uthi :

"Kwasethusa mhla kaOctober 22,
1951, ukuba sibone sekutheleka
lapha omunye wabaphethe Ikhwezi
lapha emahovisi akwa Khomishani.
Ngangicabanga ukuthi uzobheka
ukuthi abalobeli beIkhwezi lapha
benzani, kanti ngikhe phansi.
Wabesosikhuthaza sonke ukuba si-
thumele izindaba zethu Ikhwezi,
sizithumele kusekhona isikhathi
esihle ukuba abaHleli.bakwazi
ukuzihlela kahle. Wabesiphathele
Ikhwezi lenyanga kaOctober. Nga-
thokoza kakhulu naglokho ngoba
ngiyazithanda ezeKhomishani kwe-
zinye izindawo zayo.

* * *

Kuyasidabukisa ukuzwa ukuthi
uNkosikazi kaMn. B. Madikwa oyi-
Health Assistant lapha kayiphilile
kahle, seyize yasuka endaweni
ehlala kuyona. Kwanga uSomandla
angasheshisa ayibuyisele amandla
ayo nempilo.

* * *

Ilokishi labantu laseHowick
lihlezi ngokuthokoza manje ngemi-
dlalo ecishe ibezonke izinsuku
ntambama yetennis, bezilungiselela.
Kwenziwa amalungiselelo okuba
icluba iphumele ngaphandle iyong-
cwekisana nabanye ingabiyinqolo-
nje. Seyivukile futhi iclub ye-
Submarine Tennis Club, kungathi
iyethembisa. Abafuna ukujoyina
mababonane noMn. Finca waseHowick
School.

* * *

Ngesonto October 21 kwabe
kungcwekisana amaHowick West
Union Jacks F. C. namaSARMCOL en-
kundleni yebhola yaseHowick West
kwaphumela uA. noB. wama Union
Jacks.

Wabe umuhle umdlalo anethuba
amaUnion Jacks lokuwina iFive-a-
side edlalelwe ngoNovember 4, 1951.

Sinifisela okuhle futhi.
Ithemba kalibulali noma nahlulwa
ningeke nife. Phela kuyadlalwa-
nje.

* * *

Lapha eHowick West sekwaba
yisisila sethu ukuba kuthi abantu
esihlala nabo ngokusebenza sesiba-
jwayele basuke bahambe futhi.
Sidabukiswa wukuhamba kukaHealth
Inspector Bond obeyisihlobo sethu
sonke. Esifisela okuhle nokuba
sisizakale ngosizo lweKhomishani.
Sikufisela okuhle Mn. Bond. Siya-
dabuka usishiya ngoba kade uyisi-
hlobo sethu. Usikhumbule lapho
uya khona nathi siyo kukhumbula
ngowabe usenzela khona.

(Siyadabuka ngokudabuka kwen-
dawo lena. Sizwa ukuthi uMn.
Bond ugudluzelwa emsebenzini we-
Khomishani olwandle ngesicelo
sakhe. Noma kunjalo singase
sisho sithi naye uyadabuka uku-
hamba eHowick West. - Abahleli.)

IZWI LOKUBONGA

Izwi leli lokubonga livela
kuMn. Kirkwood isihlobo nomlobeli
weIkhwezi isihlobo sikamufi uDr.
Vilakazi ongomunye wabeDepartment
of Bantu Studies kuNatal Univer-
sity:-

"Ngiyabonga kakhulu ngesheke
enelithumele esikhwameni sokukhum-
bula uVilakazi. Imali seyithun-
yelwe ku Professor Doke ngiyazi
uzobonga ukuyamukela. Encwadini
angilobela yona wathi siyakhula
isikhwama.

Sicela usibongele kuMn. E. S.
B. Msimang ngomusa wakhe nakwa-
banye abanikela beKhomishani - ngi-
bonga ikakhulu abanyama abanikela
ngezinhliziyo ezinhle. Kuyinto
enhle ukubona ukuthi izihlobo
zethu zabantu ziyavumelana nesi-
Khwama lesi nezinjongo zaso ezi-
babazekayo. Sibongele futhi ku-
Mn. Shuter nakuNkk. Lee."

Kuyasithokozisa ukuzwa ukuthi
Isikhwama siyakhula nokuthi salithola
ithuba lokusiza.

* * *

ISAZISO ESIBUKHALI

NgoMgqibelo ziu 8 DECEMBER i Y. M. C. A. ilungisela ukuba nosuku lomdlalo wabantwana eMakethe yase Georgetown ebaleni lomdlalo. Kobe kuqazana amaThim azozonke izikole zesigodi kumdlalo we Bhola ne Basketball. Bonke bokwamukelwa. Abazali nezihlobo bayamenywa ukuba beze bonke.

* * *

CLERMONT

Siyabonga kakhulu uMn. I. P. Seitisho weKhomishani lapha nesi- hlobo esingasazi esiyilungu len- hlangano ethiwa Women's Club. Yibona bobabili abasilobele zonke ezaseClermont namuhla. Siyaba- bonga sithi ningadinwa nangomuso.

UMn. Seitisho uloba uthi;

"Kade kukhona imikhasi emini- ngana eClermont ngalwamasonto adlulile. Ngo September 29 kwa- hambela izikole zakwaMzimba zizodlala ibhola neBasketball nabaseCatholic School. Gwag- cwala izibukeli kwathokozisa ukubona abazali abaningi bezoku- kela izingane zabo zizithokozisa. Bengaba abalapha ukwahlulwa en- kundleni yakubo. Kwathi eku- pheleni kwemidlalo yonke iClermont yaphumelela kuyo yomibili. Aba- hambeli babungazwa ngomkhosana wokujabula.

Ngo October 24, 1951, uMn. S. Z. Conco weDurban & District Road Safety Association wayehembele e- Christianenberg Government School ezokhuluma kubantwana ngezingozi zemigwago ezobakhambisa nemifane- kiso yezingazo lezo. Bathokoza kakhulu abantwana.

Abesigejane sabalisa abathiwa 1st Clermont and 2nd Durban Com- panies zeBoys' Brigade babenom- buthano wangeSonto eClermont ngeSonto October 28, 1951. Kukhona nawoVulindlela base Pine- town namaGirl Guides. Umkhosi wabanesithunzi ngokubakhona kuka- Chief A. J. Luthuli noChief Manzo- lwandle wase Umlazi owahlola ama- viyo abalisa laba. Ukuhamba kwabo phakathi kwomuzi okwama- sosha kwaba newozawoza elikhulu beholwa ngabemitshingo beD. B. kusuka lapho luma khona amabhasi

yuka ngoNorth Road kuya esont- weni laseWeseli.

Ngokusizwa ngabe 2nd Durban Company abelst. Clermont Company balungiselela uhide lwamakhon- sathi ngoNovember noDecember ukuthola imali yesikhwama uku- zithengela abakusweleyo. Bacela iminikelo ngezinhla lezi zeIkhwezi ukuba ithunyelwe kuMn. H. S. Mtetwa, Ekuphumleni, P. O. Cler- naville okunguyena uSikhwama we- Komidi elibaphethe.

Ngezihlathi ezidlulile ihalo yesikole saseChristianenberg School kwabe kuyiyona okwenzelwa kuyona imidlalo nemikhozi yoku- bungazana sekubonakele ukuthi yincane indawo lapho ngakho sekugudlukelwe eholweni yase- Weseli enkudlwana. Nayo sen- gathi yincane ngoba ike yagcwala kwesweleka indawo emikhosini emi- bili ekade ikhona. Sengathi sekufike inkathi yokuba kubekhona iHolo yomuzi lapha. Sengathi iso labaKhulu lingakubhela lokho.

Umoya kaKhisimusi sewuyez- wakala lapha. Sebeqalile abasha bebandla lamaWeseli ukulungi- selela iHlahla likaKhisimusi sekumiswe leliKomidi lokubhekana nomsebenzi lowo: Mn. K. S. Man- gele, G. Yeni uSihlalo, L. Msimang, iphini likasihlalo, H. W. Mdhlo- zini, Umculisi, amaKhosazana M. Butelezi, UMphali, D. Mbhense, u- Sikhwama no P. Dhlamini.

Abantu.

Lababantu abaziwayo bake ba- hambela lapha ngoOctober ngezin- daba zikaKhongolosi: Chief A. J. Lutuli, Chief Manzolwandle, Banum. H. Selby Msimang, M. B. Yengwa, H. I. E. Dhlomo, S. Mtolo, O. Mkwanyana noK. E. Masinga.

* * *

UNurse Gallina Nyanda usebu- yeke iFlinakeni emuva kwokuphola inyanga nabazali nakhe lapha.

* * *

Siyajabulu ukuthi uNurse Ida Mbikwana waseKhangela Hospital ezigulini ezifika zibuye sihambe zihlolwa lapha eClermont useya- sebenza futhi lokhu kade enga- philile kahle isikhashana.

* * *

Kuyasijabulisa futhi ulubika ukuthi uMn. F. A. Freeman (Area

Secretary) useya khona ekululameni sesilangazelela ukuba aphile nge-mpela.

* * *

UMBIKO. Kushone ngomhla ka October 11, 1951, uNk. Christina Mahlobo, ufelokazi kamufi Oscra Mahlobo. Sizwelana nabomndeni. Ushiye amadodakazi amathathu. Beatrice, Constance noJudith.

* * *

Ukhona osilobele okuthi uma sibhula ngonyezi sicabange ukuthi kungase. KubenguNk J. N. Yeni? Uthi:

Clermont Women's Club.

Amalungu aleclub afisa ukubonga ngokuqinisekile abesifazana abamhlophe abazinikele ukuba siza nokubeluleka kwokuningi okuphathelele ezindlini nasempilweni yasemakhaya ikakhulu uNk. Rayner oyilungu leWestville Women's Institute obafundisa abecluba ukwenza iPATCH WORK.

Sebenze izinto ezinhle kakhulu amalungu ngokufundiswa lokho. Kwabafundisa ukugazilahli izichibi ngoba ume bewazi umsebenzi wazo bangaenza okuningi ngazo.

IClub yasizakala futhi nangenye indlela yokuthengisana imifino. eMakethe yase Thekwini bafike lapha bayebelane. Lokho kudala ukwonga. UMn. noNk. Mtetwa bakuletha kithi ukudla lokhu ngesihle. Siyababonga kakhulu. Bayadedelana ngokuyothenga ukudla eMaketha abangamalungu aleClub.

Noma uMiss Alexander umququzeleli weClub engenawo amandla okubakhona emihlanganweni yethu ngenza yobude bebanga angalihamba kodwa uMiss Bilsborough othathe indawo yakhe. Naye uMiss Bilsborough noma enesikhundla esikhulu sokuphatha iKilinika wokufika kulona nsuku zonke abantu abangaphezu kwama 50 bezoboshwa amanxeba befuna nemithi nolunye usizo kodwa uyasithola isikhathi ngokuzidela zokuba azokweluleka amalungu eClub. Kungaye uSister Bilsborough ukuba iClub lena iqine ime kahle isebenze kahle.

* * *

EDENDALE

Into eyingqayizivele nasi-bo. Isihlobo sethu uSomkanda ngalenyanga simdedele ukuba angasithumeli lutho.

Abanye bethu abamaziyo ukuthi uzinikele ekuzizeni leliphapha bayokwazi-nje ukuthi kayekile ngalenyanga ukuloba ngoba evilapha nkathimbe ngoba engasanakile. Qha. Okuyisizathu wukuhlalwa ngomsebenzi emhlangane ngangoba wahlulekile impela ukusilobela thina ngalenyanga. Siyambonga impela ngakho konke akwenzela Ikhwezi sethemba ukuthi liyophuma elethu lize kakhisimusi seliquethe nezakhe.

* * *

Uma sikhuluma ngokubonga siyafisa ukumazisa uMn. R. R. R. Dhlomo wellanga laseNatal ukuthi siyakubonga kakhulu umuso wakhe nosizo akunika IKhwezi ngokuhumusha izindaba zalo ngesiZulu zonke izinyanga. Wumsebenzi olukhuni. Yena ungumuntu ongenaso isikhathi. Simbonga ngempela.

* * *

UMn. Peter Brown omunye wabaHleli beIkhwezi okunguyena Mhleli ohambela izindawo seKhomishani usiyekile isikhundla sokusebenzela iKhomishani wathatha esokuba yiSocial Worker eEdendale phansi kwenhlangano ethiwa Y.M.C.A. Noma engasekho emsebenzini weKhomishani kodwa usondelene nayo futhi kanyakazi-nje ekunamatheleni kuleliphapha.

I Y.M.C.A. E EDENDALE

Ekugondile nezinjongo

Mhlawumbe baningi abenu abakhe eEdendale asebeke bezwa kancane ngayo nabangakezwa ngayo iY.M.C.A. abanga ziqondisisi izilokotho zayo.

IY.M.C.A. yaqalwa ngumlisa George Williams oneminyaka engama 22 nesigejane sezihlobo zakhe eLondon ngo 1844. Wayekhathazeka emoyeni ebona wukuhlupheka kwabasha abasebenzayo ngesimo

sempilo yabo babona ukuthi uma bakha isiseko esiqinile sokukholwa abasha labo abangaphila impilo enhle ehlanzekileyo. Kusobala ukuthi baphumelela ngokusheshan-goba kusukela esinyathelweni leso sokuqala esincane seyikhulile lenhlangano namuhla seyinamalungu acishe abe yizigidi ezine emhlabeni wonke.

Njengoba lisho igama layo injongo yayo emqoka wukuphuthuma abasha besilisa. Ikhona neqondene nebesifazana abasha ethiwa Y.W.C.A. lenake iqonde ukuhlenga bonke abasha nabantu-nje bonke ingakhethi abesilisa nabesifazana. Beminyaka yonke yobudala. Izilo kotho zayo nazi:

1. Ukuthuthukisa inhlalo yabantu baseEdendale.
2. Ukusiza imiphefumulo yabo nemiqondo yabo nemizimba yabo,
3. Ukuthuthukisa inhlalo yabo.

Siyazi sonke ukuthi umonakalo okhona namuhla imvama yawo ibangwa kayibangwa-nje yizinhliziyi ezimbi kodwa futhi ibangwa yikuthi abasha kabanawo anathuba abangawasebenzisa ukusithokozisa uma bengenzi lutho.

Kuzobangenye yezinjongo ezimqoka zeY.M.C.A. ukusiza ekubeni kutholakale konke okungajabulisa abasha ngesikhathi sokuphumula. Sihlose ukuqhuba ngelendlela:

- (a) Ukwakha imidlalo yabafana namantombazana eEdendale abahamba izikole. Kuqondwe ukuba kwakhiwe imidlalo yebhola neka-Basketball yabafana namantombazana.
- (b) Kwakhiwe imidlalo yezingane nabanye abangakafundi.
- (c) Kwakhiwe imidlalo yabadala kulendawo.
- (d) Kuqhutshwe amaBoys Clubs kusi-hlwa.
- (e) Kuthasiselwe kumaClubs kusi-hlwa ngemidlalo yamabhasi-kobhu nezingxoxo, nemiqhudlwano nokunye.
- (f) Kumiswe indlu yeClub okuyofundelwa kuyona kulotshwe kudlalwe imidlalo yasendlini emini.

Ngezindlela lezi kwethembeke ukuthi inhlangothi lena ingase ibenamandla ukusiza labo abantula okunyakazisa imizimba nemiqondo

kwabaseEdendale ukuze inhlalo yabo ibengcono. Uma ibabizela kulenhlangano hekwenzayo kwethembeka ukuthi kuyobekwa isiseko lapho impilo yobuntu ingasuka phezu kwaso.

Okudabukisayo yikuthi iY.M.C.A. kayikaqiniseki ukuthi indawo yayo iyoyitholaphi eEdendale kodwa ikhwezi lethemba ukunitshela ngenyanga ezayo. Okwamanje uMn. Peter Brown usekethiwe ukuthwala lomsebenzi phansi kweY.M.C.A. eEdendale. Lenyanga edlulile uyi-sebenzise ngokuhambela abathile abaningi eEdendale nangaphandle. Kodwa noma kunjalo ucabanga ukuthi basekhona abangayithokozela iY.M.C.A. bezwe ezokwenza angakababoni. Usicelileke ukuba si-vezwe izihloko lezi zezinjongo zeY.M.C.A. Angajabula ukuba njengoba engakabinalo ihovisi lakhe eEdendale balinge ukumbona abafisayo ngokumlobela ngalekheli:

o/o Y.M.C.A.,
Longmarket Street,
Pietermaritzburg.

Noma bamise imotho yakhe uma beyibona emigwaqweni. Yimotho enecane eluhlazana yeMorris neNembe ethi CA. 79388. Ibonwa njalonenje eEdendale phakathi neSonto.

* * *

Ukubusiswa kwendlu ensha enhle yeSonto lakwaSt. Martin's eEdendale kwakungoMgqibelo November 3.

Kukuhle konke. UMuzi wonke ubukeka kahle ngaleyonsasa. Nendlu yesonto ibukeka kahle ngobukhulu nokwakhiwa kwayo. Kukuhle nokuhlabela kwakhona nokuhamba kwabo udwendwe abafundisi nekwaya. Kukuhle nokubona ukuzihlanganisa kwezizwe zonke sihlenganiswe wokuzodumisa ngezinhliziyi zabo. Okusemqoka obuhle bokubonga nokudumisa uNkulunkulu ukungaye nokungamandla akhe ukuba libekhona isonto leli.

Sazizwa zinto lezi futhi singeke sizikhohlwe.

this happens, the private consumer will not be at a disadvantage financially and will definitely benefit personally. The opportunity should therefore be taken now of obtaining a private connection, as these will be limited, not because of shortage of water but because piping and fittings used for connections are in short supply. GET YOUR WATER CONNECTION NOW!

Just one reminder on standpipe supplies. It is general practice for the public to wash out their utensils at standpipes before filling them. This is necessary, perhaps, but please when you empty those containers, spread the water, as concentration of discarded washwater at standpipes causes insanitary conditions. Will you remember this in future? Thank you.

S. NEWMARK,
ENGINEER.

DIE GEBRUIK VAN WATER AS 'n PUBLIEKE GERIEF

Goeie suiwer water is net so noodsaaklik vir die welsyn van 'n gemeente as mediese sorg, kos en toepassing van gesondheidsmaatreëls. Derhalwe is die Kommissie se eerste publieke-werke poging om hierdie gerief te besorg.

Net diegene, wie nog nooit tevore die genot gehad het nie van die verkry van goeie water van 'n pypstelsel, kan regtig sy egte waarde op prys stel wanneer dit verkrybaar word. Andere, wie nog nooit vir hulself moes sorg nie, en wie gewend is daaraan deur alledaagse gebruik, neem dit nie baie in ag nie.

In Suid Afrika is water gewoonlik kosbaar; inderdaad mag ek sê dat die spoedige vooruitgang van die land afhanklik is van hierdie gewone bestanddeel. Die yl en wydverspreide bevolking van ons jong land het toegedra daaraan dat poginge om water te behou en ekonomies te gebruik, beperk is.

Waar Hierdie gerief dan verkrybaar is, is dit vir ons van pas om hierdie lewensbyvoegsel van ons welvaart tot beste nut te gebruik. Goedgegronde en

spaarsame watergebruik is 'n publieke weldaad, omrede die gemeente, as 'n geheel, betaal vir die instelling en behoud daarvan. Die persoon wie opsetlik en onverskillig water mors, neem geld uit die sak van die belastingbetalers.

Darenteen is die mening nie dat 'n mens suinig met water moet wees nie, maar hul moet aangemoedig word om gebruik daarvan uit te brei in verband met noodsaaklike huishoudelike doeleindes. Water is die sinnebeeld van reinheid, en reinheid is na aan Godsvrug.

Gebruik water in oorvloed vir drinkdoeleindes, dit word aanbeveel as 'n middel vir die skoonmaak van die inwendige liggaamstelsel, en daar is min beter middels. Gebruik water om die liggaam te was, dit voorkom siekte, en die outstaan van onplesierige geur en gewoontes. Gebruik water vir klerewas; 'n skoon liggaam, beide binne en buite, is van geen nut indien gekleed in vuile kleredrag. Gebruik water om jou kombuisgereedskap en huis skoon te hou.

Natuurlik is dit onmoontlik om al die dinge te doen indien elke druppel water van 'n gemeentekraan gedra moet word, sodat, indien moontlik in die van die Kommissiegebiede waar hierdie diens aangelê kan word, behoort jy jou eie water voorraad op jou eie perseel aan te le.

Die handelwyse is eenvoudig. Die betreklike aansoekvorm waarop volle besonderhede verskyn in verband met waar die aansluiting gemaak moet word, vir welke doeleinde en die mate daarvan, is verkrybaar van die Ingenieursdepartement, wie jou met genoeg hulp sal verleen om dit te voltooi.

Indien die aanleg uitvoerbaar is, rapporteer 'n inspekteur op die aansoek sodra die aansoekvorm voltooi is, en aan die aanvraer word meegedeel wat verder verlang word. Nadat aansluitingsgeld dan betaal is, word die werk op tou gesit. Die aansluitingsgeld verander namate die hoeveelheid water nodig (dit bepaal die grote van pyp) en die doel waarvoor die water gebruik sal word. Water self word aangedraai na betaal van 'n belegging wat genoegsaam is vir twee maande se watervoorraad.

In die algemeen betaal die grondeienaar vir die wateraanlegging, daar hierdie as 'n verbetering beskou word, en die verbruiker - hetsy laasgenoemde eienaar of huurder is - betaal vir die hoeveelheid water wat gebruik word. Ewewel is daar niks om te belet dat die huurder self so 'n aansluiting kan kry, ingeval die eienaar weier om die gerief te voorsien, mits daarvoor betaling gemaak is, maar dit is miskien voordeelsaam om die eienaar se toestemming te kry.

Een vernaamlike punt moet onthou word, nl., dat die Kommissie water aanlê alleenlik tot aan die grens van die perseel, en dat die aanvraer alle pypwerk, krane ens., op die eiendom self moet aanlê. Teenswoordig sou dit verskyn as of die private aanlegging 'n verbruiker tot geldelike verlies bring daar water sonder koste beskikbaar is by openbare staanpype. Dit is maar net so op die oomblik, omrede die Kommissie tot nog toe nie geld vra, of belastings toepas nie, wat ook van toepassing mag word, sodra water regulasies verkondig is. Sodra dit gebeur sal die eieverbruiker nie geldelike skade ly nie en sal hy persoonlik voordeel daaruit trek.

Neem dan nou die geleentheid om jou eie aansluitingspyp te kry daar hul beperk sal wees nie deur tekort van water nie, waar omdat pype en toebehore, gebruik in die ontwerp, swaar in die hande te kry is. Kry jou verbinding nou.

Laat ek jul net aan een punt herinner in verband met staanpyp watervoorraad. Die algemene gebruik van die publiek is om hul gereedskap en bakke uit te was by die kraan voordat dit gevul word. Dis miskien hoog nodig, maar asseblief, spreid die water uit wanneer hul leeggemaak word, want sametrekking van afgedankde waswater naby krane veroorsaak ongesonde toestande. Sal jy dit onthou in die toekoms? DANKIE.

S. NEWMARK,
INGENIEUR.

MR. F. J. MAZIBUKO RETIRES

Saturday, November 3rd, 1951, was a red-letter day to us who attended the farewell party in honour of Mr. Mazibuko who retired from the Chief Native Commissioner's Office staff after many years service. Mr. Mazibuko will spend his well-earned rest at home at Machibise.

Major M. L. C. Liefeldt, the Chief Native Commissioner, presided over this function which was attended by Europeans and Africans of the several Departments of the Native Affairs in the City. There was also a gathering of Mr. Mazibuko's personal friends.

Major Liefelt thanked Mr. Mazibuko for his long and faithful service in the Department. He was almost the oldest member of the C.N.C. Staff, with the exception, perhaps, of the Induna Zuma. During this period Mr. Mazibuko had shown himself to be courteous, faithful, honest and zealous in his work. His wide experience and knowledge had been of great help even in tracing difficult files urgently required.

Major Liefeldt on behalf of the Government thanked Mr. Mazibuko for this faithful service. He said this was just the beginning of a new chapter in his life. He was now going back to his people. He could still serve his people during his retirement by guiding and assisting them in co-operating with the Government in its new legislature affecting Africans. With his experience Mr. Mazibuko would help his people when the policy of the Government took shape in bringing to the Africans more responsibility in handling their own affairs. This representative gathering of Europeans and Africans, said Major Liefeldt, proved the esteem in which Mr. Mazibuko was held by his colleagues. As a token of their appreciation of his respect and loyalty they wished to present him with a wristlet watch on behalf of the European Staff.

Speaking on behalf of the African Staff, Mr. Zuma, the Induna, supported the Chief Native Commissioner in his reference to Mr. Mazibuko's long and faithful service. Mr. Zuma said Mr. Mazibuko had served the Government well

because he had proved that an African could be honest and faithful in his work. Mr. Mazibuko, during his long service, had never been brought before any C.N.C. to answer a complaint against him. He had never been reprimanded for neglecting his duties.

Mr. Zuma advised the Africans to co-operate with the Government all the time for therein lay their hope and wellbeing.

He then presented Mr. Mazibuko, on behalf of his African colleagues with a leather case for carrying office papers, etc. It had the initials of Mr. Mazibuko engraved on its side and inside. This case was provided with a key and straps.

In thanking Major Liefeldt, Mr. Mazibuko said he deeply appreciated the remarks made by the Chief Native Commissioner about him, but he wished to point out that he could not have been able to be what he was claimed to have been had not his European colleagues gone out of their way themselves to co-operate with him at all times. They had all along shown him respect and consideration which had helped him greatly to work in close harmony with them. The Chief Native Commissioner himself, and his predecessors, had always shown him respect and consideration and helped him in doing his work.


In thanking for the gift of the watch, Mr. Mazibuko suggested humorously that perhaps the gift had been inspired by his having missed his buses coming to work some days, and it was intended as a warning to him in the future to beware of missing other buses. This brought hearty laughter from all.

Mr. Mazibuko asked his young colleagues in the Service to help and assist their people when they came to them for their help and advice. He repeated this advice several times because he felt that his people looked upon the educated Africans as their leaders and advisers.

He also advised his people to respect the Government laws at all times as they were made for their own good. He had had personal experience of how difficult it was to legislate

for the people in a way that would be acceptable to all. But he knew how sincere the Government was in trying to help the Africans. He hoped the Africans would also put their shoulder to the wheel of progress and prove themselves worthy of trust and confidence.

After the speeches, refreshments were served among the African guests and the happy gathering closed joyously.




SOUTH AFRICAN
REFEREN
LIBRARY
DATE OF ACCESSION
20 JAN 1952

Xmas

1951

Ikhwezi

New
Year
1952



(Kuyasithokozisa ukuba kesi-gudluke esihlalweni sobuHleli futhi sinikeze ithuba kuCanon uMongameli wamaMishani eAnglican eNatal simcele asiphe izwi lika-Khisimusi.

Siyawubonga umusa wakhe ekuvu-meni ukukwenza lokho nobu hlobo bakhe bonyaka wonke anabo kulona lkhwezi. Ngalonyaka simthum-la izwi eliqondene ngqo naye ngoba ngalenyanga edlulile sibone ukubusiswa kwendlw enhle ensha yesonto yaku St. Martin's, Eden-dale. Simfisela uKhisimusi wentokozo, umumethe okuhle nokwe-njabulo okwabusisa uSuku lolo esi-Godini sakithi. - Abahleli.)

IZWI LIKAKHISIMUSI

Sengathi kuseyisikhathi esi-fushane-nje ngahlala phansi ngaloba izwi likaKhisimusi odlulile eKhwezini. Kantike sekudlule izinyanga ezinyishumi nambili kuningi nosekwenzekile kithina ngabanye noma njengezwe. Sibenezinyanga eziyi 12 zokukhula ndawonye, noku-fundana kakhulu nokuzwana noku-funda ngalokho okubhekwe kithina ebuhlobeni bethu omunye kwomunye nakuyena uSomandla.

Nisakukhumbula engakuloba ngo-Khisimusi odlulile? Ngathi inhliziyo kaKhisimusi yilena, USOMANDLA UYATHANDA USOMANDLA UYAZI USOMANDLA USASIKHATHALELA. UNkulunkulu wabathanda abantu weza ngokwenyama ukuzobasindisa. Waphila impilo yobuntu uyakwazi konke ukuthokoza nokudabuka nomsebenzi nokudlala nezilokotho nezono nezinhlungu zomhlaba. UNkulunkulu usasikhathalela, ekwazi konke uzimisele uyakufuna ukusiza. Uthando lwakho olugondayo ulunikeza kubantu bonke noma bengasiphi isizwe nebala. Amakholwa yilabo abakholwayo nabethembayo nabalingayo ukukhonza uNkulunkulu woThando bembona ngaye uJesu owazalwa ngoKhisimusi.

Kubona inkathi kaKhisimusi ngeyokujabula ibakhumbuze ngenkolo yabo. Kakufanele ime lapho. Uthando luthinta ukuthintana kwethu kwemihla yonke. Uma uthanda abantu sonke isimo sakho ngabo siyaguquka. Ubabone nge-linye iso, ufune nokubaphatha ngenye indlela nawe ufise bakubuke ngelinye iso.

Kwenzeke enye into eyinqaba.

Uma abantu bethandana ngempela behlala ndawonye njalo bavamise ukufana noma sebekhula. Bathande izinto ezifanayo nabantu abafanayo. Bafanane nangezenzo ngenye inkathi bafane nasebusweni.

Kubanjalo ke uma abantu sebeqala ngempela ukwazi nokuthanda uNkulunkulu bayahluka. Bathanda izinto azithanda yo, babuke izinto nabantu ngeso naye azibuka ngalo. Bakhule njalo befana naye ngokusondelana kwabo njalo naye.

Linjaloke izwi likaKhisimusi uma silikholwa lisho inguquko ephelileyo ekusondeleni kwethu noNkulunkulu nabantu esihlezi nabo. Simbona uNkulunkulu engu-Baba wethu osithandayo nosikhathalelayo uthando lwakhe lusibize inselele yokuba siveze okuhle kwethu "ngoba wasithanda". Esiseduze kwabo singababuki nje-ngezisebenzi nanjengabantu besizwe esithile noma njengabantu esingasebenza ngabo esikuthandayo kodwa njengamadodana akanye nathi kuNkulunkulu ababambisene loBaba omangalisayo. Njengaye uNkulunkulu kufanele sifunde ukuthanda ukwazi nokunakekela abanye. Izinkinga zemihlaba zobupolitiki nokunye kufanele sikubuke ngeso elahlukile. Ingako uKhisimusi eyinselele evuselelekayo futhi eyinjabulo.

Siyisabele bathini lenselele ngalonyaka ophelayo? Simphile usuku ngosuku salinga ukuba asiguqule ebuhlobeni bethu nabanye nasebuhlobeni bethu noBaba. Kulukhuni ukuthanda nokwazi abanye ngendlela uNkulunkulu asithanda ngayo. Ngoba bavama ukungabi yilokho esifisa abeyikhona mhlawumbe basihleke nokusihleka. Senza zonke lezizinto kuyena ugobo uNkulunkulu kodwa phinde asilahle okwenyongo yenyathi.

Ukhona owake wathi, "siphile ngesikhathi esisibolekiwe". Isikhathi esifushane lapha emhlabeni kepha kukhona okuningi okufanele sikwenze. Ngicela ukuba ngaloKhisimusi singacabanga kuphela ngothando lukaNkulunkulu kithina kodwa ngokusabela kwethu kulona.

Asilinge ukuphila impilo ka-Khisimusi yokuzwana nokuzwelana neyokukhonzana. Naloke uthando lukaNkulunkulu kithina luyakusiguqula nomuzi wakhe nakhelene nabo nesizwe sakhe. Uma nilwenza uthando luhamba njengamagasi

amancane echibini anwebekayo ande nechibi azayofika ekugcineni kwalo. Amagagasi okuqala wawaqala u-Nkulunkulu ngoKhisimusi wokuqala. Uyawaqhuba amagagasi lawo njengesigodo emfuleni noma nawe ufanisana nawo impilo yakho iyanwebeka yenabele kwabanye?

Nginifisela uKhisimusi Omuhle Nonke.

H. W. B.

AMAXOXO EIKHWEZI

Ikhwezi libingelela bonke abafundi balo ngaloKhisimusi nakubantu bonke abahlezi ezindaweni zikaKhomishani nabahlobo abangekho kuzona libafisela intokozo nokuthula kulonyaka ozayo.

* * *

Uma sekusondela ukuphela kwo-nyaka imicabango yethu yobuhleli ikhumbula ukuthi kuphela nomunye unyaka wobukhulu beIkhwezi, ngoba ngabo bonke oJanuary iKhomishani kuye kusweleke inqume ukuthi kusafanele na ukuba "lingane" iqhubeka futhi ezinye izinyanga eziyi 12. Sethembe ukuthi lenyanga ezayo uJanuary, 1952, isokhomba ukhwazi wokuthi sisazoqhubeka futhi - kodwa konke kusezithebeni zamakhosi.

Kodwa yinye into esobala, ukuthi singebe nawo amandla okukhipha Ikhwezi nyanga zonke ngalonyaka ozayo. Eskundleni sokuba liphume ezibdaweni ze-Khomishani nyanga zonke manje "ingane" lena ingase iphume niyithole mhlawumbe emuva kwamasonto amahlanu noma ayisithupha. Iyacele "ingane" lena ukuba lokho kunganijiyezi zihlobo ekuyithandaneni. Ucele izihlobo zakhe ukuba zinamathele njalo kuyena kanye neKhomishani kanye nezinye izihlobo ngezinhla zakhe.

Izolonga ukwenza engakwenza uma iphuma initshela ukuthi Ikhwezi elilandelayo liyophuma nini. Okwanamuhla icela izihlobo zayo ukuba zilindele elinye Ikhwezi phakathi kukaJanuary 28 no February 4, 1952.

* * *

Ukukhwabula, Ikhwezi libonga bonke abahlobo balo ngo1951 ngokwethembeka kulona nangokubambisana ngokuzwana nangomoya omuhle. Uyababonga ngempela abalobeli bezigodi nalabo abalisakazayo nabalihumushayo nalabo abasizayo-nje ngokulithanda. Kubobonke laba uphile ngabo okuthi ukuqhubeka kwakhe kungabo.

Ngakhoke, "ingane" yenu ithi IYABONGA.

UBUWAZI-NJE?

UKUTHI sengathi kukhona umfutho owenziwayo eAshdown wokuphamba isikole sakusihlwa? Kasikezwa ngokweqiniso kodwa sethamba ukuthi lomfutho oncomekayo uzoqala ngenkuthalo enhle ubeyimikhwazi yamathuba abanzi nahlukeneyo emfundo yaMadala eEdendale.

* * *

UKUTHI umoya omuhle wemidlalo sengathi uyantuleka ngalezizin-suku? Sizwa kubikwa amatshe namagabha ajikijelwa kubadlali emagrawundini sizwa ngawoNompembe bebhola beshaywa ngabadlali, sizwe nangezibukeli sezixabana zodwa uma umdlalo sewulahla abakubo. Umlobeli wethu wemidlalo usethembise ukusilobela ngalendaba kwelinye iphephaphapha lethu. Okwamanje ngomusa we"News of the Month", iphepha elisakazwa ngabakaNdaba zaBantu eBulawayo, siweza lendaba emnandi esephepheni lelo ngomdlalo wesibhakela okade ukhona wama-Ndebele:-

"Kuyancomeka ukuziphatha kahle kwabamnyama emdlalweni wonyaka. Kuyiqiniso ukuthi izinqumo zabaphe-the imidlalo zabe zisobala kungekho isizathu sokuba kubekhona ukusola, kodwa noma kunjalo ababekhona bayakubabaza ukuziphatha kahle kwabantu. Umdlalo wesibhakela noma ungakejwayeleki kithina, unedumela wona, baningi abakhumbulayo ngemidlalo yesibhakela ebeyibakhona eduze nelokishi ngeminyaka edlulile lapho zazishayana zifake namaqupha ezinsimbi eminweni zifake namasongo ezingalweni nezinye "izikhali" ezinjalo okwabe kuthiwa kudlalwa ngazo izibhakela. Balimala abanengi kuleyomidlalo, kodwa manje njengoba umdlalo wesi-

bhakela sewuhamba ngemithetho yesibhakela umuntu usengahamba nomkakhe nezingane zakhe bayo-zithokozisa ntambama. Kodwa kwenzeke into ebuhlungu ngamasonto adlulile emuva kwomdlalo wamafayinela, lapho sabona sekutheleka amatshe, kungenziwa lokho ngoba isinqumo samajaji omdlalo besisola, kodwa ngoba abanye babevuna owakubo bengasabuboni ubuhle bomdlalo walowo okwathiwa unqobile.

Kuhle khona ukuvuna owakini noma iclub yakini, kodwa kakufanele lokho kubangele ukuziphatha kwenu kabi njengalendlela okuzishaya ubulwane nobudlova. Sibokhumbula ukuthi uNompempe kakhethi muntu. Nguyena okwaziyo ukubona kahle onqobile ubabona kahle abadlali ngaphezu kwezibukeli.

Ngokujikijela amatshe noma nangayiphi enye indlela yokusola singethole lutho olubongekayo, kungavela ububi abantu balimale, belinyazwa ngamatshe nayizixuku okuye kuthi uma kusuka isidumo ziminyane ziye ngapha nangapha. MASIZIPHATHE NJENGABANTU KUNGBINJENGEZILWANE."

LAPHA NA LAPHAYA

Ezase EDENDALE

Ikhwezi lithokozela ukuthola umbhaleli omusha - uNkosz. V. Mngoma wase Macibise - osithumela udaba oluthokozisayo lomgidi wosuku lokuzalwa komuntu kulesigodi:-

"Nge Sonto ziu 14 October, sibe nentambama emtoti emzini ka-Mnu. no Nksk. E. Ndwandwa, ku usuku lokuba intombi yabo isikhulile le enkulu kuzo zonke u Eunice Sibusisiwe.

Umdlalo wabuphethwe ngendlela enhle nenesizotha uMnu. E. S. B. Msimang. Sezwa izinkulumbo ezimnandi zao Mn. Thusi, onguTisha omkhulu wase Ashdown Secondary, Mn. Ntsikeni, isihlobo sakhona, uMn. Zulu nabanye. Ngemva kwaloko uEunice wanikwa ikhekhe elinezibane ezizulu unina, wawacima onke lawo makhandlela.

Ngemva kwaloko uMn. Msimang wabe esefunda izincingo wanikeza nezipho. Phakathi kwababekhona kwaba ilaba: uMn. no Nksk. D. Moyo, uMn. no Nksk. M. H. Kunene,

uMn. no Nksk. P. Xakaza, uMn. no Nksk. R. Kuzwayo, uMn. no Nksk. G. Thobeka, amaKsk. M. Caluza, K. Ngcano, M. H. S. Msimang, B. Kunene, C. J. Mpanza, no Nurse M. Mngadi, L. Mtshali, E. Vezi, no-Nksk. C. Mkize, M. Molefe, E. Ngcobo, E. Khanyi, no B. Phungula, nabaNum. P. Zulu, A. Zulu, A. Zondi, M. Ally, W. Ntwana no S. Msimang.

Ukuqokumbela umsebenzi othokozisayo, kwathi kusihlwa kwayiwa ukudlala imidlalo nokuphuza ezimnandi eAfrican Restaurant, okwabe kulungiswe uMn. P. Zulu.

Sibonga bonke abasiza ukwenza lolusuku luphumelele ngoba babekhona, sibonga nezipho nezifiselo ezathunyelwayo."

* * *

Isihlobo sethu uSomkanda usephinde wasithumela izimpau zakhe ezihlamusayo zesigodi. Naye usinika inchazelo enhle ngomdlalo wokukhula kuka Eunice eseyidlelewe isikhundla esingasenako ngenxa yesikhala ukuyifaka. Ubhala ethi:

"KwaMACIBISE :

Isikompulazi sesiyayihlubula ingubo yaso engamanikiniki, sesi-gala ukwembatha entsha. Imizi emibili esanda kungena ezindlini ezintsha (ezinhle ngempela) umuzi wakwa Thobela nomuzi ka Cele. Sethemba ukuthi amazwi amahle enziwe uNksk. Mavis Ndaba ezinhleni zellanga lomhla we 24 November bawafunde bonke nokuthi azolandelwa ngabanengi. Uthe uNksk. Ndaba 'Kufuneka siveze imizi emihle nendawo siyenze ibukeke'. Labo ke abasezokwakha izindlu ezintsha eSkomplazi noma kukuphi nje eEdendale, sengathi bangenza neono kunalezi esekukhulunywe ngazo.

Izindlu eEdendale zithanda ukufana. Zonke zinekhona ngaku vulandi. Ngani lungaveli omunye nohlobo olunye na?

Okunye iloku : Indawo yakwa-Macibise kayinayo imithi. Kungenjani abakhi bezindlu ezintsha baqale bona ukutshala imithi enezithelo noma ehlobisayo nje. Abafuna ukwazi bangakuthola ngaphandle kwemali ehovisi lika Njiniya we Khomisheni. Yinto enhle ukuba ikhaya libe nemithi. Akeubone ubuhle bendawo yeNichols Schools ezingezwe imithi eGeorge-

town.

* * *

uMn. F. J. Mazibuko, iphini likaSihlalo we Advisory Board yase Edendale, usephumule kumsebenzi wobubhalane behovisi likaNda-bazabantu omkhulu ngemva kweminyaka engu 26 engazange ayeke. Usebenze phansi kaNdabazabantu abakhulu abahlanu - sizwa ukuthi kazange ake abe nezwi eliphambene nabo.

Mdla evaleliswayo uMajor Liefeldt, uNdabazabantu omkhulu, wambonga ngomsebenzi wakhe othembekile, nononelele noqinisekile awenza phansi kophiko lomnyango weNdabazabantu kuyo yonke leminyaka. Nawo amaAfrica abesebenza kanye nawo ambonga ngamazwi afanele, izikhulumu eziphambili ku abaNu. Mpanza no Goba.

Wavaleliswa ngewashi lengalo ibandla labelungu ukuze angasikholelwa isikhathi ethethe ikhefu, ama-Afrika wona amnika isikhwama sezincwadi lapho odamane efaka khona izinkathazo zakhe.

Siyakubongela Ndoda."

* * *

"DAMBUZA ROAD :

Siyayibonga iKhomisheni ngolungisa imgwaqo okuthiwa iDambuza Road. Lomgwaqo uqonde aMt. Partridge usuhlangana ne Edendale Station. Abantu abakhele lomgwaqo sebezobanakho ukuba nezingola ezizohamba kuwo ukuhlangabeza izindingo zabo. Sethemba enye yamabhasi iyongena kulomgwaqo ukuya eTawini ngokwedlula kwaPata noMacibise enhla naye ukuyophuma eEdendale Station usuqonde eSinatinga noma eEdendale.

* * *

"ASHDOWN :

Amalungu amasha eAshdown Advisory Board ngo : Abarn. A. N. Kumalo (uMbhali), N. Myaka, A. Ngcobo, E. S. B. Msimang, N. Mnyandu no F. Makatini. Sizwa ukuthi umhlangano wama Advisory Board eNyonyana wobase Thekwini ukusuka ngomhla we 4 kuze kube 7 January, 1952, nokuthi iBoard yase Ashdown yomelwa ngawo A. N.

Kumalo no E. S. B. Msimang."

* * *

"Kwake kwezwakala kuzo izinhla zaleliphepha ukuthi sekuqanjwe iRatepayers' Association kulendawo. Sengathi kungake kuzwakale ekwenzayo nokuqhuba kwayo."

* * *

"Izixukwana zabafana abadlala amadayisi phansi kwemithi ekhanyisiwe kusihlwa ziya zikhula ngokwanda nangobunengi nangokwehlukana kweminyaka yobudala. Isimo esingesihle neze leso okufuneka sithikimezwe manje, ungeka ngeni nje umkhuba omubi wobugola osuphethe kabi izakhamuzi kwelaseGoli nase mizini yabantu nase maphetheleweni. Lelibandla elisha lama Ratepayers lobe lenza umsebenzi omuhle kakhulu uma lingaqala ukwenza ama club kube ilona elongamela imidlalo ezindaweni zonke zokudlala."

* * *

Abaculi okuthiwa iGeorgetown Glee Singers babe nekhonsathi esikoleni sase Ashdown ekupheleni kweyanga. Ibutho labantu abasha abafundiswa bephethwe uqweqwe uMnu. George Mtinkulu ongase Diphini. Ekuvuleni kwakhe uMnu. Mtinkulu uthe lelibutho kalizanga kuculela imali kodwa ukunikela abantu ubunandi bomculo okothi nabo bazuze okukhulu emoyeni. Kuthe la omunye enikela ngosheleni ecela ukuba kaphindwe iculo, wayinqaba imali kodwa waliphinda iculo. Inhloso enkulu wakhe ukuba kuqambeke ukuncintisana ngokucula eEdendale. Usole kakhulu ukuba umculo ophakeme isikhundla sawo sithathwe iJayivi nen-yoluka. Ngoba yena akholwa ukuba umuntu abedamane esila kodwa abengenzi lutho, useqambe lelibutho lengoma alifundisa amaculo aphambili ezincwadi zamasonto nakwenzinye.

Labo abavungama behleli kababonele kuMnu. Mtinkulu."

* * *

"GEORGETOWN :

Umhlangano wabazali owaphumelela kahle kakhulu ubuhlangene

endlini yesonto lase Weseli eku-
thwaseni kwenyanga. Kuhleli
esihlalweni uSihlalo we Komidi
lesikole uMnu. T. M. Kanyile.
Ikomidi ebeseliphelelwe isikhathi
labuyiselwa lonke kwaba ilaba :
Mn. T. M. Kanyile (uSihlalo),
Abanum. P. E. Radebe, no. R. R. R.
Bengane (abaBhali), AmaKsk, L. N.
Msimang, E. C. Mpanza nabaNum. M.
Mtinkulu no R. Kuzwayo, kwase
kungena ilungu elisha uMnu. H.
S. Msimang othathe indawo kaMnu.
J. Dhlamini oyekile.

Ngemva kokhetho kungene udaba
lweyunifomo yabantwana besikole,
nokuba kulungiswe izindlu zesi-
kole nokunye.

* * *

Incwadi ka Somkanda igcina
ngokulayeza ngokukhulu ukuba ku-
qanjwe ama Ratepayers' Associations
kulesigodi engakugali loko ngoba
sewake wakukhankanya ngaphambili
ethi Ikhwezi kalibhale incwadi
ngamabandla anjalo, nangokwakhi-
wa kwawo nanokukusebenza. Sitho-
koza ukusho ukuthi ilungu labase-
benzela iKhomisheni lizokwenza
loko okophuma ephepheni elizayo.

EZASEWASCHBANK

UTHath' ufak' esakeni uloba
uthi:-

"Izikole zesigodi saseWaschbank
bezinomculo wonyaka wesibili ngo-
November 6 eholweni yesikole sase-
Waschbank Government School.
Kukuhle kudelile indlu igcwele
ikhandene. Nanka amakwaya aye-
hlabelela : Tholeni, Inkunzi,
Ladysmith, Hlatikulu, Ruigtefon-
tein neWaschbank.

Izikole ezinkulu zihlabelela
elithi, "The Sea hath its Pearls"
ziculela indebe ka Mrs. A. F.
Maharaj. Ezincane ziculela
indebe yeSchool Committee zicula
elithi, "In this Hour of Softened
Spendour". Izingane zincane
kakhulu zicula elithi 'UBaba wethu
osezulwini'. Zacula kahle zonke
izingane phezu kwokulukhuni bama-
culo azo. Ezincane zalicula
kahle elithi, 'In this Hour', noma
iculo kungasilona lezingane ezin-
cane. Kufanele kubhekisiswe
ukubanjwa kwamazwi nokuphumisa
izinhlanvu zamagama.

Abamuzana F. E. Mqadi, D. S.
Yeni (Umhlooli wezikole) noN. M.
Nomvete, B.A., babengamaJaji.
Wakhuluma kakhle uMn. Mqadi ngama-
culo onke echaza okwabangela ik-
waya ngayinye ingobe esho nokwayi-
tholisa imiklomela.

Kwaphumelela : Waschbank
Higher Primary, Ladysmith Lower
Primary ne Tholeni Sub-Primary.

Sibonga ngempumelelo lena uMn.
Dlangalala inhloko yasikole sase-
Maria Ratschitz owayengusihlalo
nakumaJaji nakuSchool Committee.

* * *

Umn. Frank Mathunjwa osebenza
eGoli uke wathi qu ngasekhaya
lapha. Usebuyele eGoli.

* * *

Siyathokoza ukubingelela uMn.
Barney Nyembezi, S.Sc., lapha
ekhaya. Kade eseDundee ushin-
shelwe lapha endaweni kaMn.
Matthews Zondi.

* * *

IPick ka D. & D. ibihambela e-
Dundee ngo November 11 ukuzo-
ngcweka noD. & D. walapha ukubona
inkunzi yesibaya. Bahlushwa
yizulu elibi abadlali kabanjika
kahle uJoe. Likhiza njalo, ku-
manzi phansi. Kodwa kwadlalwa
kahle wadlula uD. & D. waseThe-
kwini ngo 3 - 2. Sulani izin-
yembezi D. & D. wakithi niyicele
futhi inselele kuD & D. Sinabo
abadlali.

Ngalo usuku lolo kwahlangana
umhlangano weKhansele ya weSoseshe-
ni yalapha ithetha amacala abadlali.
Amanye ajeziswa kakhulu unyaka
wonke. Kuzobayisifundo leso ku-
wona.

* * *

Babebaningi abantu emdlalweni
wokugcina wamaRangers aseElands-
laagte namaWinter Roses aseBurn-
side. Kodlalewa ifayineli yoku-
qala selokhu waphenjwa loSosesheni.
Kudlalalelwa indebe kaT. P. Mqadi,
enkundleni yamandiya. Umdlalo
ushisa. Anqoba amaRangers ngo
3 nil.

AmaClub onke acelwa ukudlalela inkomishi kaMn. Lansdown iNkom-polo Menenjeli yasePlattberg-Newcastle Malahleni. Kwabe kubhekwe namaRebellions aseDundee ukuba adlale avinjelwa yizulu. Ngokubamanzi kwenkundla imidlalo kayaphela kahle. Izoqhutshwa ngo December 9.

* * *

Sifisela bonke abafundi bethu nabadlali bebhola izingane zezi-kole nawothisha nabantu abahlezi endaweni lena naye wonke uwonke uKhisimusi omuhle noNyaka oMusha weNtokozo.

EzaseHOWICK WEST.

Ikhwezi libonga uMn. P. Mpungose ngesindaba lezi:-

"Khisimusi : Kubantu bonke bendawo lena yeKhomishane iHowick West ibafisela uKhisimusi omuhle noNyaka omusha wentokozo.

Abantu baseHowick West balindele ngamehlo abomvu iHlala lika-Khisimusi elizabasemaHovisi e-Khomishani ngenkathi kaKhisimusi noma New Year bethemba ukuthi kuyobangumkhosi oyokwedlula owanyakenye. Izinto ezinjalo kazikejwayeleki kithina. Kodwa abantu balapha bayafuna ukuba kwenzeke okuhle okufana nalokhu, okukhombisa ukukhanya okufikayo lapha.

* * *

"UKUZWELANA :

Indawo lena izwelana noMn. noNkk. Govender baseQuail ngokuhanjelwayindodana uMn. noNkk. Zuma ngokushona kwendodana yabo encane ngalenyanga uMn. noNkk. Mcunu waseDale ngokulahlekelwa yindo dakazi bakwabanye abasosizini olunjalo ngalawamasonto.

Ngicabanga ukuthi bakhona bangakaluboni usizo abalutholayo ngoTuya eClinic ngolwesiBili, lwesisiNe lwesiHlanu.

* * *

"UKUBINGELELA :

Sibingelela uMn. Tulleken othathe indawo kaMn. Bond iHealth Inspector yethu. Sethemba ukuthi bazomsiza abantu bendawo ngokubambisana naye.

Sibingelela futhi uMn. James Tshawe wakwaKhomishani eHowick West oseluleme lokhu kade engenandi kahle empilweni.

* * *

"IMIFINO :

Noma zibiza kakhulu izilimo ngalezinsuku iClub lethu lemifino liqhuba kahle kakhulu noma ngenyanga edlulile sancipha isibalo samalungu.

* * *

"AMANZI :

Kusobala kuye wonke owesifazana womuzi ukuthi kakusekude bawathole kahle amanzi njengakwezinye izindawo zeKhomishani. Uma sibona izinto ezifana nalezi ezusizayo lapho sibona ukuthi kasitheliswa mahala.

* * *

"IBHOLA :

Ngo November 4 sabane Five-a-Side yebhola yenziwe yiHowick West Union Jacks F. B. C. kudlalelwa indebe enhle kaMessrs. Thakurdin Bros. amateamayengu 22 amafayineli adlalelwa ngoNovember 11. Kwawina amaTigers aselokishi laseHowick West anikezwa indebe nguMn. F. Ross iphini likaSihlalo wamaUnion Jacks F. C.

Ukulimala kwendebe mhla kwe-fayineli kwadabukisa. Kufanele amaSocial Workers aphembe imidlalo akhuthaze umoya wobuntu kubantu. Abantu bayayithanda imidlalo kodwa bantula ukufundiswa ukuyibuka ngeso lokuthi yimidlalo-nje."

UYAPHUMULA UMNU. F. J. MAZIBUKO

NGOMGQIBELO, November 3, 1951, sabe sisemkhosini wokuvalalisa uMnu. F. J. Mazibuko oseneminyaka engabalwayo esebenza kwaNdaba zaBantu. Omkhulu eMgungundhlovu obhala khona. Useyophumula ekhaya kwaMachibise. Umkhosi wabe wonganyelwe nguMajor M. L. C. Liefeldt, uNdaba zaBantu Omkhulu, kukhona nabamhlophe bezigaba zonke abasebenza kwaNdaba zaBantu. Nendlu emnyama ibuthene ngezinkani, abasebenza naye uMnu. Mazibuko kuleliHovisi naseMngeni Khotso kanye noquqaba lwezihlobo zakhe.

UMajor Liefeldt wabonga ukusebenza kukaMnu. Mazibuko isikhathi eside kakhulu kwaHulumeni eziphethe kahle ngokwethembeka ngenhlonipho nangokukhuthala. Wathi wabelusizo olukhulu kubona bonke kithi noma lukhona abakufunayo okubadukela kumaFiles babize yena abatholele khona ngoba esevazi kakhulu umsebenzi wakhe. Wathi njengoba eyeka-nje kakusho ukuthi useyawugeda umsebenzi wakhe yikhathi egala indima entsha ngoba namuhla imithetho kaHulumeni ezosebenza kubantu izoswela abaholi abakhaliphile babantu ukuba belwelke kahle abantu ngayo.

Angasiza lapho kakhulu uMnu. Mazibuko ngomqondo wakhe anawo namuhla wokwazi inkambiso

yakwaHulumeni. Wathi kabuyele kubantu bakubo abasize ngezehluleko aziqukethe ukuze nabo badonsele phambili. Wathi namuhla abantu sebethola amandla okuziphathela okwabo uMnu. Mazibuko angabasiza ngokwazi kwakhe imithetho nenqubo kaHulumeni. Zilukhuni izikhathi ezizayo ngoba kuzosweleka abantu bakwazi ukwelula izandla babambe esikaHulumeni. Kulapho uMnu. Mazibuko engabasiza khona.

Wathi abelungu abasebenza nabo bayamhlonipha kakhulu ngokuziphatha kahle kwakhe ngenhlonipho nokwethembeka emsebenzini ngakho bafisa ukukhombisa lokho ngesipho seWashi elihle kakhulu lasesandleni. Washo emxhawula ngesandla uMnu. Mazibuko emnika isipho sakhe. Kwaduma ihlombe.

Kwalandela iNduna uMnu. Zuma naye onenkonzongo ende ngokumangalisayo lapha kw'Omkhulu Wabongela uMnu. Mazibuko ukuba avaleliswe ngamakhosi ezwe ngoba kade eziphethe kahle phakathi kwawo.

Wathi okaNxamalala kazi neli-lodwa iphuzu elake vela ukuba uMnu. Mazibuko ayothethiswa icala esolwa ngokunga qhubi kahle umsebenzi wakhe. Wathi kayikho into eyedlula ukwethembeka nokuthobela uMbuso. Ngoba lokho kwenza ukuba isizwe sithole okuhle eMbusweni.

Wakhuluma waqothula uMnu. Zuma ngesizulu esihlwabusile nesiqothile impela kwamnandi endlebeni.

Kwagcina uMnu. Mazibuko owathi wabengalindele lutho olufana nalolu ngoba yena wabesebenzanje ngengabantu bonke. Uyaman-gala ebonga uma ebona esengelwa umkhosi ongaka. Wathi uyabona ukuthi mhlawumbe uphiwa iWashi-nje wake washiywa yibhasi wafika leyidi emsebenzini sebethi abakhulu abamuphe iWashi ukuze ngezikhathi ezizayo angaphindi abeleyidi. Kwadumaihlombe.

Waghubeka wathi noma bencoma ngokuthobeka kwakhe naye uncoma bona abamhlophe ayesebenza nabo ngoba nabo babemphethe ngobuntu nokuzwelana naye. Nabamnyama bakubo. Wagqizelela ekuthini akubanjiswane noHulumeni ngezikhathi zonke. Simthobele uluze naye asihloniphe. Wathi ekusebenzeni kwakhe isikhathi eside kangako kwaHulumeni uyabazi ubulu-lkhuni bomsebenzi wokubusa abantu.

Izwi alimisa ngesihloko ngelokuthi abasebenza kwaNdaba zaBantu nabanye abaphethe abantu bakubo kufanele babaphathe kahle abantu abafuna usizo kubona. Waliphinda uMazibuko wathi nibaphathe kahle abantu bakini uma befika kinina emahovisi bezofuna ukuba nabamhlophe babahloniphe abantu ngoba bebona behloniphana bodwa.

Wabonga nesipho esihle kakhulu esinikwa ngesandla sika Mnu. Zuma, iNduna, sesikhwama esihle esikhwayo sokuphatha amaphepha aseHovisi esilotshwe negama lakhe.

Kwathi emuva kwalokho ibandla lathokoza ngokuphuza okubandayo bekuhlenganise namakhekhe abelungu. Kwaba wusuku oluhle nolwabongela kakhulu.

IMICABANGO NGOKUFUNDA

Kuvela umahluko othile kubantu abaphilayo ngokudalwa esingalwinyayo. Yingako abantu bangahlu-

kaniswa isigaba zabantu abane zikhumba-ezimnyama nezimhlophe, abadala nabancane, abesilisa, abesifazana njalo njalo.

Kodwa ukhona omunye umahluko okhona kubantu ovela ngaphandle kungesiwona owadabuka ngemvelo. Uma sibuka umahluko wobuphofu nokunotha, wabakhululekile nababoshiweyo, abafundile nabangafundile, abasuthayo nabalambayo size bakwababi nabalungile, sibona obala ukuthi zigxilile lezizinto ezin-gumahluko. Siyazi ukuthi kazimiswa ngumthetho wemvelo. Sizwa ukuthi thina bantu abaphilayo siyathinteka kuzona, ukuthi yithina esazibangela izinto ezinjalo nokuthi yithina okufanele size-laphe uma zifuna umelaphi.

Indaba yabaProfithi nabantu ababeguqula izwe yindaba ekhomba abantu ababangafuni ukuyekela izinto zinjalo bezibuka sengathi zingeke zigugulwe. Thinake lun-tukazana kufanele sizikhumbuze njalo ukuthi lomahluko okhona phakathi kwabantu njengoba wadalwa yibona kufanele sazi ukuthi uyokwelshwa yibona futhi.

Okungumbuzo yikuthi sithin-tekaphi thina? Thina okungathi-wa sifana nabaprofithi labo? Impendlu ithi umahluko lona usemi-nyango yethu ngakho singaqala khona namuhla ukuveza amakhambi.

Omunye wayo imahluko lena yiwona lona esikhuluma ngawo esi-hlokweni sendaba lena. Abantu baseSouth Africa ngabafundile noma ngabangafundile. Kuyasi-jiyeza ukuthi iningi lethu ngabantu abangafundile. Kuyihlazo lakho nami nelabanye uma siku-yekela lokho. Thina abangafunda balobe lendaba kakufanele sikuzi-be lokhu ukungafundi kwabantu bakithi. Yinkinga ezeminyango yethu ngoba thina esikwaziyo ukufunda simi kahle ngakho kufanele siliveze ikhambi lokusiza abangalena abangakwazi ukufunda.

Umntu ofundile uyakwazi ukufunda alobe ayijwayele incwadi.

Umntu ongafundile kakwazi lokho. Ngakho ulula kakhulu uma esebhekene nezwe.

Isimo esibuhlungu sabangafundile sivezwa obala yiphepha elithiwa Race Relations News lika-September.

"Ngoba abanye bethu bayakwazi ukuloba nokufunda kasisababone

leli labo abangakwaziyo ukuthi basebunzimeni obungakanani. Kucishe kungabikho neyodwa into esiyenzayo ukungadingeki kuyona imfundo yethu, ukubheka ukuhamba kwezitimela kuma Time Tables namapulathifomu ezizohamba kuwona nokufunda incwadi evela kumhlobo wethu okude. Izinto ezinto ezifana nalezo abakwazi ukuzenza abakithi abangafundile. Kubonakala obala kulempilo yethu ukuthi umuntu ongakwazi ukufunda uphila kalukhuni ngempela kodwa kuthiwa baningi kakhulu abantu abangafundile kulelizwe laseSouth Africa".

UHulumeni uchitha imali eyizigidi ukuqeda lomahluko. Ama-bandla afana nawo aweRace Relations nabeNational Health Foundation nabaphemba izikole zakusihlwa nawothisha abafundisayo ngaphandle kwamaholo bonke labo benza abangakwenza ukususa komthwalo kubantu bakithi. Thinake senzani? Singenzani?

Okwokuqala kufanele sifune iqiniso. Noma yenziwa imizamo, izikole nawothisha kabakaneli, bakhona nabazali abangenawo amandla okuyisa izingane ezikoleni, kukhona izinkulungwane zabangafundile asebebadala abangasenakufunda, nezinkulungwane ezingeke zifunde ngezizathu ezithile nabanye abangeke bafunde ngezindlela ezimisiweyo.

Kusobalake ukuthi kufanele bafunelwe ezinye izindlela zokubafundisa. Kulaphoke abafana nathi abafundile singena khona. Thina singasiza nathi ngeyethu imizamo kulabo abasizayo ngezindlela, esizivezile.

Uma sizimisela ukuthi omunye wethu ofundile alinge ukuba afundise abemunye-nje ongafundile kungenzeka impela ukuba esikhathini semihla yethu sibone ubungcono obukhulu ekufundeni kwabantu bakithi.

Singakwenza lokho. Bakhona abanye bethu abakwenzayo njengoba silona-nje - abaninimisebenzi abafundisa izisebenzi zabo ukufunda nokuloba abazithengela izincwadi zokufunda, nezisebenzi ezifundisa ezinye nabanye abafundisa abanye ukuloba amagama abo bonke laba bayasikhombisa nabo bezikhombisa ukuthi banomoya wozwela.

KUFANELE SIBALANDELE. Uma nengabafundisa angakwazi nathi

singakwenza lokho. Ukusiza kwethu nezindlela ezingabafundisa ngazi ziyokuya ngokuma kwethu nangamandla ethu. Abanye bethu mhlawumbe kabafundile nabo kakhulu ngakho singeke sibafundise kakhulu labo asibasizayo kodwa singasiza ngokuzama ngayona leyondlela.

Inkinga eseminyango yethu. Uma singena kulonyaka 1952 masizimisele ukuthi ngawo omunye ngamunye wethu uzolinga ukufundisa omunye ongafundile ukuba naye atholozele ukuba phakathi kwabafundile.

M. L.

USIZO LWAMANZI KUBANTU BONKE

Amanzi amahle acwebile abafanele abantu kakhulu afana nokuthola njalo umuthi nokudla okuhle nokuhlanzeka. Enye yezinjongo ezimqoka zeKhomishani wukuthola lelithuba lamanzi.

Yilabo kuphela abangazange bawaphuze amanzi ompompi abaye babajule kakhulu uma bephuza amanzi ompompi. Kodwa abanye asebebajwayele ompompi kabakushayimkhuba lokho. Kulelizwe laseSouth Africa amanzi ayinto enkulu nokuthuthuka kwezwe leli kugximeke kuwona amanzi. Ukwahlukana kwezizwe nokwakhiwa kwalo leli kwokugqagqana kwezizwe kubangela kubelukhuni ukwonga amanzi nokuba asetshenziswe ngezindlela zokwonga.

Lapho etholakalakhona amanzi kufanele siwasebenzise ngokucophelela. Ukusebenzisa kahle kuyinto enhle ngoba akhokhelwa ngabantu bonke. Kodwa umuntu odlala ngawo nguyena odlala ngemali yabantu abathelela amanzi.

Kakusho lokhu ukuthi umuntu kabeyinqonela namanzi. Kufanele abantu bakuthazwe ukuwasebenzisa ngempela amanzi ekuphekeni nasezintweni ezimqoka ngoba akhombisa ukuhlanzeka.

Phuza amanzi amaningi akwedlula konke okuphuzwayo ekuzezeni igazi ngaphakathi. Geza ngawo umzimba. Avimbela iphunga nezifo nezenzo ezingcolile. Geza izingubo zakho ngamanzi. Kawusizi umzimba uhlanzekile ngaphakathi nangaphandle uma wevathe izingubo ezingcolile. Sebenzisa amanzi ugeze izitsha zokudla nezokupheka.

Kulukhuni ukwenza lokhu uma onke amanzi ozowasebenzisa ezofika ngephayiphi. Uma kwenzeka kufanele amanzi angene ezindlini zenu ezindaweni zeKhomishani lapho kungenzeka lokhu kuzona. Kulula. Zikhona izincwadi zokucela ukuba amanzi angene ekhaya lakho. Kulotshwe konke kuzona okusweleke ukulobe, ungazithola eMnyango weNjininyela bayokusiza uzigcwalise.

Uma sewulugcwalisile iphepha lelo uSpekithela wenza umbiko wakhe bese uyatshelwa okufanele ukwenze uma uzowathola amanzi. Bese uthela imali usugala umsebenzi. Intela iya ngobukhulu bamanzi owafunayo okubangela ubukhulu bephayiphi elizowethwala nokuthi uzowenzani amanzi. Emuva kwokukhokha imali yezinyanga ezimbili yamanzi ayafika amanzi.

Empeleni ngumninindawo okufanele athelele amanzi ngoba ukubakhona kwawo kuthuthukisa indawo yakhe beseke lowo ohlezi endlini noma ngumqashi noma ngumniniyo athelele amanzi asetshenziswayo. Kodwa naye oqashile angawathola amanzi uma umninindawo engafuni uma yena ethelela kufakwa kwephayiphi, kodwa kufanele acele kuqala kumninindawo.

Khumbulani lokhu. IKhomishani iletha amanzi emceleni wendawo kuphela lowo owafunayo ukhokhela amaphayiphi nompompi nokunye endaweni layo. Kubonakala ukuthi umuntu ofuna amanzi engene endaweni yakhe kunzima kuyena ngasemalini ngoba laphaya emimpompini esemgwaqweni amanzi atholwa mahala. Kwenziwa ngoba iKhomishani kayikenzi ukuba amanzi athelelwe ngemali nangamarates noma yikuphi okuyomiswa ima sekusebenza imithetho yamanzi. Uma seyisebenza, onamanzi endlini wonanelungelo elihle. Kufaneleke namuhla ithuba leli lokungenisa amanzi ezindaweni zenu nilenze ngoba kusekuncane kwokuwangenisa ngoba amaphayiphi nezinye izinsimbi kazitholakali kahle. WASONDEZENI MANJE AMANZI EZINDLINI ZENU.

Nginikhumbuze ngamanzi asemigwaqweni. Kuvamile abantu bageze izitsha zabo kuqala bengakawakhi amanzi. Kufanele ngo lokhu mhlawumbe kodwa khumbulani uma nizigeza niwasaphaze amanzi ngoba uma emi ndawonye abanga ukungcola nezifo. Niyokukhumbula lokhu?

Ngiyabonga.

S. NEWMARK,
ENGINEER.

USUKA LWENGQUNGQUTHELA YEMI-DLALO WEZIKOLE ZONKE ESIFUNDENI SASE EDENDALE NAMAPHE-THELO AWO.

Phansi kwegunya le Y.M.C.A. ngomgqibelo ziwu 8, 1951.

Ngomgqibelo ziwu 8 December izulu laliphendukile linomkhizo oqinile kodwa ngeminye imizuzwana lalikuye lixhole.

Noko ke kukho konke lokho butizatiza bemvula, imidlalo yokuqala ngesandla seY.M.C.A. yaka nempumelelo enkulu kuba siki bebunda. Kuzwakala ukuthi abantu ababekhona babesakela emakhulwini amahlanu emaphethelweni emidlalo.

Imidlala yema kanje:-

Eboleni kubafana asebekhulile:

IEdendale yahlula iCaluza ngo 2 - 0. Lomdlalo wawushisa ngempela, abadlali bedlala ngokukhulu ukuzimisela. Zibulalana kwaze kwaphela isikathi kungaziwa ukuthi izozala nkomoni. Baze banikwa esinye isikathi, laphoke iEdendale yathola ukucusha ngamagoli amabili.

Eboleni kubafana abancane:

IHenriville neCaluza kulezikole kwafumaniseka ukuthi zindala zombili 1 - 1. Kuyancomeka kakhulu ukudlala kwabafana abancane kakhulu base Henriville.

Emidlalweni yamantombazane ye-Basket Ball.

Kuyo yonke imidlalo isikole sakwa-Caluzi sabula amazolo.

Yema kanje imidlalo:-

Abakhulu : Caluza 19 Ashdown 4
Abancane : Caluza 22 Ashdown 5

Ngaphambi kokunikelwa kwemiklomo inikezwa labo abaphumelela emidlalweni kwakhuluma uMnumzane C. A. B. Peck umongameli omkhulu weY.M.C.A. esifundeni saseMgungundhlovu. uMnumzane Brown usebenzela isihle se Y.M.C.A. waphonsa amazwana ngezinto ezijongwe ileli bandla Y.M.C.A. esifundeni saseEdendale.

Ekuphetheni kwakhe ukukhuluma wathi akwaziswe labo abangekho ukuthi ibola lidlalwa njalo enkundleni yebola eGeorgetown ngemigqibelo ekuseni naseAshdown

ntambama. Uma kubonakala ukuthi kunokudingeka ukuthi lemidlalo yenziwe ngesonto ayenziwa amalungiselelo naphakathi kwesonto.

Ngako ke yizani nizo sazisa ukuthi nifuna nini ukudlala.

Collection Number: AD2533

Collection Name: South African Institute of Race Relations, Collection of publications, 1932-1979

PUBLISHER:

Publisher: Historical Papers Research Archive, University of the Witwatersrand, Johannesburg, South Africa

Location: Johannesburg

©2017

LEGAL NOTICES:

Copyright Notice: All materials on the Historical Papers website are protected by South African copyright law and may not be reproduced, distributed, transmitted, displayed, or otherwise published in any format, without the prior written permission of the copyright owner.

Disclaimer and Terms of Use: Provided that you maintain all copyright and other notices contained therein, you may download material (one machine readable copy and one print copy per page) for your personal and/or educational non-commercial use only.

This collection forms part of the archive of the South African Institute of Race Relations (SAIRR), held at the Historical Papers Research Archive, University of the Witwatersrand, Johannesburg, South Africa.